# ISikhathi Sokuvuna

Ngiyabonga, Mfowethu Williams. Sanibona ekuseni, bangani. Kuyinhlanhla ukuba lapha kulokhu ukusa. Nokuba nokwethulwa okunjengalokhu, kusalokhu kungenza ngizizwe ngimncane kakhulu. Futhi ngi. . .ngibonge kakhulu ngalelithuba lokufika, kulokhu ukusa, ePhoenix.

2 Ngiyakhumbula ngenkathi ngiqala ukufika ePhoenix, ngangithi angibe neminyaka eyishumi nesikhombisa ubudala. Impela isikhulile kusukela ngalesosikhathi. Phandle kulokhu ukusa lapho singena ePhoenix, bekul'khuni ukuthi sisho ngenkathi sisuka eTucson sasesifika ePhoenix. Kucishe impela kwabophana ndawonye, izindawo eziningi kakhulu evumbukile. Izindawo lapho esasivame ukuphumela khona lapha futhi ngisho nokugijimisa izimbongolo ezincane ogwadule, futhi manje sekunamahhotela abahamba ngezimoto nezitolo ezithengisa izinto zosheleni, kanjalonjalo. Futhi, kusobala, lokho kungenza ngibe ngogugile.

3 Bese-ke ngihlala phansi lapha eduze komfowethu olungileyo lapha, uMfowethu Valdez, ngase ngi—ngithi, "Awu, mfowethu. . ." Besixoxa, ngase ngithi, "Awu, kusobala, sengigugile." Ngathi, "Ngiyakuqonda lokho, amamayela ami ayakhula." Ngathi, "Linda uze ufike ebangeni lami lobudala," noma into enjengaleyo. Ngi—ngimangele ukwazi ukuthi cishe ubemdala ngeminyaka eyishumi nambili kunami. Ngakho, mina, ngase-ke ngizwa ngingcono kakhulu-ke. Ngathi, "Mfowethu Valdez, ngifuna u. . .Sekuyisikhathi esingakanani ushumayela iVangeli na?"

Wathi, "Iminyaka engamashumi amahlanu."

4 Awu, ngangisengumntwana omncane kakhulu ngenkathi eshumayela. Ngakho ngathi, "Ngifisa sengathi ubungathatha inkonzo nje kulokhu ukusa, Mfowethu Valdez." Ngathi, "Ngi—ngiseyinsizwa," ngathi, "Ngiyakuzonda ukuthi ukuhlala phezulu lapha futhi ngizame ukukhuluma," ngathi, "amalunga ami amadala."

5 Futhi wavele wahleka, wathi, "Ucabanga ukuthi bengishayelelani ngehlela lapha na?"

6 Ngakho ngibonga kakhulu ngoMfowethu Valdez. Ubengitshela ngokuba nekhaya lokuphumula phandle lapha. Lokho ku—lokho kuhle ngempela. Ngiyakuthokozela lokho. Wangimemela phandle ukuba ngize futhi ngivakashe nabo ngesinye isikhathi. Futhi kuphandle lapha ngaseNew River. Angazi ukuthi ngabe noma yimuphi omunye wenu uyazi ukuthi kukuphi, noma qha. Ngiqinisekile, uma uValdez esemva kwakho, kulungile.

7 Ngakho manje-ke, ngaso sonke isikhathi ngifika engqungqutheleni, ngokwejwayelekile ngihlangana nomunye umuntu o—ophiliswe ezinkonzweni noma okuthize. Futhi ngenkathi ngimi lapha etafuleni kulokhu ukusa, udade oligugu ehlezi ngapha, igama likaErb, uza lapha evela eMichigan. Indodana yakhe ingumsakazi lapha kulesisiteshi samaKristu. Futhi ubengitshela mayelana nokuba semhlanganweni emuva le eFlint, eMichigan. Wathola ikhadi lomkhuleko, futhi wayezama ukukhulekelwa, futhi akazange akwenze. Futhi ugula kakhulu impela. Futhi khona lapha kulokhu ukusa, ngikholwa ukuthi uNkulunkulu umphilisile owesifazane, emi khona lapha eceleni kwendawo.

8 Ngathi, "Seku s'khathi sini manje! Lokho sekuthi akube yishumi nambili, iminyaka eyishumi nane edlule, futhi manje edolobheni elithiwa iPhoenix, iPhoenix yinto eyakhiwe—yakhiwe ngokudilikileyo." Ngathi, "Awu, leyo yinto efanayo eyenzeke kuwe kulokhu ukusa. UNkulunkulu ukwakhile, ngiyakholwa, kulokhu ukusa, usuka e—empilweni edilikile kuya empilweni enhle."

9 Bengizwa nje izolo kusihlwa, izingcingo beluza, eziningi kakhulu. Sengingumakhelwane wakho manje, ngakhe eTucson nezingcingo bezininigi kakhulu angikwazanga ukuphuma ukuba ngizithole zonke, ngakho nje ngibakhulekela ngefoni. Futhi ba, manje-ke, badingeke nje bashiye izinombolo zabo.

10 Futhi bekunenenekazi, elineminyaka engamashumi ayisishiyagalombili-nesikhombisa ubudala, umKristu omdala, wayekade ephambene umqondo wakhe okwesikhashana. Wayesestradini, edazuluka, futhi ebiza amaphoyisa, ukuthi kukhona umuntu owayethathe ingane yakhe. Eneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili-nesikhombisa ubudala, niyabo, umqondo wakhe wawumshiyile. Futhi wayengowesifazane omdala othandekayo. Angikaze ngimazi empilweni yami. Futhi ngakho uBilly washaya ucingo, wayesethi, "Hamba masinyane uye emkhulekweni," wathi, "inenekazi likabi kakhulu, futhi bacabanga ukuthi lizokufa." Wathi, "Nje li . . . lisangene."

11 Ngase-ke nje ngibamba into yokulalela ucingo, ngase ngiya ekamelweni ngase ngikhuleka. Emizuzwaneni embalwa, wayelele. Wavuka, ephile ngokwejwayelekile, udla isapha yenkukhu egcwele, nawo wonke uayiskhrimu nekhekhe, emva kwakho. Ya.

12 Niyabo, uNkulunkulu uyazibusa. Unguye kakhulu ngempela, Anga . . . Awudingi ukuba ube lapho; nje—nje cela lokhu.

13 Ngikholwa ukuthi umholi wethu lapha, kulokhu ukusa, noma omunye, noma kumbe bekunguMfowethu Valdez

emkhulekweni wakhe, wathi, "Asinakho ngoba asiceli. Asiceli ngoba asikholwa."

14 Ngiyakuthokozela ukucula kwalababantu abasha lapha. Mfowethu Valdez, thina bantu abadala, besiphawula ngobuqotho baleyonsizwa yenza lobobufakazi, ukuthi yayimazi uJesu.

15 Manje siyazi ukuthi siyathola, izikhathi eziningi, lab'osicula ngabane abancane nokucula okuningi, ngi . . . leli ngelinye izwi lomfundisi, uMfowethu Valdez wathi, "Mhlawumbe bafika bengabazibeke phansi impela nje." Ngoba, babonakala sengathi, namhlanje, seku—sekuphenduka kube umbukiso esikhundleni sokuba—kuba ngubungcwele nobuqotho amaphentekoste ake abanabo.

16 Nobuqotho balababafana, ngi—ngikuthokozele lokho. INkosi inibusise bafana. Futhi bengi . . .

17 Anginkabunkabu kangako ngetelevishini. Njengoba nazi, ngimelene ngempela nayo. Futhi ngempela ngiqashe indawo ezansi eTucson size sithole indawo yethu isilungisiwe, lapho esiyoba nekhaya lethu selakhiwe lapho, iNkosi ithanda. Nenenekazi eliqashisa ngendlu, lingumngani okahle ongumKristu, kodwa laline—ne—netelevishini endlini. Awu, nginabantwana abasebancane, futhi niyazi ukuthi banjani, ngakho baphuthuma kuyo. Ngakho, ekuseni okuthi akube kubili okwedlule, ngenkathi ngisanda kungena nje ngivela ohambweni noMfowethu Stromei . . . Angazi noma uMfowethu Stromei ukhona yini kulokhu ukusa, noma qha, ungumongameli womkhandlu wezikhulu zesonto eTucson. Indodakazi yami encane, ehlezi emuva ngapha, yangibiza ukuba ngingene ngizobukela, yathi, "Sizovula itelevishini, abanye os'cula ngabane abaculayo," kumbe noma ngabe kwakuyini.

18 Awu, manje, ngingumgxeki okahle impela, futhi ngi—ngiyaxolisa ngalokho, kodwa ngi—ngi—ngingebe lutho kodwa lokho nje engenziwe khona. Uma ngenza into ephambene nokwenziwa kwami uqobo, ngingumzenzisi. Futhi bengingethande ukuba yilokho phambi kwenu bantu. Ngi—ngifuna nje ukuba yilokho engiyikho, bese kuthi-ke niyazi ukuthi simi kanjani. Futhi ngi—ngiqagele ngigxeka kakhudlwana impela.

19 Kodwa nganginakho nje enhliziyweni yami ukugxeka lokho, ngoba kwakubukeka nje kimi kufana nolunye uhlobo lweHollywood lokuzenzisa, inqwaba nje yokuqhubeka. Kwakungabonakali njengobungcwele okufanele kube yibo. Futhi bacula lawomahubo nge—ngesikhathi somculo wokuzibinya, futhi befake amahliphasi egolide. Futhi ngabe sekufike lapho iVangeli selibe ngumbukiso na? Ngani, mina, uma lokho kuyilokho, a—angifuni kwenza lutho ngakho. Ngifuna

into eyiyo ngempela futhi yangokoqobo, futhi sifuna ukuyigcina ngaleyondlela.

20 Manje, ngi—ngikholwa ukuthi ukushintshanisa lezi zombili khona lapha, bazalwane. Lokho, ningizwa kangcono manje na?

21 Manje, ngoMgqibelo ozayo ekuseni, iNkosi ithanda, nginenhlanhla enkulu yokukhuluma kwabomkhandlu wesonto, okwami kokuqala, eFlagstaff, eArizona. Umfowethu lapha, ngiyalikhohlwa nje igama lakhe, ungumongameli. [Umfowethu uthi, "Chester Earl."—Umhl.] UChester Earl, uMfowethu Chester Earl. Ngibe nethuba nje lokubonana naye kulokhu ukusa, ngenkathi nje ngixhawulana nomvangeli onomoya omuhle lapha waseNdiya, umfowethu ongumNdiya. Futhi uthe ekuseni ngoMgqibelo ozayo ngizokhuluma lapho. Nonke niyamenywa ngenhliziyo emhlophe ukuba nethamele lomhlangano. Sithemba ukuthi iNkosi izosibusisa.

22 Bese kuthi-ke ngoMsombuluko wobusuku obulandelayo, eTucson, yidili. INkosi inginike ukuhlonishwa ukuba ngikhulume ku...edilini ezansi lapho, usuku lwamashumi amabili-nanye luka—lukaDisemba, eTucson. Ngempela niyamenywa ngenhliziyo emhlophe ukuba nethamele lobobusuku bedili.

23 Bese kuthi-ke njengoba uMfowethu Williams ememezele ukuthi ngizobuyela lapha futhi, ukuthi nje ukuba yisisusa esincane ngaphambi kokuba ingqungquthela iqale.

24 Futhi, ngakho, ngabe ngithola ukuvimbeka okuthile lapho, Mfowethu Williams na? Kune...Uthini? Sekungcono lokho manje na? Lokho kungcono. Kuhle.

25 Impela ngithemba ukuthi abaningi benu bangasithola isikhathi sokuthamela owodwa, noma njalo ebusuku nasemini, komhlangano. Lowo, lowo uqala ziyishumi nesikhombisa, ngelesikhombisa, ngeSonto ntambama na? [Omunye uthi, "Ligamenxe elokuqala."—Umhl.] Ligamenxe elokuqala. Ligamenxe elokuqala, ngeSonto ntambama. Ngifuna ukusho futhi, uma iNkosi ithanda, ngizobe ngikhulekela abagulayo ku—ku—kuleyomihlangano, futhi ngenza konke engingakwenza ukunisiza.

26 Nabafowethu abangabefundisi lapha, kulokhu ukusa, basendaweni yasePhoenix. Isizathu sokuba ngize lapha kulelihholo, ngi...Njalo uma ngifika, ngijwayele ukwenza okuncane kwezwe elinokubonakala yonk'indawo ngas'khathi sinye, bese ngihamba ngijikeleza emabandleni, ibandla ngalinye. Bese-ke ngithola ukuthi kuthi ukubal'khuni, ngoba amanye amabandla athi ukuba mancane. Futhi impela asifuni ukushiya ngaphandle noma yimuphi umfowethu ngoba ibandla lakhe lilincane, futhi manje-ke kukwenza kube l'khuni, abantu abakwazi ukungena. Ngakho uma...Ngicabange ukuthi nje besizohlangana endaweni eyodwa bese ngiwunakekela mina,

bese nje sihlangana lapha futhi ngibe nenkonzo, inkonzo encane nje yokuvangela, bese ngikhulekela abagulayo nezinto. Ngaphambi . . .

27 Mhlawumbe uma ngifika ngale kulokhu okunye, lokhu kungcono ngapha na? [Omunye uthi, "Qhabo, leyo, leyo yiteyipu."—Umhl.] Leyo yiteyipu. Kulungile.

28 Mhlawumbe bekungangcono ka—kancane uma ngikwenze ngaleyondlela. Futhi ngifuna abazalwane bami lapha, bamabandla, abelusi lapha ePhoenix, ukuba bazi ukuthi yingalesosizathu senze lokhu, ukuza lapha kulelihholo, ukuze sonke sikwazi ukuhlangana ndawonye endaweni eyodwa ethize. Futhi ningeke nakwazi ukufinyelela kubo bonke abazalwane, kunabaningi kakhulu babo. Nibonile ukuthi yini emile kulokhu ukusa, futhi mhlambe lowo akusiwo uhhafu wabo. Ngakho ningebathole bonke ezinsukwini ezimbalwa esinazo lapha, ngaphambili, kube ngaphambi kwengqungquthela.

29 Futhi ngiqinisekile sizoba nesikhathi esikhulu engqungqutheleni. Nizozwa izikhulumi ezinkulu. LoMfowethu Cash nguCash Hamburg, uHamburg. He, bangaki abake bamuzwa na? Impela uyi—uyisivunguvungu sasolwandle. Ya. Ngiyaxolisa, bengingafanele ngikusho ngaleyondlela. Lowo ngumfowethu, kodwa—kodwa, he, nganginaye ngesinye isikhathi. Niyazi, angiboni ukuthi nike nize kanjani ukuzongizwa, uma nizwa umfo onjalo. Angashumayela futhi akumqedi neze umoya wakhe. A—angazi ukuthi ukwenza kanjani, ngi . . . kodwa ngempela ukhipha inqwaba. Ngahamba naye engqungqutheleni yami yaseNew York, maduzane, futhi wayefuna ukungiyisa e—ekudleni kwakusihlwa emva komhlangano. Ngase ngiya endaweni, futhi ngase ngilungele ukuphuma ngenkathi umfowethu . . . Yena, washumayela konke phansi-naphezulu kwiphansi lendlu, nandawo zonke ngapha nangapha, kuwo wonke umuntu owayekhona phakathi lapho. Unesi—similo impela, kuye uqobo.

30 Futhi ngiqinisekile nizomthokozela umfowethu ovela eCalifornia, futhi. Ubani igama lakhe na? Angisalicabangi igama lakhe, lo ongomunye wezikhulumi. Ngi—ngiyalikhohlwa igama lakhe, futhi. Kodwa uyi—uyisikhulumi esinzima, futhi nizomjabulela. Kuzoba khona mhlawumbe izikhulumi ezinkulu lapho nje njengo, uyazi, uMfowethu Roberts nabaningi bendoda enkulu yalolusuku.

31 Ngakho, ngiyabonga ukucabanga ngomBhalo ofika emqondweni wami lapha ngalesisikhathi. Futhi ngesinye isikhathi uDavide wayebuka phandle emphongolweni weNkosi, ehlezi emathendeni. Futhi wathi . . . Wayehlezi nomprofethi, uNathani, wangalolosuku. Futhi ngakho wathi, "Kulungile yini ukuba ngihlale lapha endlini, ngihlale endlini yomsedari,

nomphongolo wesivumelwano weNkosi yami phansi kwethende na?"

32 Nomprofethi wathi kuye, "Yenza konke okusenhliziyweni yakho, Davide, ngoba uNkulunkulu unawe." Yilokho kuphela ayekwazi ukukusho.

33 Kodwa ngalobo busuku, iNkosi yahlangana nomprofethi, yayisithi, "Hamba, utshele inceku yami, uDavide, ukuthi Ngamthatha kulelodlelo, ekwaluseni lezozimvu ezimbalwa, uyazi, futhi ngimenze igama njengamadoda adumileyo," hhayi igama elikhulu kunawo onke, hhayi igama elidume kunawo onke, kodwa wambala namadoda adumileyo eyayisemhlabeni ngalesosikhathi.

34 Ngase ngicabanga, "Umusa kaNkulunkulu, kuDavide lapho!" Ngase ngicabanga, "Bengingakubala, qobo lwami. Ngenkathi ngithola inhlanhla yalolusuku esiphila kulo, izinsuku zokuvalwa komlando wezwe, nokubalwa phakathi kwendoda enjalo njengoba sithamela lemihlangano." Futhi iNkosi inibusise, kakhulu ngempela.

35 Manje, umngani wami olungileyo, uMfowethu Valdez, wathi, "Mfowethu Branham, ngifanele ngisuke nge, ngiyakholwa, ngemizuzu eyishumi nanhlanu kushaye eleshumi, noma ngemizuzu eyishumi nanhlanu lishayile eleshumi." Wathi, "Ngizoya ngale ekugcineni, ukuze ngingakuphazamisi—phazamisi ukhuluma." Uke waba semihlanganweni ngaphambili.

36 Ngi—ngithi ukunensa, futhi ngifanele ngicabange, niyazi, uma ngikhuluma. Futhi ngiyibhala phansi imiBhalo yami lapha, nenothi, mhlawumbe, kodwa manje-ke ngifanele ngibuyele emuva bese ngicabanga ukuthi iNkosi ingitshele ukuba ngithini, niyazi, ngifanele ngilindele Yona. Futhi ngithi ukunensa, ngakho ngiyethemba anginihlalisi isikhathi eside kakhulu, kulokhu ukusa.

37 Ngibuze uMfowethu Williams, ngathi, "Mfowethu Williams, nginesikhathi esingakanani na?" Ngathi, "Manje, benginomBhalo lapha ebengingakhuluma ngawo obungangithatha cishe nje imizuzu engamashumi amathathu, noma okuthize, bese ngidedela wonke umuntu bese ngiya ekhaya." Ngase ngithi, "Kodwa ngingathanda ukuba nesifundo esincane, uma kunokwenzeka," nakulokho engicabanga ukuthi lokho bekungaba yinto ethize yenu namhlanje, into ebeningaya nayo ekhaya, ukucabanga ngayo.

38 Futhi impela bengingeke ngivuke kulokhu ukusa ligamenxe elesithathu, noma imizuzu engamashumi amabili kushaye elesine, futhi ngilungele ukwenyukela lapha, ukuba nje ngibonwe. A—a—anginandaba nokubonwa. Ngi—ngiza lapha futhi ngatadisha izolo phezu kweminye imiBhalo enginayo ibhalwe phansi, into engiyikhulekele ngobuqotho, futhi

ngacabanga ukuthi mhlawumbe lokho, ngalokho, kungahle kusize omuny'umuntu. Ngi . . . Asinaso isikhathi semibukiso nemifanekiso. Si—sifanele sishone phansi emsebenzini. Ngikholwa ukuthi uJesu uza masinyane impela.

39 Futhi manje bayakuteyipa lokhu, futhi cishe omunye angahle ayithole iteyipu. Futhi ngingathanda ukwenza lesistatimende, ukuthi ngezinye izikhathi ngi . . . izikhathi eziningi angiqondakali ngempela. Futhi izikhathi eziningi abantu bayangibiza ngibuye, bathi, "Mfowethu Branham, ngabe kwakuyilokhu ukukhanya owawukuqondile lokho phakathi na?" Futhi ngezinye izikhathi yithina esisho into ethize, kodwa nifanele nazi, nisondele kukho ngesayense yokusebenzisa amagama ngokuyikho yilokho ebengikuqondile ngakho.

40 Futhi ngisho izinto ngesinye isikhathi ethe—ethe ukuphambana kancane mhlawumbe nenkolelo yomuny'umuntu, ngifuna nikuthole lokho ngokucacile manje, omuny' umuntu, lokho omuny'umuntu akukholwayo. Kodwa ngino—noMlayezo, angi . . . ovela eNkosini, engizwa ngaleyondlela ngawo. Abanye bangahle bezwe sengathi Uvela kudeveli. Abanye bangahle bezwe sengathi Ungumbhedo. Kodwa, kimi, ngukuPhila. Futhi angiqonde khona ukwehluka uma ngisho izinto ehlukile, noma mhlawumbe ethe ukulimaza kancane noma esikayo, kubantu. Angikuqondile ngaleyondlela. Mina—mina, uma ngikwenza, khona-ke ngingumzenzisi. Ngi—ngikusho ngendlela yenqubekela phambili, kuNkulunkulu. Ngikusho ngendlela yo—yo—yokuba nabantu ukuba bazi uNkulunkulu kangcono. Futhi angikusho ngenxa yokuthi kuyinto engiyenzile, uqobo lwami. Kuyinto engiyithola kuNkulunkulu.

41 Futhi manje uma kwenzeka ngikhuluma ngento ethize kunoma yiyiphi yalezizingqungquthela, elimaza abantu, noma . . . Uthi, "Angikukholwa Lokho ngaleyondlela."

Awu, bengihlala njalo ngenza lesisitatimende esinokwedelela. Nomkami ehlezi lapho engilalele, uyazi ukuthi akukho-mniningwane omkhulu kangako ngami. Ngi—ngi . . . Njengokuthi nje uma udla inkukhu, bese unqwamana nethambo. Manje, akukho-mthandi wenkukhu okahle oke alahle inkukhu ngoba bezithele ethanjeni. Uvele nje alahle ithambo, bese-ke eqhubeka edla inkukhu. Into efanayo ekudleni uphaya wamasheri. Uma ngizithela enhlamvini, a—a—angiwulahli neze uphaya, ngivele ngilahle inhlamvu. Ngakho . . .

42 Futhi engikusho lapha okungahle kubonakale sengathi, kunoma yimuphi wemihlangano yami, lokho okubonakala njengenhlamvu kini, awu, kubeke eceleni nje lokho bese, uthi, ukuvumele lokho kimi ngingazi kakhulu kangako ngakho njengoba ubufanele. Ngakho, manje-ke, qhubeka nje futhi udle lokho ocabanga ukuthi kulungile. Futhi ngizo . . .

43 Ngiyethemba manje ukuthi iNkosi izobusisa iZwi laYo. Ngiyikholwa eligxilile eZwini, neZwi kuphela. IZwi nje kuphela, nalowo nguMlayezo iNkosi enginike wona.

44 Siyehluka, omunye komunye. Ngiqaphelile kulokhu ukusa, abazalwane bami, izithunywa zenkolo, abavangeli, nabelusi, nimi lapha, mhlawumbe—mhlawumbe ikhulu noma ngaphezulu labo, bemi lapha. Ngamunye wabo unezimfanelo kakhulu ukuma lapha futhi akhulume, kunami. Ngiqinisekile ngalokho. Kodwa, niyabo, ngamunye wethu, omunye angeyithathe indawo yomunye. Omunye angethathe umlayezo womunye. Niyabo, sinezindlela zethu ezehlukene.

45 UNkulunkulu uyazibusa. Ngenkathi E. . . Ubani, ubani obengatshela uNkulunkulu ukuthi izinto zenziwa kanjani, ekuqaleni, kanti kwakunguYe yedwa nje na? Niyabo? Futhi uma sinokuPhila okuPhakade, sinye kuphela isimo sokuPhila okuPhakade, nalowo nguNkulunkulu. Ngakho uma sinokuPhila okuPhakade, sasinoNkulunkulu ngayo leyonkathi, ingxenye kaNkulunkulu. Sasiyingxenye yaKhe engehlukaniseki. Manje siyingxenye yaKhe engehlukaniseki. Futhi, ngoba, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi." Nezwi lingumcabango ozwakalisiweyo. Ngakho sasiyimicabango yaKhe, sase-ke sizwakaliswa ezwini futhi siba yilokho esiyikho. Yingalesosizathu amagama ethu, mhlawumbe kungesiwo esinawo manje, kodwa amagama ethu alotshwa eNcwadini yokuPhila yeWundlu ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Niyabo? Futhi uma lalingekho lapho ngaleyonkathi, alisoze laba lapho. Niyabo? NoJesu ufikela ukuhlenga bonke labo, okungukuthi, abamagama abo ayekuleyoNcwadi. Niyabo, Wayazi.

46 "Umbumbi," njengoba amaRoma 8 esitshela, "ubani ongatshela umbumbi na? Ubumba lungasho yini, 'Ngenze *kanje, kanje*'?" Niyabo? Qhabo. UNkulunkulu uzoveza obala zonke zezingxenye zaKhe ezingehlukaniseki. Futhi ngakho Uzokwenza esinye isitsha esingahlonipheki, nesinye esihloniphekile, ukukhombisa leso, kusobala. Manje, kodwa Uyazibusa, uyabo, akekho ongaMtshela ukuthi akenzeni.

47 Futhi Usenza sehluke. Siyatshelwa ngisho, eBhayibhelini, ukuthi izinkanyezi zehlukile enye kwenye, enye inkanyezi iyehluka kwenye. Niyazi, kunomehluko eZulwini, eziNgelosini, izidalwa eziyiziNgelosi; kuneziNgelosi, kunamaKherubi, kunamaSerafi, nomehluko wazo—wazo Lapho. Futhi sonke sehlukile. Futhi uNkulunkulu unezintaba ezinkulu, Unamathafa, izinkangala, utshani, ugwadule, amanzi. Niyabo, U—Uhlukile, Ungu—Ungu—nguNkulunkulu wezinhlobonhlobo. Futhi bukani abantu baKhe lapha kulokhu ukusa, abanye bethu bamhlophe, abanye bamnyama, abanye bansundu, abanye baphuzi, abanye babomvu; niyabo, nga—ngabantu baKhe. Uyi. . . Ungu—UnguNkulunkulu wezinhlobonhlobo,

futhi ngakho ngicabanga ukuthi Unento efanayo phakathi kwabafundisi baKhe.

48 Manje asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje, senzele umkhuleko. Futhi ngingahle ngisho lokhu manje ngaphambi kokuba sifunde iZwi. Ngiyazi ukuthi uma ngithi ukwelula kancane nje, futhi nifanele nisukume bese niphuma, ngizoqonda, niyabo, ngizoqonda ngokuphelele. Manje asikhuleke. Futhi sisakhuleka, namakhanda ethu ekhotheme ebheke ngasothulini lapho uNkulunkulu asithatha khona, ngabe ukhona omunye lapha ongathanda ukukhunjulwa emkhulekweni, phakamisa isandla sakho nje. Yena, Wazi kahle ukuthi yini esenhliziyweni yakho, phansi kwalesosandla.

49 Baba waseZulwini othandekayo, sisondela kuWe ngesizotha, namakhanda ethu ephendukele othulini lapho Osithathe khona. Bese kuthi-ke emiqondweni yethu siyacabanga ukuthi Watshela uAbrahama, ngobunye ubusuku, wayenga “zibala izihlabathi ezaziphezu kwezingu zolwandle na?” Wase-ke Umtshela ukuba “abuke ngasezinkanyezini,” futhi wayenga “zibala na?” Kusobala, kwakungenakwenzeka. Futhi Wamtshela ukuthi “inzalo yakhe ayinakubaleka, futhi njengezihlabathi ogwini lolwandle, nasezinkanyezini ezikhanyisa amazulu.” Manje imiqondo yethu, umcabango wethu, imicabango yethu emiqondweni yethu, njalo, njengoba sikhothamisa amakhanda ethu ngasesihlabathini lapho esivela khona; khona-ke izinhliziyo zethu zibheka ngaseZulwini, lapho esiya khona. Kusukela esihlabathini kuya ezinkanyezini, ngokuba yiNzalo ka Abrahama! Sifile kuKristu, siyiNzalo ka-Abrahama, nezindlalifa kanye naYe ngokwesithembiso.

50 Futhi size lapha kulokhu ukusa ukuba sizohlanganyela ngasekudleni okuningi kwemvelo kokuphila, esikuthathile, ukususa lokho endleleni. Futhi manje singabanokufisa Wena ukuba usiphe okwaleyoMana yaseZulwini, lokho kuDla okungasinika amandla ekuPhileni okukithi. Njengoba igazi lithwala lokhu ukudla manje, ukukuqinisa, ukwenza izicubu eziningi, ukusakha siqinele usuku; kwangathi singemukela okukaKristu, ukuze Angene emimoyeni yethu, kulokhu ukusa, ngeZwi, futhi—futhi asiqinisele ihora esiphila kulo. Isizathu, imini isiyadlula namathunzi okuhlwa aseyehla, ukuKhanya kwakusihlwa kulapha, futhi masinya silalelele amasamaniso ukuba kuthiwe “wozani Phezulu,” futhi sifuna ukulungela ngalelohora. Ngakho, sisize, Baba.

51 Futhi akukho-muntu ofanele ukuvula iNcwadi, noma aqaqe iziMpawu kuyo; kodwa iWundlu, elahlatshwa kusukela ekusekelweni kwezwe, liyafika lathatha iNcwadi lase liqaqa iziMpawu. O Wundlu likaNkulunkulu, woza kulokhu ukusa, usivulele iNcwadi, bese usivumela sibuke phakathi naWe, Nkosi, futhi sibone ukuthi sifanele senzeni ukuba sibe ngabalungele lelihora. Busisa onke amabandla, busisa imihlangano ezayo,

ngamunye wayo, nomhlangano wethu omncane, ukuba sijoyinane nayo ezayo. Futhi uma sesisuka lapha namhlanje, kwangathi singakwazi ukusho njengalabo ababevela e-Emawuse, "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, lapho Ekhuluma kithi endleleni na?" Siphe khona, Baba. Sicela eGameni likaJesu. Amen.

52 Manje kinina enizothanda ukuphenya, ngokwejwayelekile nithanda ukufunda emva komfundisi uma ezofunda, ukuthola nje ukuthi kukuphi lapho ekhuluma khona, uma ninamaBhayibheli enu, futhi nizophenya kuMathewu oNgcwele isahluko 4.

53 Futhi manje ngizonikeza indikimba yami ngaphambi nje kokuba ngikhulume; kulapho nje, ngifuna ukukufundisa njenge, futhi ngikukhulume lapho sihambisana. Nalokhu ngikunike isihloko, ngandlela thize, angazi ngani, ngikwetha isihloko lokhu: *ISikhathi Sokuvuna.*

54 Futhi sizothatha ukufundwa komBhalo, ukwesekela lomcabango phezu kwawo, ukudonsa lapha ingqikithi yendikimba. Sizofunda uMathewu oNgcwele isahluko 4, ingxenye yaso. Lokhu kusezilingweni zikaJesu. Emva kokuba Wayesegcwaliswe ngoMoya oNgcwele, Waholelwa ehlane.

> Manje ngenkathi *uJesu* e*holelwa nguMoya ehlane ukuba alingwe ngudeveli.*
>
> *Futhi esezilile ukudla izinsuku ezingamashumi amane nobusuku obungamashumi amane, wagcina walamba.*
>
> *Futhi kwafika umlingi kuye, wathi, Uma uyiNdodana kaNkulunkulu, yisho ukuba lawamatshe abe-yizinkwa.*
>
> *Kepha waphendula wathi, Kulotshiwe ukuthi, Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kodwa ngamazwi onke aphuma emlonyeni kaNkulunkulu.*
>
> *Khona udeveli em*thathile *wamyisa emzini ongcwele, wammisa* phezulu *esiqongweni sethempeli,*
>
> Wayesethi *kuye, Uma uyiNdodana kaNkulunkulu, ziphonse phansi: ngokuba kulotshiwe ukuthi, Uyakuyaleza izingelosi zakhe ngawe: zikuthwale ngezandla, ungaze waqhuzuka etsheni ngonyawo lwakho.*
>
> *UJesu wathi kuye, Kulotshiwe futhi ukuthi, Ungayilingi iNkosi uNkulunkulu wakho.*
>
> Futhi, *udeveli wabuye* em*thathile* wa*. . .entabeni ende kakhulu, wamkhombisa imibuso yonke yezwe,* nezinkazimulo *yayo;*
>
> *Futhi* wathi *kuye, Konke lokhu ngizakukunika khona, uma* uzo*ziwisa phansi ukhuleke kimi.*

. . .uJesu wathi *kuye, Suka, Sathane: ngokuba kulotshiwe ukuthi, Wokhuleka eNkosini uNkulunkulu wakho, umkhonze yena yedwa.*

55 Ngifuna ukweseka kancanyana nje, evesini 4 futhi.

*Kepha waphendula wathi* kuye*, Kulotshiwe ukuthi, Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kodwa ngamazwi onke aphuma emlonyeni kaNkulunkulu.*

56 Manje okwendaba, ngingathanda ukuthatha lokho, "onke amaZwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu." Manje kubambeni lokho emcabangweni sisakhuluma.

57 UJesu wake wathi, kuJohane oNgcwele 6:48, ngikholwa ukuthi kunjalo, njengoba ngikubhale phansi kulokhu ukusa, "NgiyiSinkwa sokuPhila." Lokhu kwakusemkhosini wePhasika, ngenkathi amaJuda aye—ayedla isinkwa sawo ikosha emgidini wesikhumbuzo semana eyehla ehlane, futhi—futhi ayephuza emthonjeni lapho umele iDwala elalisehlane, futhi ayenesikhathi esikhulu. NoJesu wamemeza ngqo, maphakathi, Wayesethi, "NgiyiSinkwa sokuPhila. Oyihlo badla imana ehlane, isikhathi esiyiminyaka engamashumi amane, futhi bonke, bafile. Kodwa NgiyilesoSinkwa esivela kuNkulunkulu siphuma eZulwini. Uma umuntu edla sona, akayikufa." Futhi okwedwala, Wathi, "NgiyileloDwala elalisehlane. NgiyileloDwala oyihlo abaphuza kulo."

58 "Kanjani?" Bathi, "Ungumuntu ongakevi eminyakeni engamashumi amahlanu ubudala, futhi uthi Ubone uAbrahama na? Manje siyazi ukuthi Unodeveli futhi uyahlanya."

59 Futhi uJesu wathi, "Engakabikho uAbrahama, NGIKHONA." Niyabo, "NGIKHONA" kwakuyiNsika yoMlilo eyayisesihlahleni, eyakhuluma kuMose. Futhi uma uzokulungisa lokho ukukhiphe emabizweni akho nezabizwana, hhayi ukuthi "Ngangikhona, Ngiyobakhona." "NGIKHONA" yinkathi yamanje, sonke isikhathi.

60 Sicabanga ngalokhu, lowo nguYe oshoyo, uqobo lwaKhe manje, ukuthi, "NgiyilesoSinkwa sokuPhila." Manje wayengaba kanjani lomuntu yiSinkwa sokuPhila na? Yilokho okusimangazayo. "Umzimba waMi uyiSinkwa," Washo. Futhi manje wayengaba kanjani lomuntu yiSinkwa na? Lokho kuthi ukuxaka, kodwa ungadidwa yikho. Abantu bangesikhathi saKhe badidwa yikho. Babengazi ukuthi kwakungenzeka kanjani ukuba lomuntu empeleni abe yiSinkwa, qobo lwaKhe. Futhi kuJohane oNgcwele 1, kunikwa thina ngalendlela, ukuthi, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu." Ngakho, iZwi laba yiSinkwa. IZwi neSinkwa lapha kuzofanele kufane, ngoba uJesu uyiZwi futhi UyiSinkwa.

61 Manje Wayengaba kanjani yiSinkwa neZwi na? Konke uku. . .Bekungadidana, emqondweni wenyama. Kodwa

siyethemba, kulokhu ukusa, ukuthi akukho-miqondo yenyama phakathi kwethu, ukuthi kukhona umqondo wokomoya phakathi kwethu, ukuthi besingaqonda ukuthi uBaba uzama ukufinyelelisani kithi lapha. Lokhu lamazwi ayadidana, kodwa, ngesikhathi esifanayo, ayiQiniso langokomBhalo, niyabo.

62 "Manje lomuntu wayengaba kanjani yiSinkwa na?" Yilokho abakusho. Yilokho, ngiyakholwa, uJosephus, abaningi benu bosomlando . . . njengoba bengikutadisha.

63 Manje ngibhala ibhuku, ukuhlaziya kwami ezahlukweni ezine zokuqala zeSambulo, ngithemba ukuba nalo masinya nje. Lizoba yibhuku elibanzi. Ngizoba-ke sengiba nencwajana echazayo yonyaka webandla ngamunye.

64 Futhi bengitadisha umlando webandla. Ngi . . . bekuthi ukuba semqondweni wami, ngikholwa ukuthi kwakunguJosephus, o, omunye wababhali basekuqaleni, empeleni, owasho ukuthi, "LoJesu waseNazaretha, Owayehamba ephilisa abagulayo," wathi, "Abafundi baKhe baMumba futhi badla umzimba waKhe." Niyabo, babethatha isidlo. Futhi babecabanga ukuthi bamba umzimba waKhe futhi babedla umzimba waKhe. Okungukuthi, siyasidla isidlo, noma sithatha isidlo, esimweni sesifanekiselo, somzimba waKhe, ngoba WayeyiZwi.

65 Manje, niyabo, lokhu kuyadidana. Futhi, isikhathi esifanayo, kunemiBhalo. Futhi uJesu wathi, "Wonke umBhalo nga ugcwaliseka." Niyabo? Manje, sifuna ukuba njalo sinqume imiqondo yethu kunoma yini ephambene nalowomBhalo. Ningakwenzi neze, neze, noma nini, nishiye lowomBhalo nganoma yini, kungabibikho nelilodwa iZwi laWo. Hlalani ngqo nalowomBhalo.

66 Manje, uNkulunkulu uzofanele ahlulele abantu ngolunye usuku. Futhi uma Ezohlulela abantu ngebandla, kuyoba yilona liphi ibandla na? Bathi, "Ibandla eliKatolika." Awu, manje-ke, liphi lona ibandla eliKatolika na? Niyabo? Ngoba asekwehlukaneni kwelinye nelinye, kabi kakhulu ukwedlula lokho ayikho nathi. Niyabo, ayehluka, elilodwa . . . Onke ayizindlela ezehlukene azo, iRoma neloMthetho, nelomJuda ne, o, eziningi izizwana zawo. Futhi ngempela ahlalana ngemiqala, ngakho yilona liphi lalawomabandla amaKatolika na? Uma Ekwenza ngebandla lamaProtestane, liphi lona ibandla lamaProtestane na? Ngalinye liyehluka kwelinye.

67 Kodwa Uzokwehlulela izwe, futhi Uzofanele abe nomunye umgomo ukwehlulela ngawo izwe, kungenjalo Ubeyoba ngongenabulungiswa ukuba asiyekele sihambe manje futhi—futhi siphile lempilo ngaphandle komgomo ukuba sehlulelwe ngawo. Ubani obengaba ngoqinisileyo na? Kuphi lapho obungasho khona ukuthi yiliphi ebeliqinisile na? Kuzofanele kube nomgomo.

68 Futhi Washo, eBhayibhelini laKhe, ukuthi Uyohlulela izwe ngoJesu Kristu. Futhi siyafunda lapha ukuthi uJesu uyiZwi. KumaHeberu 13:8, wathi, "Nguyena izolo, namuhla, naphakade." Ngakho, ngakho-ke, Uyokwehlulela ibandla ngesimo sokuziphatha kwawo ngakuKristu, OyiZwi. "Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kepha ngawo onke amaZwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu." Hhayi aphuma emlonyeni womuntu, hhayi aphuma ekholiji, hhayi aphuma e—ebandleni, kodwa, "aphuma emlonyeni kaNkulunkulu." Umuntu ufanele aphile ngaLelo, futhi Lelo kuphela; hhayi ukuhumusha komuntu, kodwa iZwi likaNkulunkulu uQobo!

69 "Awu," wena uthi, "kunephutha *Lapha*." Uma likhona, uNkulunkulu unomthwalo walo. Waliletha kimi, niyabo. Yilokhu engifanele ngikuthathe, khona lapha yilokho Akusho.

70 Manje, uma lolu kuluhlobo oludidayo, futhi mayelana nokuthi "umuntu eyiSinkwa futhi eba yiZwi," asihambe manje futhi sihlolisise lokhu. Asithole. Isizathu, imiBhalo yonke iqinisile, futhi i—ingeke yaze yephulwa. Yonke imiBhalo izogcwaliseka. Akunandaba ukuthi kubonakala kuxake kanjani, Lokho, kuyohlala njalo kugcwaliseka.

71 Ukuba-ke—ukuba uMfowethu Williams noma—noma abanye babazalwane lapha, umkhulu kakhokho kakhokho wethu, bobabili bebengavuka enkundleni, kulokhu ukusa, futhi, uthi, awu, bakhombise itelevishini na? Futhi mhlambe omunye waprofetha emuva kulokho osukwini lwabo, futhi wathi, "Kuyobakhona isikhathi lapho ongezwa khona iphimbo emhlabeni jikelele."

72 Bebeyothi, "Awu, myekeni bandla umfo omdala, ulahlekelwe yingqondo."

73 "Futhi kuyobakhona isikhathi ukuthi umbala uyodabula ngqo emoyeni." Ulapha khona manje. "Futhi bayophendula inkinobho encane, futhi emhlabeni jikelele niyobona abantu benyakaza, nezinto, esibukweni iskrini ngqo."

74 "Awu," bebeyothi, "umfo omdala bandla!" Niyabo? Kodwa manje sinakho, kuyo lendlu kulokhu ukusa.

75 Futhi ngifuna ukunilethela unembeza walokho, ngaphambi kokuba sisondele phambili, lowoNkulunkulu ukulendlu. UMqalisi waleliZwi ulapha. Ngakho, akunandaba ukuthi ugqoke kanjani, noma zinga lini ophila kulo empilweni, noma hlobo luni lwekhaya owakhe kulo, noma hlobo luni lwemoto oyishayelayo, noma yimfundo engakanani onayo, uNkulunkulu ubuka enhliziyweni yakho. Futhi Ubuka enhliziyweni yami. Futhi sehlulelwa ngokusuka enhliziyweni yethu, hhayi ngisho namazwi ethu. Inhliziyo yethu iyasehlulela. "Umlomo ukhuluma okusuka enhliziyweni." Uma kungenjalo, ngukuzenzisa.

76 Manje, kulendlu manje kuza izidalwa ezingabantu, izimo zezidalwa ezingabantu, zedlula lapha, zivela emhlabeni wonke jikelele, amaphimbo ecula, kukulendlu khona manje. Kodwa, niyabo, nina ninqunyelwe kuphela, emizweni yenu, kuya epesenteni elithize lokubona. Kodwa manje ungathatha ingilazi, noma ishubhu kumbe noma ngabe yini ekwitelevishini, bese uyayivula, nangesethi engehlukanisa lokho kulawomagagasi omoya osemkhathini wesibhakabhaka—omoya osemkhathini wesibhakabhaka futhi wehlukanise lokho, ukukuguqulela emgudwini, bese kucosha labobantu; omunye useAustralia, eNingizimu Afrika, noma kuphi, eNdiya, kumbe noma kungaba kuphi. Ungama lapha, esibukweni iskrini, futhi ubone ngisho nombala wezingubo abanazo, umbala wezihlahla, nawo wonke umnyakazo abawenzayo. Vele uthi nje qhwaba kwitelevishini, ubone ukuthi lokho akunjalo yini.

77 Manje-ke, kufanele kube ndawondawo, kufihliwe emehlweni ethu, leyonto efanayo yedlula lapha manje. Yedlula lapha ngenkathi uAbrahama ezwa uNkulunkulu ethi, "Bheka phezulu ngasezinkanyezini." Kwakulapha ngenkathi uElija ehlala eNtabeni iKameli. Kwakulapha ngenkathi uAdamu wayelapha, kodwa manje nje basanda kukuthola.

78 Futhi kanjalo uNkulunkulu ulapha, neziNgelosi. Futhi ngoluny'usuku kuyoba yikho ngempela nje njengetelevishini kumbe noma yini enye injalo, ngoba uMoya uyosiletha kulokho kuPhila okungafiyo. Khona-ke siyoqonda. Ngakho, ke, sikhuluma kusuka eZwini laKhe. Manje, ukuthi, sizozama . . .

79 UNkulunkulu, uNkulunkulu uMdali omkhulu, asizame ukukhuluma ngesimo semvelo, siMcaphune emvelweni kuqala, ukukubuyisela eZwini. Manje, imvelo ihamba neZwi nje, ngoba uNkulunkulu unguMdali wemvelo. Uma ubona indlela imvelo esebenza ngayo, i . . . thola ukuthi kungaleyondlela. Ukuthi, lelo yiBhayibheli lami lokuqala, kwakungukuthola ukuthi imvelo kanjani . . . ngathola uNkulunkulu emvelweni. Nokolo ungumkhiqizo wemvelo, isinkwa, kwenziwa isinkwa ngawo, esondla umzimba wemvelo. Imvelo iphethe izimfihlo eziningi. Si . . . naleso yisikhathi sami sokuqala sokuthola uNkulunkulu, kwakungukubhekisisa imvelo. Ngibonile ukuthi kwafanele kubekhona into ethize. Futhi, manje, anginamfundo, ngakho-ke ngikhuluma okuninginingi ngemvelo. Futhi yi . . . Angizami ukwesekela ukungazi. Kodwa ngizama ukuthi awudingi ngisho ukuba ube nemfundo, ukwazi uNkulunkulu.

80 UJohane umBhaphathizi, umanduleli kaKristu, ngenkathi ephuma ehlane . . . Siyafundiswa ukuthi waya ehlane, eneminyaka eyisishiyagalolunye, futhi wahlala lapho ngoba umsebenzi wakhe wawusemqoka. Uyise wayengumpristi. Futhi kulowomugqa othize wobupristi, noma ihlelo, o, uyise wathi, "Manje, Johane, uyazi wena uzokwethula uMesiya. Uyazi, ukuthi uMfowethu u*S'bani-na-lapha* wenza nje uMesiya

ngokuphelele!" Ngakho uJohane wadingeka asuke kulokho, wayezingenela ehlane abe yedwa, ngoba kufanele kube nguNkulunkulu okhethayo, futhi akusikho ukukhetha komuntu, nhlobo, ukuthi kwakuzoba ngubani uMesiya. Ngakho, wahamba wangena lapho esemdala cishe ngeminyaka eyisishiyagalolunye ubudala.

81 Futhi, niyaqaphela, ngenkathi ephuma, esenamashumi amathathu ubudala, izintshumayelo zakhe yayingesiyo njengekasiyazi wezenkolo. Akasebenzisanga amazwi amakhulu akhukhumele, kodwa konke kwakusemvelweni. Washo kulawomadoda ebandla angalolosuku, wathi, "Nina nzalo yezinyoka." Yilokho ayekubone ehlane, izinyoka. Wayezizonda izinyoka. Zazinguphoyizeni. Emazinyweni azo zazinophoyizeni wokufa, futhi wamemezela lokhu phezu kwebandla langalolosuku, "Nina sigejane sezinyoka ezinophoyizeni, ubani onixwayise ukuba nibalekele ulaka oluzayo na? Ningaqali ukuba nithi, 'Singaba*lokhu*,' futhi, 'Singabe—singabenhlangano yabeFundisi baseroma,' noma 'Singo*s'bani-bani,'* noma, 'SingabeMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian,' kumbe noma ngabe kuyini. Ningaqali ukuba nithi ninalokho, ngoba, ngiyanitshela, uNkulunkulu angamvusela uAbrahama abantwana kulawamatshe." Niyabo?

82 Kanti futhi, "Izembe," yilokho ayekusebenzisa ehlane, "liyobekwa empandeni yomuthi. Futhi yonke imithi engatheli isithelo—isithelo esihle, iyanqunywa futhi iphoswe emlilweni." Niyabo, wayengawugawuli umuthi owawuthela isithelo, ngoba wayephila ngesithelo somuthi. Kodwa, umuthi owawungatheli isithelo! O, ubungathatha nje wonke umBhalo, uphefumulelwe kakhulu, kuze kuthi yonke into phakathi lapho yenele ngakuJesu Kristu. Niyabo, "Yonke imithi engatheli isithelo esihle iyanqunywa futhi iphoswe emlilweni," kanjalonjalo. Niyabo, wa—wasebenzisa umlayezo wakhe endaweni yemvelo.

83 Futhi sifuna ukubhekana nalokho manje, ngokuthi sitholile ukuthi Wathi, "NgiyiSinkwa. Futhi umuntu uyakuphila ngawo onke amaZwi, futhi Mina ngiyiZwi." Niyabo? Ngakho sifuna ukubuyela emvelweni. Ngiyaqaphela izikhathi ezininginingi ngidingeka ngenze lokho.

84 Futhi imvelo ihamba esilinganisweni esifanayo. Thatha isikhathi ubhekisise zonke izinyoni zihlangana, zisuke bese ziphumela endle bese ziyokudla. Bhekisisa zonke izinkomo uma zelukile, zihlakazekile phandle endle, zidla. Faka udobo lwakho, inhlanzi izodla. Kodwa uma lezozinkomo . . . Lezozinyoni ziququbala emithini, nalezozinkomo zingene ekhoneni, ungavele nje nawe ukhuphule udobo lwakho. Zingeke zidle, ngoba imvelo ihamba esilinganisweni esifanayo ngaso sonke isikhathi.

85 Futhi kanjalo neZwi likaNkulunkulu lihamba ngokuqhubekayo. UNkulunkulu njalo wenza yonke into

Ayenzayo ngesilinganiso esifanayo. Wanquma ekuqaleni, ngenkathi umuntu elahla inhlanganyelo yakhe naYe, Wayezomsindisa ngegazi elichithekile longenacala. Futhi Akakaze ayiguqule indlela yaKhe yokwenza. Sizamile ukubafundisela kuyo, sibahlelele kuyo, futhi—futhi sibagqogqele kuyo, sibashayele kuyo, noma sibamemezelele kuyo. Isalokhu ifana, iGazi elichithekile kuphela lilapho uNkulunkulu ehlangana khona nokholwayo.

86 Akusikho, singeke senza uMkhandlu wamabandla oMhlaba owodwa nawo wonke umuntu ahlangane. Akusoze kusebenze; akuzange kusebenze, akusoze. Yingaleyondlela engiphambene ngayo naleyonqubo. UNkulunkulu unenqubo. Nikuzwile kushiwo namhlanje, "Onke amabandla ahlangana ndawonye, kuzoba nguMkhandlu wamabandla oMhlaba. NoJesu wakhulekela lokho, ukuba 'sonke sibe munye.'" Awu, manje, niyabo, lokho ngokunomqondo wenyama, ngaphandle kokwazi uMoya.

87 UJesu wathi, "Ukuze babemunye, Baba, njengoba Wena naMi simunye." Hhayi ukuba indoda ethize ibe phezu kwento ethize, akusoze kwasebenza; ihlelo elilodwa lifuna ukwengamela elinye, nenye indoda phezu kwenye. Kodwa ukuba nibe munye noNkulunkulu, njengoKristu noNkulunkulu wayemunye, uyilokho-ke umkhuleko. Lokho, WayeyiZwi, futhi uJesu wakhulekela ukuba sibe yiZwi, siMbonakalisa. Lowo ngumkhuleko waKhe ukuba uphendulwe.

88 Niyabona ukuthi uSathane ukwenza kube amathizethize kanjani emqondweni wenyama na? Kodwa lowo kwakungesiwo umkhuleko kaJesu, nhlobo, ukuba sonke sihlangane ndawonye futhi sonke sibe nesivumokholo esithize kanjalonjalo. Njalo uma bekwenza, baqhela kude kude noNkulunkulu.

89 Ufuna sibe munye noNkulunkulu, futhi uNkulunkulu uyiZwi. Umuntu ngamunye, enhliziyweni yakhe, kufanele kube yilokho kuba munye noNkulunkulu.

90 UNkulunkulu azi lokho, lokhu, zonke lezizinto zasebenza kanje. Manje simthola kanjalo-ke uNkulunkulu ngesinye isikhathi, ngukubuka emvelweni. Izikhathi zonyaka, zihamba zizungeza, kufakazisa uNkulunkulu. Yilapho engakuthola khona kuqala, ukuthi kukhona kanjani ukuphila okumilayo entwasahlobo, kuphila ukuphila kwakho, kuveza imbewu, kufe bese kuya emhlabathini, kubuye ekuvukeni, nje kulokhu kuzungeza. Besingachitha amahora kukho.

91 Kodwa manje ukuthi lokho kwehluke kanjani kokufana, umfowethu oyisithunywa senkolo lapha, eNdiya. Ngithola abaningi laphaya, nasemhlabeni jikelele, bakholelwa ekuphindeni uzalwe, ukuthi, bona, ukuthi uyafa lapha njengomuntu bese uyabuya usunjengenyoni noma isilwane. Niyabo, lokho akukhulumi nemvelo.

92 Imvelo ikhuluma ukuthi lembewu efanayo yashona emhlabathini, imbewu efanayo iyamila futhi. Niyabo? UJesu ofanayo owehlayo, unguJesu ofanayo obuyayo. Haleluya! Nalomzimba, uma uwela emhlabathini, awuyikubuya usuyimbali noma eny'into, uyobuya ungowesilisa noma owesifazane. Siyakubona emvelweni, ukuthi yenza kanjani, izofanele yedlule ebusika obuningi obubandayo, futhi ibole kanjalo njalo, kodwa ukuphila kuyalondolozwa uma kukhona ukuphila kukho.

93 Kodwa uma, lapho, uma leyombewu ingaqhumanga, ayisoze yavuka futhi; ingeke yavuka, akukho lutho kuyo ukuba luyivuse. Futhi uma nje siba ngumKristu ngegama nje . . . Kunamabandla amabili ezweni, ibandla lemvelo, ibandla lokomoya, onke abizwa "ngamaKristu." Kodwa ibandla lemvelo lingeke lavuka. Lenza ukuvuka kwalo manje eMkhandlwini woMhlaba, umkhandlu wamabandla.

94 Kodwa umKristu uvukela ukuhlangabezana noKristu ngoba NguMlobokazi, ukuyohlangabezana naYe. Kunomehluko kuwo. Imvelo ibamba lezizimfihlo, kithi, futhi singazibona njengoba sizibhekisisa. Futhi siyabona ukuthi ubuKristu bukhuluma iQiniso, lokufa, ukumbelwa, nokuvuka.

95 Uma-ke kukhona isinkwa sokolo esaziyo ukuthi sonke siphila ngaso, futhi siyazi ukuthi kukhona kuphela indlela eyodwa esingake size siphile ngayo, kungokuthatha into efile siyifake emzimbeni wethu. Ungephile ngenye indlela.

96 Umuntu ophila ngokusamifino kuphela wahlangana nami, kungekudala, wathi, "Mfowethu Branham, benginokukwethemba okuningininingi ngaze ngakuzwa uthi udla ubhekeni namaqanda ekudleni kwasekuseni." Niyabo? Futhi wathi, "Angakwenza kanjani umuntu omesabayo uNkulunkulu ukuba adle into enjalo na?"

Niyabo, ngathi, "Awu, yini engalungile ngakho na?"

97 Zonke izinto azihlambulukile, kodwa kungcweliswa ngeZwi likaNkulunkulu nomkhuleko. IBhayibheli lathi, "Uma ungumfundisi olungileyo kaJesu Kristu, uyakukhumbuza umfowenu ngalezizinto. Niyabo, zonke izinto ziyahlanjululwa, akukho okufanele kwaliwe, uma kwemukelwa ngokubonga," uThimothewu wokuQala :3. Manje siyathola ukuthi lokho kuyiqiniso. Ngakho ngathi, okungenani . . .

Ngathi, "Awu, wena awudingeki ukuthi udle okuthize okufile, nawe na?"

"O, qhabo, mnumzane!"

98 Ngathi, "Uma niphila empeleni, nizofanele niphile ngento efile. Uma nidla isinkwa, ukolo wafa. Uma nidla uhlaza, lwafa. Noma ngabe yini enayenza, ngisho nasobisini, niphuza igciwane ibaktiriya. Ninakho." Ningaphila kuphela ngento efile.

99 Bese kuthi-ke uma kwadingeka kufe into ethize ukuze sikwazi ukuphila ngokomzimba, kwadingeka kakhulu kangakanani ukuba into ethize ife ukuze sikwazi ukuphila Phakade! Kuthatha ukufa, ukukwenza. Isinkwa! Ngokuthi uJesu wathi, "NgiyiSinkwa," futhi kukhona isinkwa sikakolo futhi Wayengesilo lolohlobo lwesinkwa, ngakho kufanele kube nezinhlobo ezimbili zezimpilo ezondliwa yisinkwa. Bekungasiholela kulokho. Kungebekhona . . . Akasiso, Wayengesiwo ukolo; futhi Wayengesilo iZwi, Wayeyinyama, ngakho kufanele kubekhona izinhlobo ezimbili zokuphila. Siyazi ukuthi ukolo uyafa ukuze siphile ngokomzimba, njengoba ngishilo. UJesu, iZwi-Sinkwa, wafa, ukuze siphile Phakade. WayeyiZwi-Sinkwa. Manje qaphelani, kugcineni lokho engqondweni. Manje ukufakazisa amaZwi kaJesu ukuthi ayiqiniso, siyabona kulokhu, emvelweni, ukuthi kuhamba kanjani.

100 Manje asiye emBhalweni, ukuthola futhi, sisekele emBhalweni size sifinyelele endikimbeni yethu enkulu. Ensimini, uNkulunkulu wanika umndeni waKhe wokuqala iZwi likaNkulunkulu ukuba uphile ngawo, onke amaZwi alo. Umndeni wokuqala owabekwa phezulu lapha emhlabeni, wanikwa ukuPhila okuPhakade inqobo nje uma babehlala neZwi likaNkulunkulu.

101 Lelo kwakuyicebo laKhe. "NginguNkulunkulu," Uthi, "Angiguquki." Lelo kuseyilo icebo laKhe. Akusilo neze icebo laKhe lesivumokholo, noma inhlangano, noma imigomo eyenziwe ngumuntu, umuntu ayakuphila ngayo, kepha ngamaZwi onke aphuma emlonyeni kaNkulunkulu.

102 Manje ukubuyela kuGenesisi, okungukuqala. Ukuthi *Genesisi* kusho "ukuqala." Sithola ukuthi uNkulunkulu wanika umndeni waKhe ukuPhila okuPhakade inqobo nje uma babehlala kuleliZwi futhi bephila ngaleliZwi. Kodwa ngenkathi beligqashula, ukuxhumana okukodwa nje eketangweni lezithembiso, ukufa kwabashaya, okwakuyisithembiso naso.

103 Yiketango. Ulenga phezu kwesihogo ngalo, futhi yileyonto kuphela eyokuthwala ikwedlulise. Uma okholwayo eba ngumzenzisi futhi aphile ngezwi elilodwa eliphambene naleliZwi, unqamula inhlanganyelo yakhe noNkulunkulu. Ukuxhumana okukodwa kwephuka! Futhi, khumbulani, ukukholwa kwenu kuleliZwi kunjengeketango. Iketango lisekuqineni kwalo okwedlula konke ekuxhumaneni ebuthakathakeni balo obedlula bonke. Kunjalo. Liqine ukwedlula konke, ukuthi, ngoba yilokho kuphela eliyokubamba. Futhi uma kukhona okuthize eZwini okudidayo kuwe, into ethize oyizwe yehlukile, kodwa bathi, "Wena na? O, lokho kwakungokwabaphostoli, nalezozinto yayingeyezinsuku ezedlulayo," ngenkathi umBhalo uthi uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla naphakade, ningakuvumeli lokho kube

ngubuthakathaka! Kuqiniseni futhi niKubambe, futhi nisongele impilo yenu kuKho, ngoba yileyonto kuphela eyonithatha iniweze emalangabini esihogo. Kunjalo.

104 Nxa leliketango ligqashulwa, noAdamu noEva, umndeni wokuqala, manje khumbulani, abephulanga umusho, abephulanga amaZwi amathathu; iZwi elilodwa! Umuntu uyolenga phezu kwesihogo ngawo onke amaZwi, onke amaZwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu. Yilapho isiphethelo saPhakade somuntu sinqunyelwe khona. Ngani, uyolenga ngaleloketango, noma uyolenga ngesivumokholo; noma uma kunesivumokholo esixutshwe eketangweni, yilapho ukuxhunywa okubuthakathaka kukhona, futhi awusekho. Yilapho ukuxhunywa okubuthakathaka kwakukhona noAdamu noEva. Lokho kuxhunywa okubuthakathaka, "impela," wathi, "UNkulunkulu. . ." Kodwa impela uNkulunkulu ukushilo! Futhi uma uNkulunkulu akusho, uNkulunkulu wayeqonde khona ngempela. Kanti futhi Uyaligcina iZwi laKhe ngokuthi, "Mhla niwudla, niyafa ngalowomuhla." Ngomuhla enifaka ngawo kini noma yini enye ngaphandle kweZwi likaNkulunkulu elimsulwa, emphefumulweni wenu, yilowomuhla enehlukaniswa ngawo noNkulunkulu.

105 Manje lokhu kuqine ngempela, kodwa nje lalelisisani. Manje qaphelani. IZwi elilodwa, iZwi elilodwa lokuqala leBhayibheli, uNkulunkulu washo ukuthi, "IZwi elilodwa, lehlukanisa umuntu neKetango lalo lokuPhila okuPhakade."

106 Lokho kunjengokuthatha umuntu bese umlengisa, ngezinyawo zakhe. . .unezinyawo zakhe eZulwini, bese umsika abe nguhhafu kabili, wephule uzwani, noma ngabe ulenga kuphi. Ulenga ngayo impela ingxenye esekugcineni phansi, futhi, ugqashula leloketango, nomaphi, awusekho. Manje kubekeni engqondweni lokho.

107 Khumbulani, iBhayibheli lathi, "Ngomlomo wawofakazi abathathu, onke amazwi mawaqiniswe." Sizongena kulokho, emizuzwini embalwa, ekulingweni okuthathu kukaJesu; izilingo ezintathu zabefundisi, namhlanje, lapho benza khona ukuwa; izilingo ezintathu zebandla, nalapho enza khona ukuwa kwawo; izilingo ezintathu zenhlangano, lapho yenza khona ukuwa kwayo; nezilingo ezintathu kubantu ngamunye, nalapho benza khona ukuwa kwabo. Manje, konke kuhamba ngakuthathu; njengokulungisiswa, ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele; uYise, iNdodana, uMoya oNgcwele. Yonke into ipheleliswa kokuthathu.

108 Manje qaphelani uNkulunkulu, ekuqaleni, yona impela into yokuqala ngqa Ayinika abantwana baKhe ukuba baphile ngayo, kwakuyiZwi laKhe. Manje sithola ukuthi lelo yiqiniso. Bese kuthi-ke maphakathi neBhayibheli, sizwa uJesu efika futhi esho ukuthi, "Umuntu uyakuphila ngawo onke amaZwi

aphuma emlonyeni kaNkulunkulu." Bese kuthi-ke eSambulweni 22:18, uJesu qobo lwaKhe ekhuluma futhi, wathi, "Ngiyafakaza ngalezizinto. Uma umuntu eyonezela izwi elilodwa kuLeli, noma asuse iZwi elilodwa laleNcwadi, isabelo sakhe siyakususwa eNcwadini yokuPhila."

109 Manje, niyabo, akusikho ukuphila kwethu kahle; lokho nje kuyinto ehambisana nakho. Akusikho ukwethembeka kwebandla lethu—lethu; lokho kuhambisana nakho. Kodwa into enkulu ingukuthi, ukuhlala naleloZwi. Ningadli lutho olunye kodwa leloZwi. Hlalani naLo. UyileloZwi. Manje sifuna ukubhekisisa manje.

110 Yini umehluko kulesisinkwa, sokudaliweyo, ukuphila ngaso na? Manje, ukolo uyisinkwa sokuphila, uma ungesilo uhlamvu olubhastelwe, luyo. . .zimbele futhi luyophuma futhi. Lufanele lube wuhlamvu oluvuthiwe oluhle. Izinhlamvu eziphehliwe aziyikuvuka. Sonke siyakwazi lokho. UMfowethu Sothmann, ehlezi lapha, umlimi kakolo waseCanada, uyazi ukuthi awuzifaki izinhlamvu eziphehliwe emhlabathini, ukuba ulindele ukudla kulo. Ngoba, ibhungane noma i—noma igciwane ibaktiriya, eliyikho ohlamvini, liludla liluqede, lidla ukuphila kulo kuqala.

111 Benazi yini ukuthi zona impela izibungu eziyokubhubhisa, eziyodla umzimba wakho ziwuqede, sikuyo khona manje na? UJobe wathi, "Noma isibungu sesikhumba sami sibhubhisa lomzimba!" Bakufake ebhokisini lomngcwabo bese belivala ngci, kungangeni-moya; kulokhu kuyizibungu, esikuwe, siyokudla sikuqede.

112 Uthola impuphu noflawa, nezinto, bese uthi ukukubeka isikhashanyana, kuthola isilwanyakazana kukho, kuvale ngci. Kuyini na? Lesosilwanyakazana siphakathi lapho, kwase kuqaleni nje. Silapho, ukuqala nje.

113 Manje, loluhlamvu lufanele lube wuhlamvu oluhle. Lufanele lungabinaphutha, ekwehlulekeni, kanjalonjalo, kulo. Lufanele lube wuhlamvu uqobo. Lungeke lwaba wuhlamvu olubhasteliwe—wuhlamvu, ngoba, uma luqhuma, ubuye ulutshale, nokolo wakho—wakho usuphelile, ngoba uhlamvu olubhastelwe ngeke lumile futhi. Ngeke lwamila futhi. Ukhipha ukuphila kulo uma ulubhastela.

114 Futhi yilokho okwenzeka emabandleni. Abhasteliswe ezweni, futhi yingalesosizathu ukuthi imvuselelo ngayinye efikayo, futhi ningeke naba nenye imvuselelo emva kwayo. Zonke izinhlangano ezake zahlelwa, ifela khona lapho futhi ayiphindi ivuke, ngoba ihlela izwe lingene ezinqubweni zayo, ngakho-ke ayizange ivuke. Akukho-mlando oke ukhombise ukuthi noma yiliphi ibandla, elake lahlela, lake lavuka futhi. Lafela lapho. Ngani na? Nalibhastelisa.

115 Ningabeki-mbhishobhi phezu kwalo. Makube nguMoya oNgcwele ohlala phezu kwalo. Niyabo? UMoya oNgcwele wathunyelelwa ukugcina ukhula nezinto kungaphandle; hhayi okucatshangwa ngumbhishobhi, noma ababoni, noma okunjalo. Kuthatha uMoya oNgcwele ukugcina lelobandla esimweni salo. WayeyileloZwi eliphelele, njengoba sizobona.

116 UAdamu wayenokukhetha kwakhe, iZwi futhi aphile, noma alikholwe ngokungesikho iZwi elilodwa futhi afe.

117 Sinokukhetha okufanayo, ngoba sifanele. Uma uNkulunkulu abeka uAdamu eZwini, neZwi kuphela, bese-ke Esibeka esivumwenikholo kumbe noma yiluphi uhlobo lwesivumokholo, khona-ke uNkulunkulu ungongalungile ekwahluleleni kwaKhe, akubufanele ubungcwele baKhe nabukhosi baKhe. Kodwa kubufanele ubukhosi baKhe ukubona ukuthi Ubeka wonke umuntu esisekelweni esifanayo. Futhi UnguNkulunkulu futhi akaguquki. UNkulunkulu akwenza kuqala, Wenza into efanayo kuze kube-phakade. Akaluguquli neze uhlelo lwaKhe—lwaKhe. Into kuphela, Ulwenza lukhulu, kodwa Akaluguquli neze. Into efanayo iyaqhubeka.

118 Manje, uAdamu wayenokukhetha. Futhi uma abambelela eZwini, waphila. Uma engabambelelanga eZwini, wafa.

119 Futhi sinento efanayo. Sihlala neZwi, siyaphila. "Umuntu uyakuphila ngawo onke amaZwi." Kodwa uma singaphili, siyafa, sifa ngokomoya. O, sisangawubanga umsindo, impela, sikhahlele macala onke, futhi simpompoloze futhi siqhubeke, kodwa, lokho, lokho akusikho—lokho akusikho ukuphila. Lokho akusikho ukuphila. Ngiyisithunywa senkolo. Ngibezwile abahedeni bekhahlela macala onke futhi bempompoloza ngaphezu kokuba besingampompoloza, futhi bezisho ukuthi bazi onkulunkulu, nezinto ezinjalo. Abaphili. "Bafile besaphila." IBhayibheli lasho njalo. Manje sithola ukuthi lokhu ukukhetha kunikwa thina.

120 Kodwa waxegisa ezwini elilodwa likaSathane, wayesefa.

121 Futhi ukuba, ukuqala, okungukuthi uNkulunkulu emseni waKhe nesihawu wayedlule zonke izinhlupheko esizenzile, konke lokhu ukufa okuningi kwezingane ezincane, nayo yonke into, nezimpi, nezangaphakathi, nokubethelwa okuningi, nezinto esibe nazo; ukuba Wayekwedlulile, ubukhosi baKhe beZwi laKhe babuMvumele ukuba akwedlule, Wayeyoba ngongenakulunga ukuba Akakwedlulanga ngaleyonkathi. Niyakuthola na? Angeke akwedlula. Akakwedluliselanga neze uAdamu, kwase kuqaleni nje. Futhi Angekwedlulisele wena noma mina, kwase kuqaleni nje. Sifanele sifike kuleyonto, iZwi kuphela. "Onke amazwi omuntu awabe ngamanga, nawami abe yiqiniso," Washo.

122 Manje sibheke nje ukuthi suku luni esiphila kulo, isikhathi sokuvuna.

123 Kwase kuthi-ke uNkulunkulu, emva kokuba uAdamu esewile (wavivinywa ngeZwi, futhi wawa), uNkulunkulu waqhubeka, kokudaliweyo kwaKhe, ukuzama ukuthola umuntu owayezophila ngawo onke amaZwi. Manje bukani. Wazama ukuthola umuntu, okungukuthi, aphile iZwi lonyaka wakhe. Manje, niyabo, uNkulunkulu wasabalalisa iZwi laKhe, ngoba Wayekwazi ukukwenza.

124 Unguye, Ungongenasiphelo, futhi Use—Usezindaweni zonke. Owazi konke, ngakho-ke Wazi izinto zonke. Angebekhona ndawo zonke. Ngokuba ngowazi konke, azi izinto zonke, khona-ke Angabakhona ndawo zonke. Ngoba, yileyondlela Asimisela ngayo ngaphambili, ngokwaziphambili, hhayi ngoba Wayefisa ukuthi *lo*muntu ufanele asindiswe na*lona* alahlwe. Kodwa Wayazi ukuthi ubani owayezolahlwa nokuthi ubani owayezosindiswa. Niyabo? Ngakho-ke, ngokwaziphambili kwaKhe, Angamisela ngaphambili. Futhi Wenza yonke into isebenze enkazimulweni yaKhe. Yilokho izingxenye zaKhe ezingehlukaniseki ezikwenzayo, ziveza obala inkazimulo yaKhe. Esinye isitsha esihloniphekile nesinye esingahloniphekile, kodwa nguNkulunkulu osenzayo. “Akuyi ngothandayo noma ogijimayo, kodwa uNkulunkulu obonakalisa isihawu.” Niyabo?

125 “Akekho ongeza kiMi,” kwasho uJesu, “uma uBaba waMi engamdonsi. Nakho konke lokho uBaba a,” inkathi edlule, “Ngiphe khona, kuyakuza kiMi, eZwini.” Bangeza kanjani ngaphandle uma babe, bonke ba, baziwa phakade ukuba beze na? “Abaningi abaMemukelayo, Ubapha amandla ukuba babe ngamadodana kaNkulunkulu.” Niyabo, ngoba amagama abo ayeseNcwadini, Ufikela ukuzohlenga lowo owayeseNcwadini.

126 ESambulweni, siyathola, ngenkathi iziMpawu luvulwa, kwakukhona iNcwadi. Nalowo Ohlezi esiHlalweni sobukhosi, uNkulunkulu, wayenaYo esandleni saKhe sokunene. Futhi kwakungekho lutho, kungekho-muntu, eZulwini noma emhlabeni, kumbe nomaphi, owayefanele ukuza athathe iNcwadi, noma ngisho ukuba abuke kuYo. UJohane wakhala izinyembezi ngokukhulu . . . ngoba yonke iNcwadi yokuhlengwa yayilapho.

127 Kwakusemhlanganweni ngobuny’ubusuku, lowomfowethu omncane nodadewethu beAssembly of God bacula leloculo, “Angazi noma uJohane wangibona yini ngenkathi ebona zonke izizwe zibuthene. Ngabe wangibona na?” Impela, wakubona, uma igama lakho lalikuleyoNcwadi. Futhi ngenkathi . . .

128 Igama likaJohane lalikuyo, nalo, futhi wakhala izinyembezi ngoba kwakungekho-muntu owayengaYithinta. Kwase kuthi-ke elinye lamalunga amadala liyafika lase lithi, “Ungakhali izinyembezi, Johane, ngokuba iNgonyama yeSizwe sakwaJuda inqobile.”

129 NoJohane wayeqalaza ukuba athole i—ingonyama, futhi okuphuma emva kwamakhethini kuza iWundlu, iWundlu elalikade lihlatshiwe selokhu kwaba phambi kokusekelwa kwezwe. Wayesebona iWundlu elinegazi liphuma, futhi Liyeza lase liyithatha iNcwadi esandleni sokunene saKhe, lase libiza yonke into eyayikuleyoNcwadi. YiNcwadi ephelelisiwe yokuhlengwa. Futhi yiYo *le*. INcwadi yokuhlengwa, Wahlenga konke okwakukuleyoNcwadi, hhayi okungaphandle kweNcwadi. Noma yini eyayinesiqalo inesiphelo. Kodwa uma ninokuPhila okuPhakade, anizange niqale futhi ningeke naphela, ngoba ningamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, izingxenye ezingehlukaniseki zemicabango yaKhe neZwi laKhe. Aninakuphela kokuPhila, uma igama lenu likuleyoNcwadi. IWundlu lifikela ukuzoYihlenga. Akusuye wonke lowo ozisho ukuthi "bangamaKristu," akusuye wonke lowo ozama ukuphila kahle nokuba ngcwele; kodwa labo abamagama abo alotshwa lapho, Wahlenga lokho, futhi lokho kodwa, abamagama abo ayeseNcwadini.

130 Manje sithola ukuthi uSathane wabangela ukuba uAdamu awe, ngalelozwi elilodwa. Futhi uNkulunkulu uqhubekile manje, kokwaKhe okudaliweyo, ukuzama ukuthola umuntu oyedwa oyophila ngawo onke amaZwi. Umuntu waKhe wokuqala wehluleka. Nalomuntu oyophila isikhathi sakhe, unyaka wakhe ayephila kuwo.

131 Manje, niyabo, kuneminyaka ehlukile uNkulunkulu ayiprofetha ekuqaleni, okwakuzokwenzeka kusukela phansi. Yingalesosizathu Ayekwazi ukusho ukuphela ekuqaleni, yingoba Wayazi izinto zonke. Wenza zonke izinto ngoJesu Kristu, neyaKhe, neyenjabulo yaKhe uQobo. Qaphelisisani manje. Ningakugeji lokhu.

132 Ukuba-ke uMose wayefike eletha umlayezo kaNowa na? Wawungeke usebenze. Wawungeke. Qhabo.

133 Ukuba-ke uJesu wayefike eletha umlayezo kaMose na? Wawungeke usebenze.

134 Uma-ke sifika, sizama ukuletha umlayezo weMethodisti, umlayezo weBaptisti, noma umlayezo wePentecostal na? Ubungeke usebenze. Babekahle; fakazisa lokho emzuzwini, ngeZwi. Babekahle onyakeni wabo. Lowonyaka awusekho. Sifanele sithole ukuthi umBhalo uthini ngowanamhlanje. Lolusuku, yilokho umuntu afanele aphile ngakho okonyaka wakhe.

Wazama ukuthola umuntu owayezoliphila lonke iZwi.

135 Into yokuqala Ayenzayo, Wazama uNowa. UNowa wehluleka kuYe; wadakwa, wehluleka.

136 UMose, lowophisi wobuciko omkhulu odlula bonke onamandla kaNkulunkulu, Wamzama futhi wehluleka.

Wazikhazimulisa yena, futhi akavunyelwanga ukuyongena ezweni elithenjisiwe.

137 Sekufika uDavide-ke, ukuthi Wayezobonisa owaKhe—owaKhe...isikhathi esikhulu seminyaka eyiNkulungwane, kuDavide, futhi Wayezokhombisa ukuthi uMbuso waKhe wawuyini. Futhi uNkulunkulu wafunga ngoDavide, wayezovusa i...avuse iNdodana yaKhe ukuba ihlale esihlalweni sakhe sobukhosi. NoDavide wayeyindoda eyiqhawe ngempela, kwaze kwathi, "wayengumuntu ongowenhliziyo kaNkulunkulu uQobo." Futhi uDavide wayenza kahle. Washaya onke amaFilisti futhi wadiliza ama altare, futhi wahlala neZwi. Futhi, ekugcineni, owesifazane omuhle wamketula, futhi wephula umyalo, walahlekelwa yiZwi, waphinga. Niyabo? Umuntu ongowenhliziyo yaKhe uQobo, niyabo, noma kunjalo uDavide wehluleka kuYe.

138 UMose wehluleka kuYe, bonke abanye babo behluleka kuYe, kodwa zonke izimpilo zabo zazingukuboniswa nje kwaLowo owayezokuza.

139 ENcwadini yeSambulo, njengoba ngibhala, eny'indoda ehumushayo noma ehlela ukubhalwa nokukhulunywa kolimi...Ukubhala nokukhuluma kwami ulimi kuphansi kakhulu, nginesi—sifundiswa esikhulu esikahle ukuba siyihlele ukubhalwa nokukhulunywa kwayo, sifake amabizo nezabizwana kahle ndawonye. Okungukuthi, angazi ukuthi yiwona muphi umehluko phakathi kwebizo nesabizwana. Kodwa, yona iyazi, futhi ikubeka konke...Ngiyazi, into kuphela engiyaziyo, uNkulunkulu unginika Khona futhi nje ngiKubhala phansi, niyabo. Futhi, bona, bafanele bakubeke kanjalo ukuze kuthi uma iyongena ezikoleni nezinto, ba—bayazi ukuthi ingafundwa kakhulu ngendlela yabo yokuqonda. Bese kuthi-ke umbhali wathi kimi, ukukhulunywa nokubhalwa kolimi, indoda ehlela ukubhalwa nokukhulunywa kwayo, yathi kimi, yathi, "Kodwa, Mfowethu Branham, siyathola onyakeni webandla lasePergamu...Ukuthi, uJesu washo lapha, 'onqobayo, Ngiyakumnika iNkanyezi yoKusa.' Ngimnike iNkanyezi yoKusa na?" Yathi, "Manje angayithola kanjani iNkanyezi yoKusa, kanti uJesu washo, qobo lwaKhe, ukuthi UyiNkanyezi yoKusa na?"

140 Niyabo, zonke lezozimbewu zika Abrahama ziboniswa ngukukhanya ngezinkanyezi. Zehlukile enye kwenye, futhi siyokwehluka omunye komunye. NoJesu uyileyoNkanyezi yoKusa, ekhanya ukwedlula zonke zazo. Kodwa siyaMthola, eSambulweni 1, nezinkanyezi eziyisikhombisa esandleni saKhe. Uyakuhumusha lokho, futhi wathi, "Lezizinkanyezi eziyisikhombisa ziyizingelosi eziyisikhombisa emabandleni ayisikhombisa, noma iminyaka yebandla eyisikhombisa ozayo."

141 Wayesethi-ke, “Bekungenzeka kanjani-ke, uma beneNkanyezi yoKusa na?”

142 Ngathi, “Izinkanyezi ezazisesandleni saKhe kuphela zaziyizinkanyezi ezingukubonisa ukukhanya okuvela eNkanyezini yoKusa, niyabo, ngokuba isithunywa salolosuku sasineZwi.” Futhi UyiZwi; wayenengxenye nje yalolosuku. Nabantu oselungele ukusuka ezinqubweni zezwe nezinto zezwe, bese behamba naYe, ubona ukubonisa kokukhanya kweNkanyezi yoKusa ngesithunywa salowonyaka. Njengoba Enza ngoNowa nangoMose, kanjalonjalo, njengoba Abonisa ukukhanya kweTestamente eLidala, ekugcineni bonke bafinyelela koYedwa. Futhi kuzokwenza kanjalo ekupheleni kweminyaka yebandla, konke kuyofika kubuyele kuJesu, ukuthi UyiZwi.

143 Thina njengamaKristu sibonisa kuphela Yena. Inyanga ibonisa kuphela ilanga, uma lingekho. Nokholwayo ubonisa kuphela iNdodana kaNkulunkulu, uma iNdodana kaNkulunkulu ingekho. NgukuKhanya kweBhayibheli, imiBhalo, kuqinisekiswa ezimpilweni zethu, iZwi elenza ukuKhanya ebumnyameni. Ningamakhandlela elibekwe phezu kwegquma. Lelo akusilo ilanga; yikhandlela. Ikhandlela lithatha nje indawo yelanga, likhombisa nje ubungako obuthize bokukhanya. Singabantwana bakaNkulunkulu, singamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, kuphela ngoMoya nengxenye. Yena wayenaKho ngaphandle kwengxenye. Thina siyinkanyezi ekhanyayo, sonke ndawonye senza ukuKhanya ezweni, kodwa Yena uyiNdodana yonke ebonisa ukuKhanya kuzo zonke izinkanyezi. Haleluya! NgiyaMkholwa. Nkulunkulu siza ukungakholwa kwami!

144 Ekugcineni, lona Opheleleyo wafika. Manje, Wafika ukuba alingwe macala onke njengoba sinjalo nje. IBhayibheli lathi Walingwa. Walingwa njengoNowa. Walingwa njengoMose. Walingwa njengabo bonke abanye babo. Ukuba besinesikhathi ukuba sikuhlaziye lokho futhi sinikhombise, kodwa asinaso, ngoba angifuni ukuthatha esiningi kakhulu sesikhathi senu. Kodwa, ukukuhlaziya futhi nginikhombise, Walingwa ngendlela efanayo.

145 USathane akaliguquli neze isu lakhe ahambisa ngalo, kanjalo noNkulunkulu akaliguquli, uguqula iminyaka nje. Kodwa lokho. . . USathane wangena emuva lapho, emndenini wokuqala kaNkulunkulu, emhlabeni. Nakhu mfowethu, dadewethu. Ningehluleki ukuthola lokhu. USathane wawuthola kanjani umndeni wokuqala na? Wayengenakuwubhidliza noma ngayiphi enye indlela kodwa ukuthola leloZwi libhidlizwe, ngokuba babeqiniswe emva kwaleloZwi. Uma nje wayengathola isikhala esisodwa!

146 Uwathole kanjalo-ke onke amabandla kuyo yonke iminyaka, wathola bonke abakholwayo, uvele nje adonse akhiphe lesosikhala. "Awu, ngi—ngikholwa ukuthi iBhayibheli liqinisile, kodwa angikukholwa *lokho*." O, wayeya lapho-ke. Kubi kakhulu, kodwa waya lapho.

"Onke amaZwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu!"

147 Manje ngokusondele minyanisani lokhu manje. Manje Yena ekugcineni, Lona owayezothi, wafika futhi walingwa impela nje njengabo bonke abanye babo owalingwa. Manje qaphelani ukuthi kwethusa kanjani ukuthi uSathane wenza konke ukuhlasela kwakhe, kuyafana nje njalo. Manje wazama ukuMnika isinkwa semvelo, njengoba nje enza uEva. "Uma uzodla *lokhu,* uthathe *lokhu*" noma enye into ethize, unayo.

148 Futhi yilokho akwenzayo kuzo zonke izinhlangano, yilokho akwenzayo kuwo wonke umuntu ngamunye, uzama ukuninika izinto zemvelo eningazibuka. Futhi kuyanisusa! "Awu, bukani lelibandla elikhulukazi! Ngani, banezigidi eziningi kakhulu kulo! Ibandla lethu liyibandla elikhulu kunawo onke edolobheni. Awu, elethu, sinemeya iza ebandleni lethu. Niyakubona konke lokho! Umelusi wethu une—neziqu ze D.D., L.D., Ph.D! Lokho, awu, lokho, awu, ubophezekile ukuba yindoda ehlakaniphile." Umpristi oyiKatolika angafika ngapha bese ezemboza, noma nini, ngeziqu zakhe. Unamabhuku angamashumi ayisithupha kweve afanele awazi kanzima kakhulu nje njengoba wazi iBhayibheli, ukuba athole isiqu sakhe ukuba abe ngumpristi, ngakho ungazami ukuqhathanisa izimfundo.

149 Lokho kufana nezwe nje, lihlala njalo lizama ukuqhathanisa. Ningaqhathanisi nezinto zezwe. Ningaqhathanisi namabandla. Qhathanisani neBhayibheli! Yilokho esikwenzayo namhlanje. Yileyo indaba ngathi mabandla amaPentecostal. Yileyo indaba ngos'scula ngabane bakithi nokucula okuningi, kanjalonjalo, njengoba sinabo, sizama ukuziphathisa okweHollywood. IHollywood iyabenyezela; iVangeli liyakhazimula. Kunenqwaba yomehluko phakathi kokubenyezelayo nokukhazimulayo. Niyabo? IHollywood ibenyezela ngezingubo zokugqoka, noRicky noRecketta, nemigunguluzo. Kodwa uNkulunkulu ngokuzithoba ukhazimula ngokuthobeka kokholwayo, akunandaba ukuthi akazi lutho kanjani. Ukhazimula ngokuthobeka, hhayi ukucwazimula eHollywood.

150 Qaphelani, wazama isu lakhe elidala ahambisa ngalo kuJesu, into efanayo ayenza kuMose, into efanayo ayenza kubo bonke abanye babo. Walizama. Uyolizama kuwe, ukuba athole ukuba wemukele into ethize enkulukazi ebukeka ibenyezela.

151 Kungikhumbuza ngenkathi ngangivame ukuzingela amakuni, amagqalashu. Ngangizitholela i. . . Ubaba, ubabayi

wami, wayesebenzisa ugwayi. Angazi noma nonke nake nasazi esinye salezozilengiso ezindala ezazivame ukuba sekusontekeni kogwayi. Ngangizithatha, ngizitholele ugodo bese ngibhoboza imbobo kulo, ngokuzungeza umfudlana ngqo lapho ikuni yayikade igijima khona. Bese-ke ngibhoboza imbobo phakathi lapho, bese nginamathelisa lesisilengiso sogwayi lapho. Bese-ke ngizibethelela izipikili, ngenze ingoxe *kanje*. Nekuni njalo ifuna into ebenyezelayo. Futhi ngakho uma kuphuma inyanga, bese igijima ngapho, yayibuka emuva lapho, ifuqele isandla sayo phakathi lapho ukuba iyithole. Futhi ingeke isayidedela.

152 Ifana namanye amalunga ebandla. Ngisho noma selazi ukuthi libanjiwe, lingeke liyidedele. “Uma ngenza, bazongikhipha enhlanganweni.” Lokho nje ngukufa kwalo, yilokho kuphela. Kulungile. Qaphelani. Libambelela lapho kuyo, lingeke liyidedele.

153 Manje uSathane wazama isu lakhe elifanayo ahambisa ngalo kuJesu, ayelizama kubo bonke abanye babo. Wazama ukuMenza adle into ethize ngaphandle kweZwi-Sinkwa elithenjisiwe. Isizathu, uJesu wathi, “Kulotshiwe, ‘Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso.’” Niyabo? Wazama ukuMenza ukuba alalele yena. Nakuba kwakubukeka kukuhlana, kwakubukeka sengathi Wayengazondla Yena uqobo, futhi Wayengakwenza. Une . . .

154 Ungaziphatha noma ngayiphi indlela ofuna ngayo, futhi. UngaLithatha noma uLiyeke, noma yikuphi okufunayo. Manje ukuba leyokuni yayinomuzwa ngokwenele ukuba nje i, o, ivale isandla sayo ngemuva, yayingasikhipha futhi; kodwa ingeke ikwenze, izibamba yona lapho nje. Futhi yileyondlela inqwaba yamaKristu ngegama nje elenza ngayo, futhi. Awafuni-kuzwa lutho ngaLo, awafuni ukuza futhi aLizwe. Awafuni lutho ngaLo. Qhubeka futhi ubambelele kukho-ke, uyabo, uyothola ukuthi kwenzekani.

155 Manje qaphelani, bazama ukuMenza adle into ethize ngaphandle kweSinkwa sokuPhila wonke umuntu afanele ukuphila ngaso. Kodwa uJesu wahlala neZwi likaYise. O, akamshayanga uEva ngaleyonkathi, akazange ashaye uMose, akazange ashaye noma yimuphi wabo bonke. Washaya Lowo owayezobonisa kuye onke amaZwi. Niyabo, Yena, yingalesosizathu, WayeyiZwi. Kodwa uJesu wahlala neZwi, wayala imfundiso yakhe yasekholiji lesayense yezenkolo, yebo, mnumzane, ukukhanya kwakhe okusha, isehlakalo sakhe esinye futhi. Akakwazanga ukusifuqela kuJesu njengoba asifuqela kuEva, ukumkhombisa, “O, impela, uNkulunkulu . . . ”

156 “O, impela, uNkulunkulu ubezoba kulokhu ukuba besingahlangana ndawonye bese senza wonke uMkhandlu wamabandla oMhlaba. Impela, uNkulunkulu ubengaba kuwo. Ufuna ubunye futhi Ufuna ubuzalwane.” NaYe uqobo, hhayi nezwe; ubuzalwane naYe uqobo, ukukhonza kuYe uqobo. Wafela

lokho-ke, ukuze nikwazi ukuMkhonza. Njengasemihleni, uma engenakuthola . . .

Manje sithola ukuthi wehluleka. UJesu wabuyela kuye ngqo, no ISHO KANJE INKOSI.

157 Manje uma ebona ukuthi okholwayo . . . Bhekisisani okholwayo uza ngalemikhakha efanayo manje, ngamunye wenu. Uma ebona (lona) ukuthi uzohlala neBhayibheli, "Ya, ngiyalikholwa iBhayibheli. Angizukujoyina-sivumokholo nento phandle lapho. Ngizohlala neBhayibheli." Futhi, njengasemihleni, uma engakuthola ukuba ukholwe, ukuba—ukuba uphile iQiniso langempela nokuthi ukholwe iZwi, ngifuna niqaphele ukuthi wenzeni kuJesu, okwesibili, uma engenakukuthola. Uthi, "Angizukujoyina-sivumokholo. Angizukukwenza. Ngi, ngazalwa ngikhululekile, ngizohlala naLo. Ngizokwenza *lokhu, lokho,* noma *okunye*." Niyabo, "joyina ibandla," futhi "woza ujoyine," nenye into ethize; angeke akuthola ukuba wenze lokho, khona-ke uyokwenza enye into ethize kuwe. O, mfowethu, bhekisisa lokhu.

158 Uma engakwenzi, khona-ke uyokuthumela ukuba uchezukele ekholiji lakhe uqobo, ukuba ufundiswe ngosiyazi bezenkolo bakhe uqobo, niyabo, lapho uSathane engumhumushi. "O, izinsuku zezimangaliso selwedlule. Lowo abantu ezansi lapho, nginabo . . . awu, leso yisigejane sabakholwa ngokuphambene nokukholwa okuyikho. Bona, abanjalo, niyabo." Uyokuthumela lapho.

159 O, ungahle uthi, "Awulinde kancane, Mfowethu Branham! Umzuzu nje manje!" Ya, ake silinde umzuzu nje, niyabo. Wena uthi manje, "Awusafanele ukukwenza na? Asifanele ukukwenza na?" Qhabo, mnumzane. Qhabo, mnumzane.

160 Kodwa uJesu wathi, "Nxa Yena uMoya weQiniso esefika, niyabo, Uyoletha lezizinto eNgizifundisile, enkumbulweni yenu, iZwi. Kanti futhi Uyonibonisa okuzayo." Nanto iBandla langempela eligcwaliswe ngoMoya manje, lihlala neZwi, libonisa iZwi, uNkulunkulu emhlabeni. Niyabo? Akadingi noma yimuphi usiyazi wezenkolo, ngoba iZwi laKhe alihunyushwa ngumuntu ngokwakhe. Uhumusha iZwi laKhe uQobo, ngokuLiqinisekisa futhi eLifakazisa, LiyiQiniso.

161 Ngenkathi ibandla leMethodisti linitshela ukuthi naningemamukele uMoya oNgcwele njengoba benza ngoSuku lwePhentekoste, ngabe nakunaka na? Impela qha. Naqhubeka ngqo futhi nathola uMoya oNgcwele, noma kanjani. Niyabo? Kubangela i . . .

162 Ngangixoxa ngom—muthathu emunye nom—mfundisi oyiBaptisti, ngobunye ubusuku, ngase ngimtshela ukuthi kwakuyihlelo lamagama asetshenziswa endabeni kuphela. Futhi ngakho sifika sithola ukuthi, wathi, omunye umfundisi omncane

lapho ovela ekholiji, wathi, "Kodwa, Mnumzane uBranham, uzama ukwenza abantu bakholwe yinkolo yabaphostoli."

Ngathi, "Impela, okuyiyona kuphela ekhona."

Wayesethi, "Mnumzane, waya kusiphi isikole na?"

163 Ngathi, "Emadolweni ami, mfowethu. Hhayi uku . . . Niyabo, yilapho engathola khona, hhayi isayense yezenkolo, kodwa emadolweni." Ngathi, "Yilapho engaMthola khona."

164 Wayesethi, "Mnumzane uBranham, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, njengoba bawuthola ngoSuku lwePhentekoste, uzama ukusho ukuthi lowo unamhlanje na?"

165 Ngathi, "IBhayibheli lasho, mnumzane, ukuthi i . . . ukuthi uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade." Ngathi, "Lowo kwakunguJesu Kristu ofika ngoSuku lwePhentekoste." O, ya.

166 Qhabo, nguye Lowo! "Kuseyisikhashana, Ngiyokhuleka kuBaba, Uyonithumela omunye umduduzi, onguMoya oNgcwele. Isikhashana izwe lingabe lisaNgibona, Mina ngeke liphinde; nokho niyoNgibona nina, ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekuphelelisweni, ukuphela kwezwe."

167 Ngathi, "Ya, yiLowo ofika ngoSuku lwePhentekoste. Yebo, mnumzane. Wafika, waphila kubo, qaphelani, esimweni somuntu kaMoya oNgcwele, uJesu Kristu kumuntu kaMoya oNgcwele, njengoba sibuqonda ubuNkulunkulu."

168 Manje qaphelani, uSathane akayidinganga isayense yakhe yezenkolo, isayense yezenkolo. Nalendoda yathi kimi, yathi, "Mnumzane uBranham," yathi, "Ngizokunika ukuthi uqonde, ngivela esikoleni esithize, futhi siyaqeqeshwa."

Ngathi, "Ngiyaluzwa uhlelo lwakho, sonke isikhathi." Niyabo?

Yathi, "Siyaqeqeshwa lapho." Yathi, "Umbhaphathizo wabo kaMoya oNgcwele wawungowabafundi kuphela."

169 Ngathi, "IBhayibheli lathi kwakukhona 'ikhulu namashumi amabili' ekamelweni eliphezulu." Ngase ngithi, "Manje ubani oqinisile, uwena noma iZwi na?"

170 Ngase ngithi, "Kwase kuthi-ke, futhi, ngenkathi uFiliphu ehla wayeseshumayela kumaSamariya, futhi wawabhaphathiza eGameni likaJesu Kristu, kodwa uMoya oNgcwele wayengakehleli kubo, ngoba uPetru wayenezihluthulelo. Ngakho wathumela enhla eJerusalema wayesethola uPetru, ozayo wehla wayesebeka izandla phezu kwabo, futhi uMoya oNgcwele wehlela kubo. IBhayibheli lathi, 'UMoya oNgcwele!'"

171 Ngathi, "Manje-ke uPetru, enombono, enezihluthulelo, wenyukela endlini kaKorneliyu, iZenzo 10, amashumi amane-nesishiyagalolunye . . . 'Futhi kwathi esakhuluma lawamazwi, uMoya oNgcwele wehlela phezu kwabo. Ngokuba

babezwa bekhuluma ngezilimi, futhi—futhi—futhi beprofetha, betusa uNkulunkulu. Wayesethi-ke uPetru, singala namanzi, ukuba laba bangabhaphathizwa, lokhu bemukele uMoya oNgcwele njengoba senza ekuqaleni na? Wayesebayala ukuba babhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu.'

172 "Siyathola, iminyaka engamashumi amathathu kamuva, uPawulu edabula amazwe angasenhla ase Efesu, uthola abanye abantu abangamaBaptisti owayenemvuselelo enkulu. Izinto ezinkulu zaziqhubeka. Bayamemeza, bedumisa iNkosi. NoPawulu wavakasha kulo ibandla lapho cishe abantu abangamashumi amabili babethamele, lapho uAkwila noPrisila wayethamele umhlangano; lapho uApolo, isazimthetho esiphendukile, efakazisa ngeBhayibheli ukuthi uJesu wayenguKristu. Futhi babenokuthokoza okukhulu, nomhlangano omkhulu. UPawulu edlula, wafika edlula emva kokuba e. . . iNkosi yamkhulula etilongweni; ngokukhipha umoya, udeveli waphuma kumbhuli. Sekuthi-ke uyenyuka edabula lapho, esemsebenzini weNkosi, wayeseya ukuyozwa umhlangano. Wayesethi, 'Lomuntu ungumuntu omkhulu, kulungile, kodwa,' wathi, 'nimamukele uMoya oNgcwele lokhu nakholwayo na?' Wayekholwa ukuthi uMamukela ngenkathi ukholiwe. Kodwa wathi, 'Nimamukele uMoya oNgcwele lokhu nakholwayo na?' Wathi, 'Asazi nakuba kukhona uMoya oNgcwele.'

173 "Wathi, 'Pho nabhaphathizwa kukuphi na?' Kwakuyilowo umbuzo. Wathi, 'Sibhaphathiziwe, indoda efanayo eyabhaphathiza uJesu: uJohane. Sibhaphathizwe ngombhaphathizo kaJohane.' Niyabo? Wathi, 'UJohane wabhaphathizela kuphela kukho ukuphenduka, hhayi kukho ukuthethelelwa kwezono.' UJohane. . . ngoba iWundlu lalingakabulawa. Wathi, 'UJohane wabhaphathizela kukho ukuphenduka, lokhu nifanele nikholwe nguYe owayezofika, kuJesu Kristu.' 'Futhi bathi ukuzwa lokhu, babhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu. Futhi uPawulu wabeka izandla zakhe phezu kwabo, noMoya oNgcwele wafika phezu kwabo, base-ke beprofetha futhi bakhuluma ngezilimi,' iminyaka engamashumi amathathu kamuva."

Ngase ngithi, "Ngaphandle kwalokho, uyalikholwa iBhayibheli na?"

Wathi, "Impela."

174 Ngathi, "UPetru, ngoSuku lwePhentekoste, kwathi kuzwakele wonke lomdumo, futhi bonke babememeza futhi bedumisa uNkulunkulu, bathi, 'Madoda bazalwane, singenzani ukuba sisindiswe na?' UPetru wathi, 'Phendukani, yilowo nalowo, futhi nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono, khona niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele, ngokuba isithembiso ngesenu

nesabantwana benu, nesabo okude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza.' Kodlula amazulu nomhlaba, kodwa leloZwi alisoze lehluleka!"

175 Ninamaphentekoste aniyinakanga iMethodisti, iBaptisti, noma iPresbyterian. Nanazi ukuthi Lokho kwakungokwazo zonke izizukulwane, futhi nafuzula kuKho. Impela. Manje, ningami nje ukufuzula khona lapho, qhubekani nje nifuzula, niyabo.

176 Yilapho amaMethodisti enza khona iphutha lawo, afuzulela ekungcwelisweni kodwa ase ema. ILuthela lafuzulela ekulungisisweni lase liyama. Niyabo, bese-ke liyakuhlela, lifa lapho-ke. Lokho ngukuphela kwalo. Yilokho ukuphela kwalo.

177 Bhekisisani manje njengoba sijaha ukuqeda. "Nxa uMoya weQiniso usufika, Uyonifundisa konke, noma yini eNginifundise khona," o, he, "nithwala yonke inkumbulo kini, eNgikusho kini, nginilethela, yonke inkumbulo. Futhi Uyonibonisa okuzayo. Uyoqinisekisa onke amaZwi, eqinisa iZwi ngezibonakaliso zilandela." Konke Akwethembisa, uNkulunkulu akwethembisa eBhayibhelini, uma nizodedela zonke izivumokholo nayo yonke into, futhi nibambelele eZwini, uNkulunkulu ubophezelekile ukunakekela iZwi laKhe. Futhi ngakho ngenkathi benza lokhu, iZwi liziqinisekisa Lona uqobo.

178 Akadingi omunye umuntu ukuba athi, "Awu, izinsuku zezimangaliso selwedlule."

179 Ubani lowomuntu ukuba angitshele ukuthi izinsuku zezimangaliso selwedlule, lapho engake ngaba yimpumputhe na? Haleluya. Ngake ngalala lapho odokotela benginika imizuzu emithathu ukuba ngiphile, futhi ngiyaphila namhlanje. Bangangitshela kanjani noma yikuphi ukwehluka na? Ngake ngaba yilunga lebandla elisivivi, manje sengigcwaliswe ngoMoya oNgcwele. UNkulunkulu akadingi-mhumushi. UMoya qobo lwaKhe, oyiZwi, ulihumusha ukuthi liyiQiniso. Uma umuntu-eyoba nesibindi sokuma athi qekelele futhi aLithathe. Ungumhumushi waKhe Yena. Mzame kanye, futhi uthole ukuthi lokho akunjalo yini. Ungakunaki okushiwo ngomunye umuntu. Yenza lokho uNkulunkulu athi kwenze.

180 "Awu," wena uthi, "Ngenza *lokhu.*" Awu, kuthiwani ngokunye, onke amaZwi na? IZwi elilodwa ligqabula iketango.

181 Yilapho amabandla ehluleka khona njalo, khona impela kuleloketango. Bayalihlela bese behlanganisa into ndawonye, bese benza ihlelo elikhulu. Lamadoda ahlangana ndawonye, uBaba oNgcwele u*S'bani-bani* noDokotela umBhishobhi u*S'bani-bani*. Futhi yini into yokuqala onayo na? Nakho lapho okhona. Ufela khona lapho. Sizokufakazisa ngemvelo nangeZwi, uma iNkosi ithanda, emizuzwini embalwa. Kulungile.

182 "Uletha ekukhumbuleni." Uqinisekisa onke amaZwi, futhi siphila ngaLo. Haleluya! Siphila ngalo! "Umuntu uyakuphila

ngawo onke amaZwi, onke amaZwi aqinisekisiwe." UJesu wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Ziyakubalandela abakholwayo!" Libambe; uNkulunkulu uyaLiqinisekisa, ukuthi LiyiQiniso.

183 Lapho, amakholiji nosiyazi bezenkolo, bephefumulelwe nguSathane, bathi, "Ungeke waLethemba. Lelo lingelababaphostoli. Usuku selwedlule. Ayikho into enjalo. Lokho kwakuqondiswe kubaphostoli kuphela, ukufakazisa iVangeli ngaleyonkathi. Sibafundile abantu namhlanje."

184 Babenokufunda okungcono ngaleyonkathi kunoma sinakho manje. Ngitshele noma yiliphi ibandla elingakhuphuka nalokho, leyoSanhedrin, ngenkathi okhokho bokhokho bokhokho bokhokho babo babefanele babe ngabapristi, emva kwabo. Izwi elilodwa eligwegwile kulokho, kulowombhalo ogoqwayo, noma, ngani, ba—babeyobakhanda ngamatshe ngakho. Babefanele bahlale kahle impela. Kodwa bageja ukubona uMnyombo wangempela weZwi ngenkathi Lifika, ukuPhila. Yingakho balahlwa futhi babizwa nge "zisebenzi zikaSathane."

185 Niyabo, lokho akulibonisi iZwi likaNkulunkulu, uma isitshudeni sasekholiji sikutshela, "UMoya oNgcwele akasuye owanamhlanje. Nalezizinto, zonke lezozinto zokuphilisa ngokukaNkulunkulu, ngokolunye usuku." Niyabo, akusikho ukubonisa okuvela kuNkulunkulu, kungukubonisa okuvela e—esivumwenikholo. Kungukubonisa okuvela emfundisweni engaphandle kweBhayibheli.

186 AmaHeberu 13:8 athi, "Nguyena izolo, namuhla, naphakade." UJohane oNgcwele 14:12, wathi, "Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza." Manje uzolikhipha kanjani leloZwi lapho, uzoyenezela kanjani into ethize endaweni yaLo na? Ugqashula iketango lokuPhila. Umuntu uphila ngeSinkwa sodwa, iSinkwa, Phakade uphila ngalesoSinkwa. Ngokomzimba, uphila ngalesisinkwa. Nazo izinkwa ezimbili. UMoya oNgcwele, uMoya oNgcwele ukuwe, uthi "amen" kuwo onke amaZwi kaNkulunkulu, uma lowo kunguMoya oNgcwele. Manje kukhona engifuna ukunibuza khona. Manje lena yingxenye encwebayo.

187 Umama wayevamise ukunginika ukhasta oyela ngenkathi ngisengumfanyana. Futhi a—angeke ngalimela iphunga lezinto, namanje. Niyabo? Sakhula simpofu, nomama wayebilisa izikhumba zenyama bese eyazichaya. Sizithola ezansi e... kudade omdala ogama linguGoodwin, owayenebhikawozi ezansi lapho, futhi wayebhaka amahemu inyama yengulube nezinto, bese eyakuchaya lokho. Sasithola ukudla, bese sithatha lowogrisi nezinto bese senza isinkwa sethu sommbila. Futhi sasinokudla kokuhlupheka, akumangalisi sasinokungondleki nokunye nokunye, ukuhlupheka. Kodwa umama ngaleyonkathi, njalo ngoMgqibelo ebusuku...Sasi—singalutholi uhlobo

olukahle lokudla, ngakho wayesenza ukuba sonke sithathe elikhulu ithamo likakhasta oyela. Futhi nga—ngangibamba ikhala lami nje futhi ngimemeze, ngathi, “Mama, lokho kungigulisa kabi.” Wathi, “Uma kungakugulisi, akukusizi ngalutho.” Ngakho, ngakho mhlawumbe lokho kuzosebenza ngalendlela. Manje kanjani . . .

188 Ngizonibuza into ethize. Angakwenza kanjani owesilisa noma owesifazane ozisho ukuthi ugcwaliswe ngoMoya oNgcwele, oyiZwi (kunjalo na?), futhi ungaba kanjani yinyama yalowoMoya oNgcwele, okwenze ingxenye yaKhe, ukubonisa iVangeli lonyaka wakho, futhi uphike iZwi Aliloba na?

189 Angikhathali ukuthi ulunge kanjani. Ngani, nginganiyisa eAfrika, kuma—maLawu lapho, futhi nginikhombise impilo umKristu angeke ayithinta. Ngisho uma bengabanjwa ekuphingeni; uma omunye wabesifazane, ngaphambi kokuba ashade, intombi, izofanele ihlolwe kuqala ubuntombi bayo. Uma itholakala inecala, izofanele isho ukuthi iyiphi leyondoda eyakwenza, futhi bobabili babulawa kanyekanye. Ukuba-ke lokho bekungenzeka eUnited States, ubani obengangcwaba zonke izidumbu, niyabo? Ngakho, ngakho nakho lapho okhona, uyabo. Futhi bangabahedeni, niyasibona isimo sokuzimisela. Niyabo, ngakho ungeke wakuhlola ngalokho. Umfowethu oyiNdiya lapha anganitshela manje, abakaMohamede mhlawumbe baphila impilo engcono kakhulu kunoma sike sicabange ngayo.

190 Kodwa kuyini na? YiZwi elinikeza ukuhlola. LabobaFarisi wayethobe nje ngokuphindwe kabili njengoJesu. Wayehambe edabula amabandla abo, futhi ebaphosa phandle, futhi ebashaya ebakhipha, nayo yonke into kanjalo.

191 Nalompristi omdala onokumesaba uNkulunkulu, niyazi, ngani, owaye . . . Ukuba benginomhlangano ngimelene naYe, kulokhu ukusa; bengizothi, ubani oza kuwe ngenkathi wawugula, okukhulekelayo na? “Lowompristi omdala omesabayo uNkulunkulu.” Ubani owaboleka ubaba leyomali ngenkathi ukudla kwakhe kwasemasimini kwehlulekana? “Lowompristi omdala omesabayo uNkulunkulu.” Ubani owakunikela kuNkulunkulu, ube yimpilo yokukhonza na? “Lowompristi omdala omesabayo uNkulunkulu.” Kwakungubani, ngenkathi wawusejele, ofikayo futhi akuvakashele na? “Lowompristi omdala omesabayo uNkulunkulu.” Futhi lelimbuka eliselisha elithiwa uJesu, Wenzani na? Wabiza umelusi wakho nge “nyoka”! Niyabo? Niyabo, akungazo izithelo.

192 KungeZwi. “Akusithelo sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kodwa ngamaZwi onke aphuma emlonyeni kaNkulunkulu.”

193 Futhi WayeyileloZwi. Bayehluleka nje ukuLibona. Yilokho Ayefanele ukukwenza. Babengakuboni, ngoba

babengakugcotshelwe ukukubona. Wathi, "Ningeze kiMi." Bukani lawomaJuda-ndini, amehlo awo ayephuphuthekile. Impela, Wakwenza. Wawaphuphuthekisa, qobo lwaKhe.

194 Cabangani ukuthi bekuyobanjani ukuphuphuthekiswa. Nifanele nimbonge uNkulunkulu ngalokho kubona eninakho emBhalweni. Manje qaphelani.

195 Manje, Yena, WayeyileliZwi. Manje, emva kwalokhu, Wahlolwa. Ukuhlolwa kukaJesu. Manje sedlula kulokhu.

196 Niyabo, akulibonisi iZwi uma noma ubani ethi, "Awu, Lelo kwakungelomunye unyaka," ngoba iBhayibheli lathi Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Ubengakwenza kanjani uMoya oNgcwele kuwe ukuba athi ugcwaliswe ngoMoya oNgcwele na?

197 Manje nginganilimaza yini kancanyana na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kulungile na? Phakamisani izandla zenu. Ngeke ningihlanyele na? ["Qhabo."] Uma nikwenza, nifanele.

198 Ningakwenza kanjani nina besifazane, nezinwele eziphunguliwe, ningitshele ukuthi nigcwaliswe ngoMoya oNgcwele na? IZwi elilodwa! "O, ngakhuluma ngezilimi." Lokho akwenzi mehluko. Ngizibonile izinyanga bathakathi zikhuluma ngezilimi, zihumusha, zimemeza emoyeni, zisina emoyeni.

199 Wena ndoda ungazibiza kanjani ngenhloko yendlu, bese uyekela umkakho agqoke izikhindi futhi eqhubeka ngendlela ayiyo, uzibize ngamaKristu na?

200 Ningakwenza kanjani nina belusi ukuba nize nibhekane noNkulunkulu nento enjalo, ngaphandle kokusukuma futhi nikubhikishele na? Ningeke nabenza bakwenze. Kodwa nithola ukushumayela kanjalo, ningeke naba sekholiji isikhathi eside kakhulu noma neqembu. Niyofanele nithole ubambiswano oluvela kwenye indawo. Sizongena kukho, emzuzwaneni nje, iNkosi ivuma. Niyabo?

201 Kodwa nakho lapho enikhona. Ninga, angiqondile ukunilimaza. Ngiyanithanda. Yingalesosizathu. Ukuba—ukuba ubuntanta wehla ngomfula, futhi ngabona ukuthi ubuzominza, bengiyoba ngumfo ombana, ukuba ngithi, "Awu, ube ngumuntu okahle, s'thandwa." Kungcono ubexwayise. Kunjalo. Batshele!

202 Njengoba ngasho ngobunye ubusuku, uma ngingumKristu, ngifanele ngibandakanywe naso sonke isimilo seBhayibheli. Ngafanele ngime noNowa futhi ngishumayele naye, ngezinsuku, futhi ngexwayise abantu. Kunjalo. Ngafanele ngime eNtabeni iKameli, ngingedwa, noElija. Ngafanele ngime eKalvari, futhi ngibethelwe kimi uqobo nemicabango yami uqobo, naYe. Kodwa manje-ke futhi, ngavuka naYe ngePhasika, nginqobile phezu kwezinto zonke. Konke okwenyama kobunyama bezwe, ngavuka ngaba ngaphezu kwakho, kuYe.

203 Qaphelani, akulibonisi-ke iZwi, qhabo, akuLiqinisekisi. Manje, kodwa uma nikholwa iZwi, uNkulunkulu uzoLiqinisekisa, qobo lwaKhe, njengoba Enza lapha kuJesu.

204 IZwi-Sinkwa njalo sichaza ukondliwa ngaso. "Futhi akusinkwa umuntu azakuphila ngaso, njengalesisinkwa, sodwa, kodwa ngamaZwi onke." Ngakho lelelo yiZwi-Sinkwa, kugcineni lokho engqondweni, lesi yilesiSinkwa ibandla yonke iminyaka ebelondliwa ngaso, bekuyiMana efihliweyo yomnqobi nje kuphela. ISambulo sasho njalo. Manje anginaso isikhathi sokuhlaziya yonke lento, ngoba mhlawumbe ngineminye imizuzu engamashumi amathathu. Kodwa, bukani, ngenkathi engcwele—ngenkathi imana engcwele yehla eZulwini, okwakungumfanekiso kaMoya oNgcwele. Nizovuma kulokho.

205 UNkulunkulu watshela uMose ukuba aphume futhi athathe iyomere eligcwele yona, bese eyibeka eNgcwelengcweleni yezingcwele. Isizathu, uma babengayibekanga eNgcwelengcweleni yezingcwele iyakhunta. Kunjalo na? Izibungu zazingena kuyo. Manje Wathi, "Kodwa ibeke eNgcwelengcweleni yezingcwele, kuleyomere, ukuthi zonke izizwe;" ezivelayo, emva kwalobobupristi, uma umuntu ezoya ekubeni ngumpristi, ukukhonzisa ngeZwi, into yokuqala afanele ayenze, emva kokuba esegcotshiwe, ngukungena futhi athathe okugcwele isandla kwaleyomana yasekuqaleni bese eyidla.

206 Lokho kwakungukumela lokho kuKhanya esandleni saKhe, onyakeni webandla omusha, ebonisa ukuKhanya kwaKhe, iMana; futhi ngumuntu kuphela onqoba ngokuphelele, umuntu ngempela ohlala phansi bese entshinga eceleni konke okunye ngaphandle kweZwi. NeZwi liyileyoMana. O, he, nguJesu! "Umuntu uyakuphila ngawo onke amaZwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu." Leyo yiMana efihliweyo yomnqobi, o, lokho kwakubekwe phezulu ngakunye—ngakunye, ubupristi ngabunye bukulandela.

207 Izikole zesayense yezenkolo, kudala, ishintshanise leNto ebusisiwe ngokudlanyana okusasijingi. Lokho kunjalo impela. Yebo, mnumzane.

208 Njengoba kwenza uEsawu. Manje, uEsawu, ngomthetho wokulunga, wayeyindoda engcono kunoJakobe, kodwa wayengenazo izinhlonipho ebuzibulweni bakhe okwakuyiZwi. Bangaki okwaziyo lokho, ubuzibulo kwakuyiZwi, isithembiso, indodana endala na? Kodwa wayeyindoda elungileyo, indoda eziphethe kahle, njengo, o, njengomKristu ngegama nje namhlanje, indoda elungileyo. Akaqambanga amanga. Akantshontshanga. Wayelungile kuyise. Wenze zonke lezizinto. Kodwa, niyabo, ubuzibulo bakhe, wathi wayengenandaba nalokho. "Kwenza mehluko muni lokho na? NgingumIsrayeli, empeleni. Niyabo, ngi—ngingowakho, empeleni." Kodwa

kwakungubuzibulo bakhe obabusemqoka, niyabo. Okwakhe kwemvelo kwakulungile, kodwa okwakhe komoya konke kwakungalungile.

209 Kunjalo nanamhlanje, ukudla okusasijingi, kuhlanganiswa ibandla nezwe ndawonye, okunye kokunye ngakunye; amaphathi omdlalo wamakhadi, imidanso, zonke izinhlobo zokuqhubeka, ebandleni; abesifazane abazinwele-zimfishane, begqoka izikhindi.

Awu, wena uthi, "Mfowethu Branham, yini leyonto encane na?"

210 Lelo ngelinye lamaZwi, ngokuba iBhayibheli lathi akulungile ukuba owesifazane agunde izinwele zakhe. Kunjalo. Uma enza, uzongena kanjani na? Niyabo? Buza nje, noma yimuphi umshumayeli uzokutshela ukuthi iZwi lisho lokho. Niyabo, "uhlazisa ikhanda lakhe," uhlazisa indoda yakhe. Ufanele afakwe isehlukaniso. Lokho kunjalo impela. "Ngokuba lowo owesifazane oyogunda izinwele zakhe, makaphucwe futhi, agundwe." Niyabo, kukhombisa ngalokho. Hhayi nje uziphungulile, uNkulunkulu akakufuni ngaleyondlela. Lowo yilowoMnumzane Maphakathi nendawo. Ungazilulazi ngakho. Kuphakathi kokuthi zigunde zonke noma uziyeke zikhule, yilokho uNkulunkulu akusho. Noma yimuphi umfundisi weVangeli uyazi ukuthi lelo yiQiniso, noma uzokusho wena noma qha. Kodwa lelo yiQiniso. Niyabo? Awu, kusizani, uma uzokwenza konke okunye kwakho, bese uyeka lokho kuhambe na?

211 Ini? Kunokuncanyana nje kwesitayela sezwe kuwe, uzama ukuziphatha nje kancanyana njengamanye amabandla. Yilapho impela uIsrayeli angena khona enkathazweni. Bafela lapho-ke. Yilapho uAdamu angena khona enkathazweni. Yilapho bonke abanye babo bangena khona enkathazweni. IZwi elilodwa nje, kuthatha lokho kuphela, iphuzu elilodwa nje. Ukudla okusasijingi, kuxutshwe nezwe! Okunye kwezwe, okunye kweHollywood, okunye kwebandla, abanye bosiyazi bezenkolo, futhi ninani na?

212 Qaphelani, uma uSathane ehluleka lapha, khona-ke uyozama icebo lakhe lesibili kuwe, akufake ekukutholeni u—ukuba ulikholwe ngokungesikho iZwi, uyo. . .futhi—futhi uye ekholiji. Uyozama elilandelayo, icebo. Manje nakhu lapho enifuna khona ukucophelela ngempela, futhi nje hlalani nje eminye imizuzu emihlanu kulengxenye, uma nithanda. Bese-ke ethembisa ukukunika okungaphezu kwemvelo. Ngizobuyela kukho konke lokhu, ngaphambi kokuvala nje. Wenza. . .Niyabo, uma engenakukulinga ukuba usuke eZwini, "Qhabo, ngizohlala neZwi," khona-ke uyothembisa ukukunika okungaphezu kwemvelo.

213 Wathi, "Ngizokutshela ukuthini. Yenyukela lapha bese utshuza wehle ethempelini, bese ubuye uyenyuka. Uyabo, ukhombise abantu ukuthi Ungenza okuthize okungaphezu kwemvelo."

214 Mfana, wabathola lapho. Manje bhekisisani lokhu, yikho lokhu. Bhekisisani uma senifika ekugcineni, lapho lesisilingo sifika khona. Mhlawumbe angahle adedele abanye benu bakhulume ngezilimi, nicabange ukuthi ninaLo. Niyabo? Noma angahle ngisho aniyekele niprofethe, nakuba kungekanye neZwi. Ngibabonile abantu besukuma futhi baprofethe, kwakuphambene impela neZwi njengoba iMpumalanga injalo kwiNtshonalanga. Niyabo? YiZwi eniphila ngalo. Lezoziphiwo ezingaphezu kwemvelo, uSathane angazinikeza nje zigcwale izandla. Impela. Lokho akuchazi neyodwa into.

215 Akashongo yini uJesu, "Abaningi bayakuza kiMi ngalolosuku, futhi bathi, 'Nkosi, angiprofethanga yini ngeGama laKho na? NgeGama laKho ngikhiphe odeveli. Ngenze imisebenzi yamandla. Kade ngiyindoda enkulu enhlanganweni. Ngenze zonke lezizinto, lezizinto'"? Uyothi, "Suka kiMi, wena owenza okubi."

216 Yini ububi na? Kuyinto owaziyo ukuthi ilungile, futhi uyayiyekela futhi ungenakuyenza, enhliziyweni yakho. Ube wazi ukuthi leloBhayibheli lifundisa into ethize, futhi ungenakuyenza, lobo ngububi. NoDavide wathi, "Uma ngifihla ububi enhliziyweni yami, uNkulunkulu akayikuzwa ngisho nomkhuleko wami." Ngabe yiQiniso lelo na? Ngabe yiBhayibheli lelo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje, impela beningeke nakuthukuthelela Lokho, niyabo. UJesu washo lokho, "Abaningi bayakuza kiMi ngalolosuku, futhi bathi, 'Ngenze zonke lezizinto,' futhi Ngiyakuthi, 'Suka, wena misebenzi yokubi.'"

217 Kuyafana njengoba kwenza uAdamu. UAdamu wathi, "Nkosi, ngenza *lokhu,* ngenza *lokho.*" Kodwa iZwi elilodwa, niyabo, iZwi elilodwa lakwenza. Kuthatha lokho kuphela, ukungalaleli iZwi elilodwa nje.

218 Yebo, mhlawumbe aprofethe kuphambane neZwi. Kodwa manje, ngesikhathi enalesisiphiwo esingaphezu kwemvelo, uthathwa kakhulu ngumsindo, ngubukhazikhazi bakho. "Udumo kuNkulunkulu, ngikhulekela u*S'bani-bani,* basukuma futhi basuka bahamba! Haleluya, ngingakhuluma ngezilimi! Nomunye akuhumushe, kuyilo ngokoqobo, iqiniso."

219 UPawulu wathi, "Ngingakhuluma ngolimi njengabantu neziNgelosi, kepha nokho ngingabi yilutho. Ngingaba nokukholwa okugudluza izintaba, futhi ngiyilokhu ngingelutho." Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Kunjalo."—Umhl.]

220 Kodwa, niyabo, uyothembisa ukukunika lokho. O, bantu bePentecostal, ngiyanithanda, kungenjalo bengingeke ngibe

nani. Yilapho enehluleka khona, niyabo. Bhekisisani iZwi, hhayi isiphiwo. Bhekisisani umnikezi, niyabona lapho—niyakubona lapho okuvela khona, niyabo. Uyothatheka ngakho konke, usina emoyeni, mfana . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . into kuphela. Unabantu abaningi kakhulu ngakuye, futhi wonke umuntu emfuna, lapha nalaphaya, futhi ukhohlwa yiZwi.

221 O, uthandwa kakhulu ngabantu inqubo nje uma udeda kuleloZwi. Kodwa ngena kuleloZwi, ngesinye isikhathi, bhekisisa ukuthi ubani ozobambisana nawe-ke. Niyabo? Bhekisisa ukuthi kuphumani-ke. Sizofinyelela kulokhu, kwesinye isigaba semvelo, emzuzwaneni. Niyabo, bhekisisani ukuthi ubani—ubani okufunayo-ke, akukho-muntu okufunayo. "O, dedani kuLokho!" Njengososesheni othize ubuthene ndawonye lapha amaviki ambalwa edlule futhi wangihlanganisa, noma yimuphi umfundisi oza edolobheni, iVangeli eligcwele, ubezoba nami edolobheni ukukhulekela abagulayo babo, uyokhishwa ngokuphelele kusosesheni. Kulungile, ngoba ngikhulekela abagulayo. Kulungile. "NingaLizwa!" bayasho. Futhi nanto iZwi liqinisekiswa.

222 Leyo yinto efanayo abayenze ngeNkosi yethu. Leyo yinto efanayo abayenze ngabo bonke abantu, kuyo yonke iminyaka. Yilokho abakwenzile ngoLuther, uWesley, nabo bonke. Yilokho abakwenze ngani, ekuqaleni, manje nabuyela emuva ngqo ekuzibhixeni okufanayo eniphuma kukho. Qaphelani indlela, bekuhlala njalo kuyindlela efanayo. Akukaze kwehluleke, uSathane wenza into efanayo.

223 Manje uthathwa kakhulu ngumsindo wobukhazikhazi, kanjalonjalo, kuze kuthi, he, akalinaki ngisho neZwi. "O, mfowethu, uMfowethu u*S'ban-bani* washo *ukuthi-nokuthi,* futhi ngifanele ngiye ngapha. Ngi . . . " Niyabo, uthatheke kakhulu nje, akaLiqapheli ngisho. Noma ngabe yiZwi noma akusilo iZwi, akwenzi mehluko. "Bonke abanye babo bathe kwakulungile, ngakho Lokho akwenzi kwehluka." Ihlelo lithi, "Mfana, unakho, ungavumeli-muntu akutshele!" Unani? Uyabo? Qaphela.

224 USathane selokhu abanakho, ngisho nangaleyonkathi, bhekisisani kulendawo eyodwa lapha, wamboza iZwi. Ngisho nakulokhu okungaphezu kwemvelo azama ukuthola uJesu ukuba akwenze, okungaphezu kwemvelo, niyabo, ngokuba nokungaphezu kwemvelo, ukuba-ke uJesu wayemlalelile? Niyabo? Wathi, "Manje linda. Ufuna ukuhlala neZwi, Uyafuna na? Ufuna ukuhlala neZwi?" Wathi, "Kulotshiwe, Uyakuyaleza iziNgelosi zaKhe ngalokhu. Noma nini uma Uqhuzuka etsheni ngonyawo lwaKho, ZiyaKuthwala." Kodwa Wayengaqhuzukitsheni ngonyawo lwaKhe. Niyabo? Bhekisisani. Ukuba-ke wayehlale nakho na? U . . . Niqaphelile, angizange ngithi wacaphuna iZwi; waLimboza, waLimboza, njengokubeka u ayisingi ekhekheni, waLimboza konke, waLipenda ngomcako, niyabo, Lalingekho endaweni yaLo efanele.

225 Yilokho abazama ukukusho namhlanje, bezama ukuLipenda ngomcako, kodwa ungeke wakwenza kuhambisane nawo wonke umBhalo. Kuzofanele kube yiyo yonke into, "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade." Niyabo, akunandaba ukuthi yiZwi elingakanani ozama ukulimboza, lokho akwenzi . . .

226 Lifanele licashunwe ngendlela ALisho ngayo nje. Manje-ke, uma Licashunwa ngokufanele, UyoLiqinisekisa ukuthi linjalo empilweni yakho. "Bazi kanjalo-ke bonke abantu ukuthi niyizincwadi ezilotshiwe ezifundwa nguNkulunkulu." I*ncwadi* elotshiwe yileli "Bhayibheli." Kunjalo na? Incwadi yiBhayibheli. Futhi niyiBhayibheli elilotshiwe nibonisa iZwi laKhe, lowomuntu ophelele futhi, kuNkulunkulu.

Kodwa uJesu wathi, "Kulotshiwe, futhi." Niyabo?

227 Kodwa qaphelani uEva kulesisigaba esifanayo, wathatheka ngukuqonda kwakhe okungaphezu kwemvelo, wayenesehlakalo sesayense yezenkolo. Imfundo yakhe yayiphakeme kunoma yimuphi usiyazi wezenkolo ezweni ngalesosikhathi. Niyabo, wathatheka kakhulu, wayengakwazi. Wayazi ukuthi wayenento ethize uAdamu ayengenayo neze. Mhlampe wayezokwazi ukubusa phezu kwakhe khona manje, ngoba wayazi kakhulu ngayo, uAdamu wakhe. Bhekisisani ukuthi oAdamu babo benzani namhlanje. Wayazi okuhle kokubi, imfundo enhle yeQiniso. Kunjalo. Wayenemfundo enhle yeQiniso, ayengayazi ngaphambili, futhi kwakuyiQiniso likaNkulunkulu. Kodwa wayefile, ngokwephula iZwi. Ya, wathola imfundo yakhe, kahle.

228 Kanjalo ikholiji likunika isehlakalo sesayense yezenkolo, ukuthi ungacaphuna sonke isimilo seTestamente eLidala noma eLisha. Kodwa qaphela ukuthi wenzani, uma kungalephuli leloZwi khona lapho, uma wenza uthi nje, "Awu, kungokwabo." Qhabo, kungokwakho, othandayo! Niyabo? Niyabo? Qaphela. "O, lokho kwakungokwebandla kudala." Nguyena izolo, namuhla, naphakade! Wayenemfundo ekahle, kodwa futhi wayefile esonweni naseziphambukweni.

229 Manje icebo lesithathu likaSathane. Sizofika kulo masinya ngoba asifuni ukuthatha esinye isikhathi esiningi kunoma kungenzeka, mhlawumbe eminye eyishumi nanhlanu, imizuzu engamashumi amabili, uma nifuna ukuhamba nize nifike lapho. Qaphelani icebo lakhe lesithathu-ke, elakhe, noma isilingo sakhe sesithathu. Uma ezinye zazehlulekile, lesi ngeke, niyabo. Manje uthembisa ukukunika isikhundla ebandleni, njengoba enza kuJesu. "NgizoKunika izwe. Ube yinkosi, ngizokwenza. Onke angawami, ngakho ngilinika Wena."

230 Ubani ongenza indoda ibe ngumfundisi na? Ubani onganika indoda isiphiwo ngokubeka izandla phezu kwayo na? "UNkulunkulu umisile ebandleni!" Niyabo? Niyabona ukuthi balisonta kanjani iZwi. NjengoEva manje, nokwazi

kwakhe okusha, ukwazi, wayenoAdamu ekuthonyeni kwakhe. Wayengenza noma yini ayefuna ukuyenza, niyabo, masinya nje ekutholeni uAdamu ukuba akwemukele.

231 Futhi, kodwa nxa efika kuJesu, Akakwemukelanga. Wathi, "Buyela emva kwami, Sathane." Ngamany'amazwi, mangingalicaphuni ngokungesikho, kodwa nje ngenezele lokhu kulo. "Kulotshiwe, wonke umuntu uyakuphila ngawo onke amaZwi kaNkulunkulu; hhayi ngesiphakamiso sakho, 'Ngizokwenza umbonisi omkhulu, igosa, noma—noma idikoni, noma ngizokudedela udlale upiyano, dadewethu.' Niyabo, zonke leziziphakamiso, 'Ungumuntu othandwa kakhulu ngabantu, futhi siyalidinga ithalente lakho ebandleni lethu.'" Niyabo, woza eZwini!

232 Wayekwazi ukumbusa, noma amfundise, kuyafana nesilimo sanamhlanje. Yileyondlela abakwenza ngayo namhlanje, ukuba yiD.D., igosa lesifundazwe, umbonisi, imenenja yesigodi, noma enye into ethize njengaleyo.

233 Kwehluke kanjani kuJesu! Wahlala neZwi. Manje, imizuzu embalwa elandelayo, ngifuna ukufakazisa zonke lezizinto ziyiqiniso, niyabo, ngakho kokubili imvelo neZwi, ngihlanganise lokhu ndawonye. Lokhu kufakazisa ukuthi WayeyiZwi lenziwe inyama, ngeSinkwa. WayeyiZwi lenziwe inyama. Ngokuba Wabonisa ini na? IZwi kuphela.

234 Uma uyincwadi elotshiwe, ubonisa iZwi kuphela; hhayi okushiwo yikholiji, okushiwo ngomuny'umuntu, ukuthi uNkosazana Jones ucabangani ngaLo, ukuthi uDokotela u*S'ban-bani* ucabangani ngaLo, kodwa ukuthi uNkulunkulu wathini ngaLo. "Onke amazwi omuntu mawabe ngamanga, nawaMi abe yiQiniso! Oyokwephula emincinyane yalemiyalo, futhi afundise abantu kanjalo! Oyosusa iZwi elilodwa kuleNcwadi, noma enezele izwi elilodwa kuYo! Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kodwa ngamaZwi onke aphuma emlonyeni kaNkulunkulu." Phila Phakade ngaleloZwi!

235 Njengoba nje udingeka ube nento efile lapho ukuba uphile ngayo, uzodingeka ube noKristu ukuba uphile ngaye lapha noma ufe. Futhi yini uKristu na? "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu."

236 Futhi niyincwadi efanayo elotshiwe, eyodwa yonyaka owodwa neyodwa yomunye, yokuKhanya kwalelohora; kodwa bayehluleka ukukubona. UyaKubonisa kuphela.

237 Abanye bagxilile, noma bekoyedwa, kuphela behluleka ephuzwini elilodwa; kodwa Akehlulekanga. Futhi njengoba ngishilo, eSambulweni 22:18, Wathi, "Oyonezela kuLeli!"

238 Manje bhekisisisani nisondele ngempela manje. UMathewu 24:24 ungowethusayo, ukuthi babekanjani . . . "Cishe impela, ngalolu izinsuku zokugcina," uJesu wathi, "nabakhethiwe

bayodukiswa yilento." Bhekisisani imimoya. "Ngezinsuku zokugcina," manje lowomBhalo uzofanele ugcwaliseke. Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje, lokho kwaku, "Ngezinsuku zokugcina, nabakhethiweyo, abamiselwe ngaphambili, bakhethelwa kukho, bayodukiswa . . . " Kuphelele kakhulu, kungokomBhalo kakhulu, futhi kubukeka kukuhle kakhulu futhi kucacile, ukuthi ungebone-cala kukho, empeleni, ngabakhethiweyo kuphela abayophunyuka kukho. Manje yilokho uJesu akusho. Niyakukholwa na? ["Amen."] "Badukise nabakhethiweyo uma kwakunokwenzeka."

239 "Ngani, yimiBhalo ngokuphelele, ningakubona ngeso lemvelo." Kodwa, niyabo, akusikho lokho. UJesu . . . LabobaFarisi babenalowomBhalo ngokuphelele nje njengoba Wawungenzeka, kodwa ngokuhumusha kwabo uqobo.

240 Babazi kanjani ukuthi Wayengenalo iphutha na? Ngoba uNkulunkulu wawaqinisekisa onke amaZwi Awethembisa kuYe kulowonyaka. Yingalesosizathu babazi ukuthi WayenguMesiya. Niyabo?

241 Manje qaphelani, "uma kwakunokwenzeka," ngalezizinsuku. IZwi elilodwa kuphela, iZwi elilodwa liyadingeka. Yilokho kuphela uSathane ayedingeka abe nakho kuAdamu, aMthole eZwini elilodwa nje. Yilokho kuphela adingeka abe nakho namhlanje, athole into eyodwa nje ijikisiwe. Yilokho kuphela, yilokho kuphela akudingayo. Manje, niyazi lelo yiQiniso. Ukunezela elilodwa, noma ukususa elilodwa, kungukwehluleka isiqothu. Konke nokuncu, "Onke amaZwi kaNkulunkulu!" Cabangani manje ngezihumusho zamakholiji, zonke zehlukile kwezinye.

242 Kuzofanele kube neQiniso ndawondawo, futhi yiLo *leli*, iBhayibheli. Manje uJesu wathi . . .

243 Wena uthi, "Awu, Mfowethu Branham, banokukhonza okuhle ukwedlula konke."

244 UJesu wathi, "BaNgikhonza ngeze, befundisa imfundiso isayense yezenkolo yomuntu, hhayi iZwi," umuntu, umqondo wakhe uqobo ngeZwi lihunyushwa.

245 Njengoba ngishilo, uNkulunkulu akadingi-mhumushi. Uhumusha onke amaZwi Yena uqobo. Niyabo, awudingi-muntu ukuba aLihumushe kuwe, uNkulunkulu ulihumusha kuwe uma uvuma ukuLemukela. Niyabo, lokho ngukuPhila, lokho ngukuPhila qobo lwaKho.

246 UJesu wathi, "BaNgikhonza ngeze." Empeleni bakhonza uNkulunkulu. UKayini empeleni wayekhonza uNkulunkulu, ekuqaleni. "Kodwa baNgikhonza ngeze." Yini *ize* na? "Akusizi ngalutho."

247 Bangahle bathi, "Awu, ngenza *lokhu*. Ngisina emoyeni. Mina, ngikhuluma ngezilimi. Mina, ngiyaprofetha.

Ngishumayela iVangeli." Kodwa wehluleke ukuyeka izinwele zakho zikhule, wehluleke entweni eyodwa, bese ubona ukuthi kwenzekani, uMoya uyokushiya khona lapho. Yilokho okwenzeka emabandleni ethu, ehluleka.

248 "BeNgikhonza, ngeze. O, kungukukhonza okuhle. Kodwa baNgikhonza ngeze, befundisa imfundiso eyimiyalo yomuntu."

249 LabobaFarisi babengosiyazi bezenkolo abafunde kakhulu. Ningalokothi ukuba nithi sinanoma yini namhlanje ukuqhathanisa nabo. Qhabo, nhlobo. Babazi izwi elilodwa, onke amazwi, ngendlela nje elalilotshwe ngayo, kodwa babekhonza ngeze. Kucabangeni, "ngeze," izikole ezinhle ezinkulu, namakholiji, nothisha, nensizwa, nayo yonke into enjengaleyo, kodwa balahlwa!

250 Kufana nasehlane, Wathi, "Bonke badla imana kuleloDwala lokomoya elalisehlane, bonke baphuza kuleloDwala, ngiqonde ukusho njalo, futhi bonke badla imana kulo." Futhi uJesu wathi, "Futhi bona, bonke, bafile." *Ukufa* kusho ukuthi "behlukene Phakade." Ngani na? Ngoba behluleka ukukholwa isithembiso sikaNkulunkulu.

251 O, ngiyakuzonda ukunigcina kanje, kodwa nje ngifanele ukukusho. Bukani, ngeke ngithathe umzuzu kulokhu. Bonke labobantu baphuma phansi kweNsika yoMlilo, baphuma ehlane, bekholwa uNkulunkulu, bamasha baya phambili. Kodwa lapho sebefika ukubona isithiyo, ngenkathi a—ngenkathi abayishumi bebuya base bethi, "Singeke salithatha izwe. O, he, bayiziqhwaga laphaya. Bayi*lokhu*, *lokho*, no*kunye*. Bavele nje . . . Singeke sakwenza. Akunakwenzeka."

252 Kodwa benzani uKalebi noJoshuwa na? Babathulisa du abantu. Bathi, "Sinamandla amakhulu okulithatha." Ngani na? Labobantu babebuka lokho ababekwazi ukukubona, niyabo, bebuka lokho ababekwazi ukukubona. Kodwa uKalebi noJoshuwa wayebuka isithembiso sikaNkulunkulu. UNkulunkulu wathi, "Ngilinike nina lelozwe. Hambani nilithathe!"

253 Manje amaHeberu 6, ukuba bengingakucaphuna, "Ngokuba akunakwenzeka kulabo asebake bakhanyiswa, futhi banambitha okukaMoya oNgcwele, amandla ezwe elizayo, uma beyobuye bawe, baphike, basuke bahambe."

254 Njengalabo bafo benyukela lapho futhi badla amagreypsi angale kwelinye izwe, bama lapho; futhi ngenkathi sekufika ekulandeleni iZwi, ekuqhubekeni, bathi, "Asikwazi ukukwenza." Futhi bafa ehlane.

255 Yilapho esifike khona. Sinambithe okuhle kweZwi likaNkulunkulu. Kodwa, isithembiso esigcwele, "Qhabo, qhabo, ngeke sakwenza lokho, niyabo, ngoba uDokotela u *S'bani-bani* noma omunye umuntu uthi ngeke sakwenza. Lokho ngokwaba phostoli. Lolo kwakungolunye usuku." Nifela lapho-ke.

256 Niyabo, umBhalo wonke ubopha ndawonye, onke amaZwi aWo abopha ndawonye. Futhi ngeke kwanikezwa nganoma yisiphi isichasiselo esibonwa ngukucabanga nje esenziwe ngumuntu, inqubo, kumbe noma yini. Kwembulwa kuphela nguMoya oNgcwele. UJesu wathi, "Baba, NgiyaKubonga Uzifihlile lezizinto kwabahlakaniphileyo nabanokuqonda, futhi ukwembulela izingane zona eziyofunda."

257 Masinya manje asiye kulomcabango olandelayo lapha uma singaphumelela. "BaNgikhonza ngeze." LabobaFarisi, abafunde kakhulu, o, belunge ngokuziphatha; kodwa babizwa, nguJesu ukuthi bango, "develi." Labo siyazi bezenkolo abafunde kakhulu, uJesu wathi, "Ningodeveli, futhi niyokwenza imisebenzi kayihlo." Wathi, "Nihlobisa amathuna abaprofethi, kodwa oyihlo emuva ngalesosikhathi esifanayo . . . Labo baprofethi bayaphuma ukudiliza lezozinqubo zenkolo." Yilokho abakwenzile.

258 Abaprofethi! Livelaphi iZwi, kusiyazi wezenkolo noma umprofethi na? [Ibandla lithi, "Umprofethi."—Umhl.] Hhayi kosiyazi bezenkolo nesikole. Liza kumprofethi, njalo. UNkulunkulu akayiguquli neze inqubo yaKhe, nhlobo. Ubehlala njalo, uhlala njalo! Hhayi eqenjini; kumuntu ngamunye! Hhayi nhlobo eqenjini; umuntu ngamunye, yebo, mnumzane, umprofethi. Futhi bathi . . .

259 UJesu wathi, "Nihlobisa amathuna abaprofethi, futhi oyihlo babafaka lapho." Futhi benza into efanayo impela phansi kobumpumputhe bekholiji likaSathane. Niyabo?

260 Futhi manje, Phentekoste, susa ikhala lakho kulowoMkhandlu wamabandla oMhlaba. Manje, nina befundisi lapha, nizobhalela ikomkhulu, ku—kulababantu. Manje, aniyikudinga ukubhalela i—iAssemblies namaningi awo, ngoba sebevele bayihlelile into, abafuni ukuzihlanganisa nalutho nayo. Nani bazalwane beBaptisti, futhi, susani ikhanda lenu lapho. Aniboni yini ukuthi lokho uphawu lwesilo ngqo lukhuphuka na? Niyazi ukuthi ubani ozokuginga konke, uma kukhona enikwaziyo ngomBhalo. Uma amaZwi lizibonisa Lona kini, dedani kuleyonto. Ihlelo lenu liyogijimela kulokho. Futhi nizofanele nikwenze noma nixoshe ihlelo lenu. Ningeke nabayihlelo futhi nihlale lapho, ngoba nizofanele ningene noma nihlale ngaphandle.

261 Manje-ke, awuseyiyo inhlangano, khona-ke usuzibonakalisile. Impela. UNkulunkulu akubusise, uma ukwenza. Kulukhuni ukusho ukuthi bangaki abazokwenza. Kodwa abanye bazokwenza, akungabazeki. Yebo, mnumzane.

262 Badukisiwe, futhi uJesu wababiza ngo "develi." Manje, kodwa ngenkathi uJesu wayemi lapho, (ini) zonke izilingo, Wasikhuza ngeZwi, futhi wama lapho ngeZwi. UNkulunkulu waMqinisekisa.

263 Njengangale, ngobunye ubusuku, ngashumayela ngoMichelangelo. Bangaki owake waba seForest Lawn futhi wabona itshe lesikhumbuzo sikaMose lapho, ngoMichelangelo na? Lokho kwakwethusa, ngenkathi ngiyongena lapho okokuqala futhi ngalibona. UMichelangelo cishe impela wachitha isikhathi sempilo yakhe, sokwenza. Emqondweni wakhe, wayenalokho—lokho uMose ayefanele ukufana nakho. Futhi wa—wayefuna ukuthola—ukuthola ukumqeda ngaphambi kokuba afe. Futhi wachitha iminyaka neminyaka, yokugweda, eqhezula *lapha*, futhi ephula *lapha*, futhi epholisha *lapha*. Kwaze kwathi, ekugcineni ngolunye usuku eseliqedile, emva kweminyaka eminingi, wayemi lapho nendwangu esandleni sakhe, *kanje*. Wahlehla wase elibuka, umbono owawusemqondweni wakhe, ngokuba selokhu kuqala ezwa ngoMose, kwakufanele kubukeke kanjalo. Nakho kwakulapho, kubaneka phambi kwakhe. Waba nogqozi kakhulu ngomsebenzi wakhe uqobo, wadumela isando waselishaya emlenzeni, wayesempompoloza, "Khuluma, Mose!" Wayecabanga ukuthi kwakunguMose owayefanele akhulume, wayefana kakhulu impela nento eyayisemqondweni wakhe. Nalokho kona emlenzeni kuselapho. Kuyisithombe esibazwe ngetshe esiphelele sonke ngaphandle kwalokho kuqhezulwa komlenze, umlenze wangakwesokudla. Kubhekisise eForest Lawn, lapho ungena emnyango, umkhiqizo ovele kowokuqala waso. UMose kaMichelangelo, uphisi wakhe wobuciko odlula konke, lokho, lokho kwaphawula impilo yakhe.

264 UNkulunkulu unguMqophi omkhulu wemifanekiso, kunjalo, Wenza umuntu ngomfanekiso waKhe, ukuMbonisa, futhi UyiZwi. Futhi Wenzani na? Wazama uAdamu; wehluleka, uMose wehluleka, bonke abanye babo behluleka. Kodwa nangu oYedwa ophelele, haleluya, (kwakuyini na?) engengaphansi kukaNkulunkulu uqobo lwaKhe enyameni, iZwi labonisa kuYe, laletha ukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba; hhayi umprofethi, nokho Wayengumprofethi; hhayi umuntu, nokho Wayengumuntu.

265 MaJuda, ningazami ukuMthatha sengathi ungowenu. Wayengesilo iJuda futhi engesuye oweZizwe. WayenguNkulunkulu. Niyabo? Uyilokho ngalokho igazi lakho eliyikho, niyabo, futhi, kusobala, uyinyama. NoMariya, kusobala, uMariya wayengenakumitha ngoMoya oNgcwele umvusa umuzwa. UNkulunkulu uBaba wadala imbewana, iqanda kuMariya, nengqamuzana leGazi kuye, futhi, futhi kwakuyiGazi likaNkulunkulu.

266 Igazi livela ebulilini bowesilisa. Ngakho kwakunge... Imibala ebomvu ezinhlayiyeni zegazi negazi lifanele livele kubaba, ngoba ingane ayikwazi ngisho ukuthatha isifo sikamama wayo, njengeTB. Ibingaba nofuzo lwaso ekuphefumuleni kukamama, kodwa ingabi nofuzo lwaso,

ngiqonde ukusho njalo, kodwa ingasiphefumula futhi—futhi isibambe. Kodwa yona eyesifazane ingeke isithathe kumama, ngoba yona eyesilisa, eyesifazane ikhululekile kuso, eyesilisa ayisilo igazi likanina.

267 Manje, kodwa uJesu wayengesilo igazi leJuda engesilo eloweZizwe, WayeyiGazi elinokudala ngoJehova qobo lwaKhe. WayeyiGazi likaNkulunkulu. IBhayibheli lathi, "Sisindiswa ngeGazi likaNkulunkulu." Hhayi igazi leJuda noma igazi loweZizwe, bekuyoba ucansi konke, kodwa leli kwakuyiGazi likaNkulunkulu.

268 Qaphelani manje ngenkathi Ebone Lowo ophelele, WaMshaya, waMona. UIsaya wathi, "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, yalinyazwa ngobubi bethu." Wayeyini na? WayeyileloZwi eliphelele, liboniswe ngeSinkwa, wonke umuntu ayakuphila ngaso. Wayeyilowo kolo weZwi likaNkulunkulu elalingagaywa bese lifakwa emaVangelini amane, iziNcwadi ezingamashumi ayisithupha-nesithupha. Futhi umuntu uyakuphila ngaLelo, futhi Lelo lodwa, nawo onke amaZwi aLo. Amen. Lowo kwakunguphisi wobuciko odlula konke kaMichelangelo. Futhi ngenkathi uNkulunkulu ayesekwazi ukuzibonisa Yena kuMuntu, WayenalowoMuntu ophelele odalwe ngomfanekiso waKhe uQobo. O, he, uMuntu onje pho! Wafanele afele thina sonke. Besingahlala kulokho, kodwa singeke. Wafanele afele thina sonke. Futhi Wafa, Opheleleyo; ukuze thina, esingaphelele, senziwe siphelele kuYe, ngokuhlanganyela kuwo onke amaZwi eBhayibheli laKhe. Manje, WayeseMvusa-ke futhi, ngokulungisiswa kwethu, ukuthi sinelungelo, njengoJesu ovusiweyo, ukuthi Ulapha manje ukuba asikhonze, onke amaZwi kaNkulunkulu, esifanele siphile ngawo.

269 Manje, ngokushesha manje, bese sivala. Manje, umlobokazi onguEva wesibili.

270 Manje, umyeni wokuqala, uAdamu; wayefanele akhuliswe ngohide olude lwabaprofethi, kanjalonjalo, bese-ke ephuma ephelele, bese kuthi-ke kwafanele afe ukuze abe yiSinkwa sabo bonke babo.

271 Manje kuthiwani-ke ngoEva na? Uzofanele enze into efanayo. Kodwa nxa kufika uJesu...Khumbulani, uEva wayengowesifazane. Ibandla njalo lingowesifazane emelwe eBhayibhelini, ngoba liwumlobokazi. Manje bhekisisani ukuthi lenzani. Lazama ukuMncengela emfundisweni yalo. Inqobo nje uma lalizoshumayela nje ababekucabanga, WayenguMfo omkhulu.

272 Kodwa ngolunye usuku uqala ukukhuluma, wayesethi, "Mina noBaba simunye."

273 "O, Uzenza Wena uqobo ulingane noNkulunkulu, uyabo. O, he! Asifuni kuzihlanganisa ngalutho nalowoMfo, nhlobo."

274 Nazozonke lezi ezinye izinto Ayenazo uqala ukuthi athi, "Uma ningadli iNyama yeNdodana yomuntu." Nicabanga ukuthi udokotela wayengacabangani, ehlezi phakathi lapho na? Nicabanga ukuthi noma yimuphi umuntu wayengathini, ukucabanga okwejwayelekile nje na? "Nizofanele nidle iNyama yaMi futhi niphuze iGazi laMi."

275 Bathi, "LoMuntu uyindlabantu, akasuye umfundisi. Dedani kulowo Muntu, Uyahlanya. Dedani kuYe."

276 Kodwa kwakuyiQiniso. Niyabo, kwakuyiQiniso. "Uma ningaYidli, nizobhubha. Nizofa nonke, uma ningaYidli."

277 Leyo yinto efanayo namhlanje. Isinkwa newayini kuyisifanekiselo kuphela, ningavumi ukuba leyonto yemvelo inehlise. Nifanele nidle uKristu, oyiZwi eniphila ngalo, "onke amaZwi aphuma," lonke iBhayibheli kusukela kuGenesisi kuya eSambulweni.

278 Manje, uEva wesibili, mbhekisiseni. Wayedalwe kabusha, njengoba Wayenjalo, ngoSuku lwePhentekoste, wagcwaliswa ngoMoya, futhi wondliwa ngeZwi. Amen. Manje ngithola ukuba nenkolo. Ngizizwa ngikahle. Lelo bandla lokuqala, lowoEva wokuqala, owayezoba nguMlobokazi kaKristu. Bangaki abangathi "amen" kulokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Wayezoba nguMlobokazi kaKristu. Wazalwa ePhentekoste, hhayi eNayisiya, eRoma; hhayi eLandani, eNgilandi; noma hhayi eUnited States; hhayi eJalimane noLuther, hhayi eNgilandi noWesley, hhayi eUnited States namaPentecostal, okubizwa kanjalo. Wazalwa ngoSuku lwePhentekoste. Wayegcwaliswe ngoMoya. Futhi wayegcwaliswe ngoMoya, futhi wondliwa ngeZwi, "onke amaZwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu." Ngisho nakuJudase...Futhi, o, babefanele nje bathathe yonke into, iZwi ngeZwi nje, isithombo esiqhakaza ngempela emhlabathini kaNkulunkulu, siMmele, omunye umuthi woMlobokazi.

279 IZwi laKhe lesithembiso laMbonisa kulo. Bamqonda uPetru nabo. Babekade bengekho ekholiji, futhi babekwazi lokho. Babekade bengekho kunoma iyiphi iBhayibheli-sikole, elinye ikholiji lesayense yezenkolo. Babengenamfundo, ngoba babengakwazi ngisho ukubhala igama labo uqobo. IBhayibheli lathi, "Babeyimifunda futhi bengafundile." Kodwa kwenzekani na? Baqaphela ukuthi babekade benoJesu, ngoba lapho Wayekubo, ebonisa isithembiso saKhe. Haleluya! Udumo kuNkulunkulu! Yilokho esikudingayo kulonyaka. IZwi laKhe laMbonisa kulo, ibandla. Laliphila ngawo onke amaZwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu.

280 Kodwa-ke, njengoEva, lahlangana nokuwa kwalo, eZwini, eNayisiya, eRoma, lapho inhlangano yokuqala yake yahlelwa khona, ibandla lamaKristu lomhlaba wonke. Ngabe sikhona yini isifundiswa esikhulu seBhayibheli phakathi lapha na?

Ngabe ukhona u. . .Ngabe ukhona yini usiyazi wezenkolo phakathi lapha owaziyo ukuthi lokho kuyiqiniso na? Inhlangano yokuqala yayise Nayisiya, eRoma. UNkulunkulu akazange abe nenhlangano, akasoze abanayo eyodwa. Lokho kulawulwa ngumuntu. Yilapho bonke be. . .

281 NgingumKristu. "Usonta kuliphi ibandla na?" Linye kuphela. Sengibe nguBranham, iminyaka engamashumi amahlanu-nanhlanu, futhi angizange ngijoyine umndeni, ngazalwa ngiyiwo. Uzalwa kanjalo-ke eMbusweni kaNkulunkulu, futhi ungobonisa iZwi laKhe.

282 Qaphelani, uEva wahlangana nokwakhe. Futhi kanjalo noEva wesibili wahlangana nokwakhe eNayisiya, eRoma, wakunika ihlelo, isivumokholo, wemukela izimfundiso ezingaphikiswa esikhundleni seZwi; wehlise izithombe zabahedeni njengoJupiter kanjalonjalo, wayesephakamisa uPawulu noBarnaba. Wayese—wayesehlisa unkulunkulu welanga nonkulunkulu wenyanga, uAshtoreti, unkulunkulu wenyanga, nesinkwa esilucwecwana oluyindilinga kuye, wayesenziwa engumama kankulunkulu welanga okunguJupiter. Wayeseshintsha usuku lokuzalwa kukaJesu lusuka kuApreli, lapho yonke imvelo, lapho Azalwa khona phansi kwenqama, ngoba Wayeyinqama, futhi wakushintsha lokho kwaze kwayofika osukwini lokuzalwa lukankulunkulu welanga esimweni sokuhamba kwelanga nezinkanyezi lapho, lapho okwenza usuku olulodwa. . .Kukhona nje cishe kuphela umehluko okungumzuzu osukwini uma kwedlula osukwini lwamashumi amabili-nanhlanu lukaDisemba, usuku lokuzalwa lukankulunkulu welanga, hhayi iNdodana kaNkulunkulu. Futhi sonke sidlala uSanta Claus, futhi sihlobise izihlahla, ubuhedeni, nezinto ezinjalo, bese-ke sizibiza ngamaKristu na? Yini indaba ngebandla lamaKristu na?

283 Ngabe uyobakhona yini oyoke avuke phakathi kwethu, ongashumayela iZwi futhi akhulume iQiniso, futhi uNkulunkulu aliqinisekise futhi afakazise kubantu ukuthi Nguyena izolo, namuhla, naphakade na? Asilidingi ikholiji. Asimdingi usiyazi wezenkolo. Sidinga umprofethi. Kunjalo. UNkulunkulu wakwethembisa, futhi.

284 Manje-ke uEva wahlangana nokwehluleka kwakhe, lenza njalo nebandla; lazinikela ehlelweni, ukubusa komuntu, ukuba libuswe ngumuntu, lingabe lisalawulwa nguMoya. Lasuka eZwini, lase lemukela izimfundiso ezingaphikiswa. Ubani ongathi "amen"? [Ibandla lithi, "Amen!"—Umhl.] Impela. Kodwa niyazi yini ukuthi thina maProtestane simukela eziningi impela nje izimfundiso ezingaphikiswa njengoba benazo, uma sinezela utho kuleliZwi noma sisuse utho kuLo na? USathane wamthola, ngesu lakhe elidala elifanayo lokwenza umsebenzi othile alenza kuEva, exegisa. Wakuthola lapho-ke, washo into ehlukile eZwini, isivumokholo noma ihlelo.

285 Olokuqala lwehlela emhlabathini, ekufeleni ukholo, izinhlamvu zezithombo ezibambelelayo zomhlabathi wamaRoma lowo kolo ovela ePhetenkoste, owangena emhlabathini, futhi babashisela ezigxotsheni base bebanikela emabhubesini. Bangena njengoba kwenza omunye ukolo, kunjalo, kodwa Uqala ukulivusa futhi enguqukweni, elifanayo, okwesibili.

286 Njengoba Enza kuAdamu wesiBili. Emva kokuwa kukaAdamu, Uqala ukuvusa uAdamu wesiBili. NoAdamu wesiBili wawa, kwase-ke Kuphakanyiswa. UAdamu wokuqala wawa esonweni sakhe wayesehlala lapho. UAdamu wesiBili wawa, ukuhlenga umuntu esonweni, wase eyiswa phezulu.

287 Manje, ibandla lokuqala lawa eNayisiya, eRoma, kuqala, ngeZwi elilodwa leQiniso eliphuma eBhayibhelini, lapho ibandla lamaRoma babenezele izimfundiso ezingaphikiswa zabo nezivumokholo. Nakho kufika umpristi omncane ogama lingu Martin Luther, owathi, "Lesi akusiso isidlo, lona akusiwo umzimba kaKristu. Yisinkwa esilucwecwana ikosha. Futhi, umuntu, 'abalungileyo bayakuphila ngokukholwa.'" Futhi wajikijela into phansi, futhi wayibhikishela. Nakho kufika inkanyezi yakho yokuqala ikhanya emva konyaka waseThiyathira. Yebo, mnumzane, balungisiswa ngokukholwa! Yena, uMqophi omkhulu wemifanekiso, walimisa ukwenza uMlobokazi owuphisi wobuciko owedlula konke owayezobonisa iZwi laKhe.

288 Kodwa enzani amaLuthela emva kokufa kukaLuther na? Ahlangana noSathane, ayesenza ihlelo ngalo, ayesefa. Alenzanga lutho nhlobo olunye emva kwalokho, lase liphelile, liba ngesikhulu nje isinyokotho sabantu. Kulungile.

289 Manje-ke uNkulunkulu walicosha futhi, ngezinsuku zikaJohn Wesley, nelinye iQiniso ukuba libonise. Wenzani na? Wathi, "Ukungcweliswa kungumsebenzi wesibili womusa." Futhi uNkulunkulu wenzani na? Wakubusisa. Futhi wabhikishela ibandla lamaSheshi, nebandla likaZwingli, nawo onke amanye awo, nawo onke omthetho, nawo wonke uCalvin, noma a—abakaCalvin, njalo, futhi walibhikishela. Futhi—futhi wathi, "'Abalungileyo bayakuphila ngokukholwa,' kwasho uLuther. Nomsebenzi wesibili womusa ngukungcweliswa." Nalelo yiQiniso. Kunjalo. Niyabo?

290 Wayesenzani-ke na? Into efanayo, emva kokufa kukaWesley, noAsbury nabo, into efanayo eyenziwa uLuther, uyahlela, uyafa. Kubukeni manje.

291 Ngaya lapho, lapha kungekudala, ukuyokhulekela owesifazane esibhedlela, eyohlinzwa. Ngangena lapho. Wathi, "Mfowethu Branham, ngikubizile. Awungazi," wathi, "kodwa ungangikhulekela na? Ngizofanele ngibe nokuhlinzwa ekuseni."

Ngathi, "Impela, dadewethu."

292 Kwakukhona omunye wesilisa, owesifazane, nomfana, behlezi lapho, cishe umfana oneminyaka eyishumi nesishiyagalombili ubudala, futhi babengibhekisisa ngokusondela impela. Ngase ngiphenduka ngase ngithi, "Ningangixolela, ngizo . . . "

Wathi, "Donsa lelokhethini!"

Ngathi, "Awusuye umKristu na?"

Wathi, "SiyiMethodisti!"

293 Ngathi, "Lokho bekungesikho engikubuze khona. Ngikubuze . . . Uma uyiMethodisti nje, ngizolidonsa ikhethini. Uma ungumKrisu, awufuni ikhethini lidonswe." Ngakho, ya, kunjalo.

294 Ngakho, kunenqwaba yomehluko ekubeni yiMethodisti, noma iBaptisti, noma iPresbyterian, bese-ke kuba ngumKristu; hhayi ukuba ngokaCampbell, kodwa ukuba ngumKristu, niyabo. Lenzani na? Into efanayo.

295 Kwase kwenzekani-ke na? UNkulunkulu wacosha isigejane esincane ezansi lapha eNingizimu, indoda encane eyikhaladi inengxemu. Futhi, Yena, Wenzani na? Wathulula ukubuyiselwa kweziphiwo, futhi kuba yiPhentekoste. Futhi abaningi benu zingwazi ezindala njengoMfowethu Valdez ehlezi emuva lapho, isazi esesikhulile, wayeshumayela ngiseneminyaka emihlanu ubudala. Uyalikhumbula iPhentekoste lasekuqaleni. Mfana, ungakhulumi inhlangano kulabobafo, babephumile kuleyonto ecasulayo. Futhi babenoMlayezo kaNkulunkulu.

296 Kodwa benzani na? Into efanayo neyenziwa abanye, balihlela. Manje cishe banezinhlangano ezehlukene ezingamashumi amathathu noma amashumi amane, abakamunye, abakambili, abakamthathu. Kuze kuthi, bakithi, yehheni, angikaze ngikuzwe okunje empilweni yami! Nenzani na? Nafela khona lapho ngqo. Yilokho kuphela enaningahamba nigcine kukho. Inhlangano yenu yayingeke ikwemukele Lokhu. Nina, nacosha indoda yenu, "Lendoda, uma ingakholwa nathi, ningabi nayo phakathi lapho. Inhlanganyelo yethu ingeke ibe nakho." O!

297 Bukani, ngishesha, kufanele kufike iMbewu yeqiniso. Kuzofanele kube njalo nje, ngoba Uzela uMlobokazi ongenasisihla noma umbimbi. Uzela khona, uMlobokazi oqinisekiswe yiZwi. O, uyoba yiqembu elincanyana nje. UJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, lapho kwasindiswa imiphefumulo eyisishiyagalombili," (kunjalo na?) "kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Bangaki na? Angazi.

298 Kodwa, niyabo, uMlobokazi uzokwenziwa ngabo bonke abasukela phansi, ababeneZwi onyakeni wabo. Akusilo nje

leliqembu lokugcina, uNkulunkulu uzokhipha yonke into lapha. O, qhabo.

299 Liyoba li—liyoba lincane kakhulu, liyomangaza. Bayokhuphuka balahleke, ningeke nazi ngisho nokuthi sebehambile. Uma-ke Ethathe amakhulu amahlanu ngalezizinsuku zokugcina na? Beningeke neze nikwazi. Wathatha amakhulu amahlanu esikhathini sezinsuku ezimbalwa, izinsuku ezimbili noma ezintathu na? Kunalabobantu abaningi onyuka balahleke emhlabeni wonke, abangazi ngisho nokuthi bakuphi, kungezwakali lutho neze ngabo. UkuFika okuyimfihlo kweNkosi uJesu, Liyohlwithwa.

300 Nabasele babo baqhubeka ngqo beshumayela, njengoba nje kwakunjalo emihleni kaNowa, "Udumo kuNkulunkulu, sinaLo, haleluya," futhi kwabekwa uphawu ekufeni kwabo. Yilokho iBhayibheli elikushoyo, futhi Lingeke lehluleka.

301 NjengoNowa, uMose, uDavide, babonisa ukufika kwaloMyeni ophelele; wenze njalo noLuther, uWesley, nePhentekoste, babonise ukufika koMlobokazi ophelele.

302 Qaphelani, njalo uma ekhomba, wenzani na? Njalo, lelibandla, njengoba kwenza uEva, waphoqa uAdamu wakhe ukuba akholwe ukukhanya kwakhe okusha, icebo lakhe, futhi lapho wafa nalo. "Sizo, awu, iqembu lethu lizohlangana ndawonye, niyabo, o, izibusiso zethu ezintsha zalokho esikutholile, kanjalonjalo."

303 Kwenzani konke lokhu kuEva na? Sinesikhathi esifishane nje manje. Kwenzani konke lokhu kuEva, ngebandla elingumama lokuqala, umlobokazi wokuqala kuAdamu wokuqala na? Kwenzani kuye na? Manje lalelisisani, nizophikisana naLokhu. Kodwa kwaveza "inzalo yenyoka enobuqili." Impela.

304 Indodana yakhe yokuqala yayingesiyo indodana ka Adamu. Uma kwakuyiyo, yayinobuzibulo. IBhayibheli, kuJuda, lasho ukuthi uAdamu...ukuthi, "UEnoke wayengowesikhombisa kusukela kuAdamu." Kunjalo na? Futhi uqala ngokuthi, "UAdamu wazala indodana yakhe, uSeti." Kuthiwani ngoKayini, owayenobuzibulo na? Wayengesiyo indodana kaAdamu. USeti, futhi uSeti wazala; uJaredi, futhi kwehlele njalo kuAdamu, okungukuthi kwehlele ku... "owayengowesikhombisa kusukela kuAdamu." Manje-ke uma uKayini wayeyindodana yakhe, akukho neyodwa indawo eBhayibhelini, ngisho nakuLuka uma ekhomba emuva kukho futhi, akakhombi neze kuKayini eyindodana ka Adamu. Futhi, uma wayengesiyo, wayeyindodana kabani na? Futhi uma wayeyindodana ka Adamu, wayeyindodana yakhe yokuqala, eyayinabobonke ubuzibulo. O!

305 Nanto lelobandla lenyama (aniliboni na?) elemukela into ethize, kwakungukuphinga esikhundleni seZwi. Bantu

bamaPentecostal, busiswani. Kulungile, wavezani kuEva na? Inzalo yenyoka enobuqili. Yenzeni kulolu izinsuku zokugcina, ngehlelo na? Liveze inzalo yenyoka enobuqili, futhi, lijova iZwi. Wathembisa ukunikeza ini na? Izithelo nezinto, hhayi iGazi.

306 Ngesambulo seZwi, iZwi likaNkulunkulu ngaphambi kokuba ngisho Lilotshwe, "UAbela ngokukholwa wanikela kuNkulunkulu ngomnikelo omuhle kunalowo kaKayini, okwafakaza ukuthi wayelungile," iZwi lizibonisa Lona uqobo ngaye, ngomnikelo wakhe.

307 O, uKayini wahamba futhi walanda izithelo zensimu, wayecabanga ukuthi uEva udla iapula. Iningi lamakholiji esayense yezenkolo selikuguqulile lokho manje kwaba yibilikosi. Kwakungukuphinga. Futhi noma ubani uyakwazi lokho, owazi iBhayibheli. Impela, kwakuyikho.

308 Qaphelani, inzalo yenyoka enobuqili yavezwa nguEva wokuqala esuka eZwini. UEva wesibili wenze into efanayo eNayisiya, eRoma. Futhi unani na? Isigejane sabantwana behlelo. Kunjalo. O, bahle ngokwesimilo; impela, kuhle. Kodwa kuthiwani ngakho na? Bafile, ngezivumokholo zabo.

309 Kuyafana manje. Isambulo sikaKayini seZwi senze into efanayo laba oyenzile. Ini? Wamethembisa. Ekupheleni kwesikhathi, yini ethembisa lo Eva manje na? Lalelisisani manje, sengiyavala. Yini ethembisa kulo Eva esikhathini sokuphela na? Ingcebo, iLawodikeya, igama elikhulu, umuntu omkhulu, ucebile. "Kodwa ufile, futhi uhamba-ze, kepha akakwazi." Waphelela lapho-ke unyaka webandla.

310 Kodwa uyaliphika iZwi. Ukwenza uMathewu 24:24 abenguye ngempela kuye, uzama ukungena nenqwaba yomsindo, nenqwaba ya*lokhu*, nenqwaba yezimo zenhlaliswano, nezinto ezinjengale, bezama ukuthi, "Awu, sinamandla! Udumo kuNkulunkulu, haleluya, sinamandla!" Benesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha aMandla akho bewaphika, kusondele kakhulu ngangokuthi bekuyodukisa nabakhethiweyo... Umuntu angasina kanjani eMoyeni futhi akhulume ngezilimi, futhi aphike iZwi likaNkulunkulu liyiQiniso, futhi kube nguMoya oNgcwele na? Ngeke nje kwenziwa.

311 "Onke amaZwi!" UNkulunkulu usho into eyodwa, yilokho impela nje Akuqondile. UngaLihumushi ngenye indlela. IBhayibheli liyasho, ukuthi, "Alihunyushwa ngasese." Lisho ngendlela ALisho ngayo.

312 Qaphelani, amandla amanga. Yilokho impela uSathane ayefuna ukukunika uJesu, enyukele lapho bese eMenza Azibukise. Abantu bayakwenza lokho, ngisho noMkhandlu woMhlaba, bonke. "Ubani onamandla okulwa naye," wathi, iBhayibheli, "lomfanekiso wesilo ozovuka?" Ukuba besinesikhathi, besizongena (kodwa asinaso) kukho. Qaphelani uJesu, uAdamu-Zwi wesibili, ngosuku lwakhe owesifazane,

bhekisisani ngezinsuku zalelibandla manje ukuthi uzosondela kakhulu. Unyaka webandla wokugcina yiLawodikeya. Bangaki abangathi "amen" kulokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Lenzani na? Lingena kanjani esigabeni senkazimulo na? Elisivivi, lingenaNkulunkulu. Futhi lenzani na?

313 Manje, uAdamu ubone uEva ngamabomu. . . noma hhayi ngamabomu, kodwa ngokungazi wakhohliswa, noAdamu waphuma noEva ukuze amhlenge. Ngabe kunjalo na? IBhayibheli lathi, "UAdamu kakhohliswanga." Yingaleso sizathu Libenqabela abesifazane ukuba bashumayele iVangeli. Niyabo? UAdamu wayengekho esiphambukweni, nokho uEva wayekhona. Ngakho yingalesosizathu engafanele ukufundisa, niyabo, noma abuse phezu kwendoda, noma okunjalo. Yilokho—yilokho iZwi elikushoyo.

314 Wena uthi, "Awu, lokhu. . .!" Angikhathali ukuthi *lokhu* kwenzani na*lokho* kwenzani. Kuyilokho okushiwo yiZwi, mfowethu, dadewethu. Ngizama ukufinyelelisa lokho kuwe, niyabo, kuyilokho okushiwo yiZwi. Siphila ngeZwi, hhayi lokho obunye ubufakazi obubonakalayo, noma into ethize enye yenyama, noma esinye isehlakalo. Lokho akuhlangene nalutho nakho. Noma yiluphi uhlobo lwesehlakalo ngeke lusebenze, uma luphika iZwi. "Abaningi bayakuza kiMi futhi bathi, 'Ngiprofethile, ngakhipha odeveli. Ngakhuluma ngezilimi. Ngenze zonke lezizinto, ngashumayela iVangeli, noDokotela wezobuNkulunkulu.' Wathi, 'Wena menzi wokubi, Angizange ngisho ngikwazi.'" Ngokwazi ukuthi iZwi liyakusho Lokho, bese-ke uxegisa ngenxa yenhlangano ethize noma okuthize, inqubo ethize. O, mngani wami, angikwexwayise, njengomfowenu othandekayo okuthandayo. Lalelisisa.

315 Manje, uAdamu wokuqala waphuma noEva, ngoba wakhohliswa. Kodwa, kwakukade kukhona othize lapha kuleLawodikeya, wayazi okwehlukile. Yebo, mnumzane. Ngoba waMkhipha embhedeni wakhe, ikamelo lakhe, ye-. . . Wayengaphandle, engqongqotha, ezama ukubuyela emuva angene. Nokho wayesethole impucuko, wabekwa phezulu. Waye, o, he, "ngaswele lutho," wathi, kodwa wayengazi ukuthi wayehamba-ze, engowokuhawukelwa. Yilelo bandla elidukisa nabakhethiweyo uma kwakungenzeka. Qaphelani, wayenamandla, amandla amanga. Wathatha ingxenye yeZwi, akakuthathanga konke okwaLo.

316 Yimaphi amanga amakhulu kunawo onke ake ashiwo na? Anamaphesente angamashumi ayisishiyagalolunye-nesishiyagalolunye eQiniso kuwo. Uma omunye ethe "UWilliam Branham, ngalolusuku oluthize lwenyanga, wayekade ephezulu ngaleya eHouston, eTexas, edakwe ephelile." Lawo ngamanga. Niyabo? "O," uthi, "qhabo, wayesePhoenix, eArizona. Wayeshumayela kosomabhizinisi abangamaKristu, washumayela ngendaba ethize, abantu abaningi kakhulu

wayelapho, balalela kwaze kwaba cishe ligamenxe eleshumi. Futhi, ligamenxe eleshumi, uyazi ukuthi wenzeni na? Wagoba wayesethatha isiphuzo sotshwala, wayesebuthatha.” Manje kunamanga. Konke okunye kwakho bekuyiqiniso lonke. Niyabo, kufanele nje kubukeke kufana neqiniso impela, ukuba kudukise.

317 Wenza kanjalo-ke abantu namhlanje. Banokungakaka kweQiniso, badukisa nabakhethiweyo . . . Kodwa, iZwi elilodwa, kuthatha lokho kuphela. Futhi ngikufakazisile lokho ngeBhayibheli.

318 Qaphelani, Akazange aphume naye. Nguye owaMkhipha, iZwi, waMenqaba. Manje lokhu kungokubonakala kukubi, nxa sifika ekupheleni.

319 Njengoba kwakunjalo nje eBabiloni, umuntu angeke ame kunoma yini azama ukuzizuzela yona ngempumelelo. Ngeke nje ame. Njengasezinsukwini zikaNowa, akunandaba ukuthi uNowa washumayela kangakanani futhi wexwayisa, akwenzanga nokuncane okuhle. Ngezinsuku lapho uAhabi, ufanele azenzele isinkwa sakhe ukuzithumela yena uqobo esihogweni. Kunjalo impela. Ufanele enze isinkwa sakhe ukuze isihlanganiso sizogqabuka, ukuze sizothumela yena uqobo esihogweni. Njengo Ahabi nje noJezebele. Bona, kodwa, into yakho yile, abacabanganga ukuthi babona. Babecabanga ukuthi babenza kahle.

320 Niyazi, uJesu wathi, “Kuyofezeka ukuthi bayoze babulale ngisho nani, becabanga ukuthi benzela uNkulunkulu inkonzo.” Lindani ize iphume lencwadi yami entsha. Badubula abanye abantu, ngobunye ubusuku, ngokuba bathi kwakungafanele ukuba bahlanganise ibandla eliRoma Katolika neProtestane. Izinhlamvu ezintathu zabhoboza indlu, yomngane wami, nje wazigeja kancane. Lindani lencwadi ize ijikeleze. Abacabangi ukuthi bayona; bacabanga ukuthi benza into efanele. Bacabanga ukuthi be—benza lokho ngenxa yesizathu sikaNkulunkulu, bengakwazi.

321 AmaJuda abulala uJesu, ecabanga ukuthi ayenza into efanele, ngoba imfundiso yawo yebandla yathi Wayenephutha. O, bathi ngabo U . . . “Babethela sona impela iSinkwa ababefanele ukuphila ngaso.”

322 Manje, ngakho-ke, “Abaningi abaMemukela ukuba abe ngukuPhila kwabo, ukuPhila okuPhakade, babephila ngaYe, futhi Wabapha amandla ukuba babeyingxenye yaKhe, amadodana kaNkulunkulu.” Kunjalo na?

323 Bathanda izintangazane, ukufa ekudleni okusasijingi, esikoleni sosiyazi babo bezenkolo. Abamfuni uJesu, iSinkwa sokuPhila. AbaMfuni. BaMkhipha ebandleni labo. Bafanele bakwenze. Angikhathali ukuthi benzani.

324 Wena uthi, "Ucabanga ukuthi uzokuguqula, Mfowethu Branham na?" Qhabo, mnumzane. Kodwa ngikhuluma kwabaKhethiweyo.

325 BaMbeka ngaphandle. Ngani na? Bathatha ukudla kwabo okusasijingi, okuxutshwe nezwe, izichasiselo ezithize ezibonwa ngokucabanga nje zokuthize, futhi bakuxuba ndawonye, base benza ukudla okusasijingi kwekholiji lesayense yezenkolo. Futhi bala impuphu yomprofethi uElija ukukwelapha.

326 Ngabe bakwenza yini ngalolosuku na? UElija wayenempuphu. Leyompuphu yayinguKristu, umnikelo wempuphu, yonke igaywe ngokufanayo. Zonke izinhlamvu zezithombo ezibambelelayo zazifanele zifane, ukukugaya. Wayesephosa lokho phakathi lapho, futhi kwakwelapha ukugula kwabo, noma ukufa kwabo ekhanzini.

327 Kodwa namhlanje banokufa ekhanzini, futhi abayifuni iMpuphu kaElija, uKristu, iSinkwa, iZwi. "Qhabo, mnumzane! Ngukukholwa okungahambisani nenkolo ejwayelekile!" Bangeke babenaLo. Qhubekani nikudle, futhi niyofa njengezwe nje impela. Kunobuthi ekhanzini. Bangeke bayemukele leMpuphu (qhabo, mnumzane) emakhanzini abo esayense yezenkolo. Bangeke nje bakwenze. Manje bayonikhipha kukho, abafuni kuzihlanganisa nalutho nakho.

328 Manje uEva wesibili, uhlamvu lwesinkwa, kwakuyiPhentekoste, wenza njengesinkwa sika Adamu sokuqala, waya ekufeni phansi kwezinhlamvu zezithombo ezibambelelayo zeRoma, phansi kokuhlushwa, ukufela ukholo.

329 Kodwa udadewabo owaba yisifebe, (ngabe yilokho iBhayibheli elikushoyo na?) kunjalo, wenzani na? Waqhubeka ngqo waphumela ezweni wayesezala abantwana. Ubani ongathi "amen" kulokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] ISambulo 17, "Isifebe namadodakazi aso," hhayi owesilisa; abesifazane, amabandla. Ahlelile, yini eyamenza isifebe na? Wanqaba iZwi wayesethatha ihlelo, uba yisifebe. Benzeni abantwana bakhe na? Babeyizifetshana, okuyinto efanayo. Benze into efanayo, benqaba iZwi base beyiswa ehlelweni. "Abantwana bakhe," amadodakazi, amabandla, abukeni.

330 Manje angisho lokhu, ngesiprofetho. Nizoqonda na? Ukuqophisana okukhulu komndeni sekuthi akuphele. Bonke sebebuya ukuba babendawonye. Umama omdala uzothatha abantwanyana bakhe ababuyise futhi. Bonke bayafana, empeleni. Bafuna ukuba munye. Yisikhathi seBandla noNkulunkulu, iBandla neZwi, ukuba munye, khona lapha, ngoba yilokho Akuzelayo; hhayi iqembu "elilodwa" kanjalo. Qhabo, mnumzane.

331 Uhlamvu lukakolo luzoba khona. Manje bhekisisani imvelo, futhi sesiyavala kulomcabango. Bhekisisani imvelo. Umuntu utshala ukolo.

332 Babhala incwadi, ngiqagele nonke niyifundile, mhlawumbe abanye benu bosiyazi bezenkolo, ebizwa ngokuthi *The Silent God*. Ngicabanga ukuthi ningayithola mhlawumbe e—ezincwadini zenu, za—zalapho enithengisa khona izincwadi, ezitolo zezincwadi. *The Silent God*, wathi kanjani . . . Umphikinkolo, wathi, "Naningake nikulindele kanjani ukuthi kube khona uNkulunkulu, owayengahlala phezulu Lapho ngezikhathi zemiNyaka yobuMnyama futhi abukele abantwana abancane bebulawa, ngomlilo; abesifazane, izinwele zabo ezinde zinanyatheliswe phansi etiyeleni, futhi zishiswe; babeke inkabi kwenye ingalo, nenye kwenye, bese zibadonsa bahlukane, ngoba babengasangi isiphambano esinesifanekiso sikakristu; nazozonke lezozinto kanjalo"? Wathi, "Wayengakwenza kanjani uNkulunkulu, uma wayekhona, ahlale phezulu lapho futhi abukele labobantwana abancane besha na?" Niyabo, lowo ngowemvelo, umqondo wenyama. Niyabo?

333 Bukani, niyawazi ukolo, uma ungena emhlabathini, uzofanele ulale lapho futhi ubole na? Yilokho lelobandla lephentekoste eladingeka likwenze, lilale lapho futhi liye emhlabathini, futhi life. Lalifanele libole, ukuze lilethe ukuPhila futhi. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje bhekisisani, futhi manje lona yimicabango yami yokuvala. Manje ukukusonga konke, asithathe imvelo. Bangaki kini abakholwa ukuthi uNkulunkulu usebenza ngokuhambisanayo emvelweni, ezintweni zonke na? ["Amen."]

334 Yena, bukani, Wenze izwe. Uhlenga izwe ngendlela efanayo Ahlenga ngayo umuntu. Umuntu ukholwa yini na? Uyakholwa, bese ebhaphathizwa; bese ehlanzwa ngegazi, ukungcweliswa, okwakungumlayezo kaWesley; bese egcwaliswa ngoMlilo kaMoya oNgcwele, ukhipha izwe kuye, futhi ugcwaliswa ngoMoya, okuyiZwi. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje bhekisisani ini. UNkulunkulu uzohlenga izwe laKhe ngendlela efanayo.

335 Bangaki abane—ne—nethi *IKhaya LesiKhathi esizayo LoMlobokazi NoMyeni,* eteyipini na? Niyabo, ngakukhipha phakathi lapho. INkosi yanginika khona. Ngikunika nina njengoba Inginika khona.

336 Bukani, into yokuqala, izwe lalahlwa, phansi kokuwa kuka Adamu eZwini. Ukushumayela kukaNowa kwaletha ukulungisiswa, futhi uNkulunkulu wabhaphathiza umhlaba ngamanzi; kwase-ke kufika iNdodana yase iconsisela iGazi laYo phezu kwawo, ukuwungcwelisa, ukuwuthatha ube ngowaYo uQobo; bese kuthi-ke ekuphetheni kokugcina, ukwenza kabusha, kuyoba ngumlilo oyoshisa onke amagciwane, zonke izinto, uyophakama izinkulungwane zamamayela, emoyeni.

337 Bese-ke kuba yini na? "Ngabona iZulu elisha nomhlaba omusha, izulu lokuqala nomhlaba kwedlula. Ngase

ngibona uMuzi oNgcwele, iJerusalema eLisha wehla uvela kuNkulunkulu, uphuma eZulwini, uhlotshisiwe njengomlobakazi wakhe . . . uhlotshisiwe njengomlobokazi ehlotshiselwe umyeni wakhe, niyabo, wehlela phezu komhlaba." Manje-ke uNkulunkulu nomuntu . . .

338 Into efanayo ngoJesu, bukani, ngenkathi Ebhaphathizwa emanzini, futhi wenza amalungiselelo aKhe. Wangcweliswa, ukuqala nje, nguBaba; Wayesephakamisa izandla zaKhe, futhi nakhu kufika iJuba phezu kweWundlu. Wayenzani uNkulunkulu ngenkathi Ebeka iJuba phezu kwaLapho na? Wayebiza leyongxenye yokuphila; leyo—leyo kwakuyingxenye yomhlaba, uJesu ukuba adle njengoba sinakho, isinkwa semvelo. Kodwa manje uNkulunkulu uyakubiza, akukho lutho okuzokubamba. Ukufa ngeke kwakubamba. Wathi, "Dilizani lelithempeli, Ngiyobuye ngilivuse."

339 Futhi uma owesilisa nowesifazane eyongena kuNkulunkulu, okuphelelisiwe manje, hhayi phansi kwelumbo elithize, hhayi phansi kwamadlingozi athize, kodwa ngempela uma iZwi naYe ebamunye; uNkulunkulu umsindisile lowo muntu, wamngcwelisa ezintweni zezwe, wenza kabusha yonke into yezwe isuke kuye, ngoMlilo kaMoya oNgcwele, futhi uhlala kulowo muntu, ezibonisa Yena, lowo wesilisa ophelele noma owesifazane bephila ngeZwi. Niyabo, lowo ngumhlaba ohlanziwe. Uyosebenzisa umhlaba ngendlela efanayo, Uyawuhlenga.

340 Manje bhekisisani, uhlamvu lukakolo luwela emhlabathini. Manje, uJesu wayeyilolohlamvu lukakolo olwawela emhlabathini, okwathi kamuva lwenziwa lwaphelela, LwalunokuPhila kuLo. UMose akavukanga. UAdamu akavukanga. Akukho namunye wabo owavuka. Kodwa lo Ophelele owabonisa iZwi ngandlela zonke, onke amaZwi Waphila ngawo! Bangaki abangathi "amen" ngalokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Onke amaZwi Waphila ngawo. Kwenzekani na? BaMfaka ethuneni. Kodwa, izinsuku ezintathu, Walephula walivula wayesephuma futhi. Niyabo?

341 Manje nakhu kufika ibandla futhi, niyabo, liza kulowo Ophelele, kwenzelwa uHlwitho futhi. Manje kwenzekani emva kokuba ibandla liwele emhlabathini eNayisiya, eRoma, enhlanganweni yokuqala na? Ukhona ongathi "amen," ukuthi lokho kuqinisile na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Lenzani na? Liyaphuma futhi ekuvukeni kwesikhashana, Wazama ngoLuther ngokufanayo njengoba Enza ngoNowa. Kodwa wenzani na? Wehluleka eZwini, wahlela. Kwenzani na?

342 Kunjengohlamvu lukakolo lumila. Uma uhlamvu lumila, yini into yokuqala emilayo na? Amahlumela amancane amabili. Manje lalelisisani impela. Yini emilayo, yemvelo manje na? Sizolandela okwemvelo nokomoya, isinkwa semvelo nesinkwa

sokomoya. Kwenzekani na? "Wayengaba kanjani loMuntu yiSinkwa na?" Bhekisisani.

343 Ngenkathi ibandla limila, laliyicembe elincane elilodwa. Manje lokho akubukeki kufana nohlamvu olwangena emhlabathini, nhlobo, kodwa kungumthwali wokuphila. Niyabo? Manje kwenzekani na? Manje umuntu uthi, "O, nginensimu enhle kakolo." Akukabi yiwo. Sekungashiwo ukuthi unawo. Kwenzekani na? Olandelayo ukumila kwakunguZwingli, lowo kwakungomunye umnyakazo omila emva kaLuther. Lowo kwakusalokhu kungesiwo. Yidlebe. Kwasekuthi-ke isiqu saveza amadlebe amaningi, njengoCalvin nje, kanjalonjalo, likhuphuka. Ekugcineni kwavuka ibandla laseSheshi, onke amadlebe. Niyabo, bonke befana nje impela, into efanayo.

344 Kwasekwenzekani na? Ukolo uyaguquka, nohlamvu luyaguquka, nayoyonke into iyaguquka. Okufikayo kwakuyintshakaza. Ungahle ukubize ngentshakaza. Awu, ngenkathi kwenza, bukani ukuthi yini elenga kuyo, izimpova ezincane. Manje lokho, kubukeka nje kufana kakhudlwanyana impela nohlamvu lwasekuqaleni olwangenayo, kunoma kwenza idlebe. Kunjalo na? Awu, umlayezo kaWesley wawusondele kakhulu eBhayibhelini kunokaLuther. Niyakwazi lokho. Kunjalo na? Yini zonke lezozintshakaza ezincane manje na? Kwakukhona iMethodisti kaWesley, amaNazaretha, iPilgrim Holiness, iUnited Brethren, bonke labo phansi kokungcweliswa. Futhi kuvelani-ke kulokho ngaleyonkathi na? Ku, ekugcineni, kwenzani na? Kuyahlela, kwafa!

345 Okuphuma kulokho kwakungamaPentecostal. Wena uthi, "O, mfowethu!"

346 Manje ngenhlonipho yokuzithoba, futhi ngikusho lokhu ngothando lokumesaba uNkulunkulu. Futhi kwangathi uBaba oMkhulu engisanda kunitshela ngaYe, ekuqaleni, wayekhona lapha, osezindaweni zonke. Uma ngisho lokhu ngokulimaza, khona-ke Uzongahlulela. Uma ngikusho ngeQiniso, Uzongibusisa. Uzonenza niKubone, uma nimiselwe ukuPhila.

347 Ngenkathi uhlamvu oluncane lokuqala lukakolo luphuma esiqwini sikakolo, ngokoqobo lubukeka lufana nohlamvu. Kunjalo na? Kodwa kuyini na? Akusilo uhlamvu. Lokho yilowo Mathewu 24:24, "kusondele kakhulu ngangokuthi bekuyodukisa nabakhethiweyo uma kungenzeka." Qaphelani, kubukeka kufana nje nohlamvu. Kodwa kudoncule lokho bese uhlala phansi, bese uthatha ingilazi isibonisa-khulu bese uqala ukukuhluba. Yikhoba nje ohlamvini, noma yikhoba kukolo. Kwenze kuphela ukuluvikela, kodwa kubukeka kufana impela nje nohlamvu. Manje bangaki owaziyo ukuthi lokho kuyiqiniso, phakamisani izandla zenu? Impela. Kodwa yikhoba.

348 Manje, bazalwane bePentecostal, ningangizwa kabi, kodwa leli yiQiniso. Ningeke nayishaya indiva imvelo. Futhi imvelo imemezela uNkulunkulu kuyo yonke into, uMdali wayo.

349 Manje bukani lelokhoba. Libukeka. . .Benzani na? Bakhuluma ngezilimi. Baziphatha impela nje njengoba benza ePhentekoste. Kodwa uma uzokusika lokho, uthatha leyonto encane bese uyihluba, inamaningi amakhoba amancane kuyo. Futhi uma uyihluba, ubona emuva le emva kwakho, uzofanele ubenengilazi ekahle, ubuka emuva lapho. Kunomqumbe omncanyana wohlamvu oluzayo, nanso into yangempela. Ngumthwali. Ngani na? Uzofanele abe lapho ukuvikela lolohlamvu. Usebenza ngokuzwana, kodwa kungokokuvikela lolohlamvu. Manje lapho uhlamvu luvela khona emhlabathini, lukhuphuke lwedlule kumaLuthela, lwedlule kulawo mabandla, lwedlule kuWesley futhi lwedlule lapho, luphume lwedlule ezintshakazeni, futhi manje lwehle luyongena ekhobeni. Manje kubukeka ngokuphelele nje. Akumangalisi uJesu athi, "Bekuyodukisa nabakhethiweyo uma kungenzeka." Kubukeka njengohlamvu nje, endaweni ngqo lapho uhlamvu lufanele lube khona, kodwa kwenzekani na? Lenza into efanayo amanye ayenzayo phambi kwalo, lahlela! Laba yini na? Umthwali.

350 Manje ezinsukwini esiphila kuzo, noma yimuphi usomlando lapha uyazi ukuthi noma iyiphi imvuselelo ihlala kuphela cishe iminyaka emithathu, bese kuthi-ke kuleyomvuselelo kuvela inhlangano. Mfowethu, dadewethu, kulemvuselelo enkulu yeminyaka eyishumi nanhlanu engiphile kuyo, ngibenenhlanhla ukuyiphila nani, akaze ibe khona inhlangano ephuma kuyo. Azisekho ezinye izinhlangano. Ngeke zibe khona. Nanso eyokugcina. Manje, iPhentekoste yadingeka ibe lapho ukuvikela lokhu. Ngabe sayaphi noMlayezo onjengalo ukuba yayingekho iPentecostal ukuwukholwa na? Manje buyelani eMfuleni iOhio, ngo 1933. Niyabo?

351 Ngiyaxolisa ngalokhu, kodwa ngifuna nazi iQiniso. Futhi anginaso isikhathi esiningi esisele, niyakwazi lokho, ngineminyaka engamashumi amahlanu-nanhlanu. Kodwa lamateyipu ayophila uma sengihambile, futhi niyobona ukuthi kuqinisile yini, noma qha, uma ngiba yinceku yeqiniso noma umprofethi wamanga. Angikaze nginitshele lutho namanje kodwa lokho okwenzeka, kanjalo lokhu kuyokwenzeka.

352 Ngumthwali. Kwakufanele. Kodwa ngenkathi lowo kolo uqala ukumila, njengebandla kuqala lalingumthwali kuJesu, kodwa ngenkathi Eqala ukubatshela iQiniso likaNkulunkulu, behlukana naYe. Manje kwenzekani na? Akukho bambiswano. Ngani na? Kuzofanele kube ngaleyondlela, ukuze ukolo qobo lwawo ukwazi ukwenekwa phambi kwelanga isun, s-u-n, futhi ukuze ukolo wokomoya ukwazi ukwenekwa phambi kweNdodana i S-o-n, ukuba uphendulwe ube wuhlamvu lwegolide lweZwi, niyabo, wenziwa iZwi, uNkulunkulu

wenziwa inyama, waqinisekiswa. I... "Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza." Ibandla eliphila ngaleloZwi, ngokufanele, hhayi ngenhlangano, kodwa eBukhoneni beZwi, iNdodana, kuba (ini?) iZwi elifanayo impela elehla ngoSuku lwePhentekoste.

353 Manje, akasifundisi yini uMalaki 4, ukuthi ngaphambi kosuku olukhulu nolwesabekayo lweNkosi oluyofika, ukuthi lokhu kuyokwenzeka na? Bangaki okwaziyo lokho na? "Futhi Uyobuyisela izinhliziyo zabantwana koyise," kunjalo na, "ukuKholwa kobaba bephentekoste lasekuqaleni."

354 "Futhi ngalolosuku," uLuka 17:20, ngikholwa ukuthi nguye, uJesu wathi, "lapho iNdodana yomuntu yembulwa," hhayi abantu. "INdodana yomuntu," hhayi inhlangano. "INdodana yomuntu," iZwi liziphilela Lona futhi phakathi kwabantu! Niyabo?

355 IZwi, qobo lwaLo, lenziwe inyama kuwe, wena ungukuboniswa kwalelihora, uMlayezo, ukulibonisa. Niyabo, uyaphila futhi, uphila ukuPhila okwakukuJesu Kristu. UseBukhoneni beNdodana. Bese kuba se...

356 Kwenzekani kulo na? Kwenzekani kuleloBandla na? Ekugcineni, lalelani, lelokhoba liyasuka kulowokolo, uma usuqala ukubonakaliswa. Kwenzekani na? UkuPhila okwakusekhobeni, kwaqhubeka kwaphuma kwangena kukolo. UkuPhila ngeke kuguquke. Abathwali bayaguquka, bayahlela; niyabo, amadlebe, intshakaza, ikhoba. Kodwa ukolo ungeguquke. Kuzofanele kube yinkonzo eseZwini nje impela njengoba Wayenjalo eZwini, futhi njengoba iBandla lokuqala laliseZwini, ligcwaliswe ngoMoya, londliwa ngeZwi; lingondliwa yihlelo. Londliwa ngeZwi!

357 Manje kunemvelo, neZwi likaNkulunkulu. UyilesoSinkwa. "Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kodwa ngamaZwi onke aphuma emlonyeni kaNkulunkulu."

358 Sengivala manje, ngaphambi komkhuleko. Qaphelani lapha, lapha kufika into engifuna ukuyisho.

359 Manje lelokhoba lizofanele lisuke kulowokolo, lokho kusekuhlinzekeleni kukaNkulunkulu. Bangaki othi "amen"? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ikhoba lizofanele lisuke kukolo, ngoba usuyavuthwa manje. Usuphezulu. Manje, lelokhoba lalingekho lapho, lalingumsekeli, lalingumthwali wokuPhila, manje-ke ukuPhila okuphuma lapho kwaphumela ngqo kukolo. Manje, yingalesosizathu.

360 Lalelani, bangani, suku luni esiphila kulo na? Sibe nemvuselelo yeminyaka eyishumi nanhlanu. Bangaki abangathi "amen" kulokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Nhlangano yini eyavukayo na? Ayikho. Bazama ukungitholela ukuba ngenze inhlangano, bathi, "Ungayenza inhlangano, Mfowethu

Branham, enkonzweni yakho na? Iyoba . . . " Manje, hhayi mina, angikhulumi ngami. Ngikhuluma ngoMlayezo wehora, wosuku.

361 Base benyukela lapho eCanada base bethola abazalwane abambalwa bemvula yamuva. Yafela khona lapho. Niyayikhumbula imvula yamuva, nina bafowethu na? Yayaphi na? Yayaphi noma yini enye into na? Kodwa inhlangano yatholani ngakho na? Izigidi zabaphendukayo, base benza izigqila ngabo, ezivumwenikholo zabo, baceba, futhi bakha izigidi nezigidigidi zamadola ezakhiweni nezinto ezinjalo, futhi bethi "iNkosi iyeza," bethumela abashumayeli emakholiji nezinto, futhi bebafundisa imfundo esayenseni yezenkolo eyenziwe ngumuntu, njengoLuther, uWesley, nabo bonke abenu. Kuba yikhoba.

362 Kodwa, akabongwe uNkulunkulu, uhlamvu luyaqhubeka. Manje-ke uma lokho kuqinisile ngeZwi, ukuya lapho esiphila khona, lokho kuqinisile ngemvelo, kuqinisekisiwe, uhlamvu lukakolo, ngandlela zonke, sinokude kangakanani na? Niyazi ukuthini? Ngizwa ukuza kwenhlanganisela, uMkhandlu woMhlaba, liyokwehlukanisa. Lenzani na? Lizigunda isiqu salo. Kodwa Linesitebhiso esizihambelayo esiLilindile. Lizoya eKhaya, ngokunye kwalokhu ukusa. O, yebo. Niyaqonda, thanini "amen"? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

363 Ngiyazi izwe alikukholwa lokho. Ngeke bakukholwa. Ninga . . . Ukubadabukela nje, ngoba, "Akekho ongeza uBaba waMi engamdonsi; nakho konke uBaba waMi aNgiphe khona kuyoza." Uma igama lakhe liseNcwadini yokuPhila, uyoliqonda ngempela iZwi. Uzofanele, sekwenze isikhathi eside kakhulu. Sekuvele kuqinisekisile ngokuphelele kakhulu, sekuze kube yiQiniso elivumayo.

364 Ngeke sisabanazo ezinye izinhlangano, kodwa zonke izinhlangano ziyongena kweyodwa. Lisiza ngani na? Kuzo . . . Ngokuba benzani ngotshani obomileyo na? Bayabushisa. UJesu wathi, "Izingelosi ziyofika zibuthele ukolo enqolobaneni." Futhi kuyokwenzekani na? "Izinhlanga, namabibi, namakhakhasi, kuyoshiswa ngumlilo ongacimekiyo." Niyabo? Futhi yini ezokwenziwa kuqala na? Izingelosi zaphuma futhi zabopha ukhula amatheriyazi kuqala. Kunjalo na? Niyabo, bazibopha bona ndawonye enhlanganweni eyodwa enkulukazi, azisekho ezinye izinhlangano.

365 Ukolo ulapha. Akabongwe uNkulunkulu, ukolo ulapha. UKristu ulapha. Uyalifakazisa iZwi laKhe, LiyiQiniso. Ukolo ulapha, uyavuthwa manje, ubekwe eBukhoneni beNdodana.

366 Akusuye noma yimuphi umuntu ongaLithinta, kuyasuka konke, "Asizukuzihlanganisa ngalutho naLo." Nifanele nikwenze lokho.

367 O, mfowethu, ngena kukolo, ukuPhila kwakho okukuwe akuphume kungene kukolo. Nizokwenza na? Kholwani

nguNkulunkulu. Ninga . . . Hlalani noNkulunkulu nje. Ngabe niqinisekisile ukuthi nizokwenza na? Uma-ke omunye umuntu ethe . . . Angikhathali.

368 Njengendaba engayifunda, ngesinye isikhathi. Kwakukhona udokotela, wayeyindoda ekahle, futhi wayebathanda abantu abampofu. Futhi ngasosonke isikhathi abampofu babengakwazi ukukhokha izikweletu zabo, niyazi ukuthi wenzeni na? Wasisayina nje ngo inki obomvu, wathi, "Uthethelelwe." Ekugcineni, udokotela wafa. Futhi ngenkathi udokotela efa, umkakhe wayengozidlayo. Wayehlukile, njengebandla namhlanje. Wahamba wayesezihlehlisela emuva zonke ndawonye. Waletha icala, wayesebaphosa bonke enkantolo, "Nizozikhokha lezizikweletu, noma kanjani!"

369 Kodwa umahluleli wacosha amanye amarisidi, wathi, "Woza lapha, medemu." Wathi, "Ngabe lo inki obomvu uyisayini yomyeni wakho na?"

Wathi, "Yebo, mnumzane, yiyo."

370 Wathi, "Ayikho inkantolo ezweni engabamangalela. Bakhululekile."

371 Mabasho abafuna ukukusho. Wasayina iZwi laKhe ngeGazi laKhe uQobo. Akukho lutho okungalisusa kithi, mfowethu. Sikhululekile.

372 Asikhuleke. Impela ni . . . [Umfowethu ebandleni unikeza umyalo. Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Amen.

373 Manje namakhanda enu ekhotheme. Uma ngiqonda, omunye wasukuma phakathi kwabo, ngezinsuku zenkosi, futhi wanikeza isiprofetho, lapho ababefanele bahlangabezane khona nesitha futhi bazibhubhise. Manje, uma ngikuqonda kahle lokho, yinye indawo yokuhlangabezana nesitha sakho, leyo iseZwini. Ilapho esizama khona ukuhlangabezana nawe. Hlangabezana naso lapho no ISHO KANJE INKOSI.

374 Bangaki phakathi lapha, namakhanda enu ekhotheme, (sekusondele kakhulu ukuba kube semini, anginaso isikhathi sokubizela ealtare kodwa lesi nje) ningaziphakamisa izandla zenu, namakhanda enu ekhotheme, amehlo enu evaliwe, "Ngifuna ukuba yingxenye yaKhe. Ngifuna ukuzijoyinela mina naYe neZwi laKhe. Akunandaba ukuthi kufikani noma kuhambani, ukuthi izwe lithini, ngifuna ukuba yingxenye yaKhe," phakamisa isandla sakho bese uthi, "Ngiyafuna"? UNkulunkulu anibusise. Amaphesente ayikhulu, ngiyakholwa.

375 Namakhanda ethu ekhotheme, sisacabanga, asithi ngokuthula sihamishe leliculo elincane manje. Wonke umuntu ekhuleka.

Libusisiwe igoda elibopha (lelo yiZwi)
Izinhliziyo zethu othandweni lobuKristu;
Inhlanganyelo yomqondo ofanayo
Injengalokho ngaPhezulu. ("Njengoba Mina noBaba waMi simunye, nimunye naYe, futhi.")

Nxa sehlukana ingxenye,
Kusinika ubuhlungu bangaphakathi;
Kodwa siyolokhu sixhumene enhliziyweni,
Futhi sethemba ukuphinde sibonane futhi.

376 NgoMgqibelo ozayo ekuseni eFlagstaff, eArizona, iNkosi ithanda, ngiyethemba ukuphinde ngibonane nani futhi. NiyaMthanda na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

377 Manje ngizokushiya kanjalo nje, niyabo. IBhayibheli lathi, "Abaningi abakholwa nguYe, nabaningi abemukela iZwi." Niyabo? Ngeke ngasho ukuthi ngubani onguye noma ngubani ongesuye, lokho kukini. Kodwa uma nibambelele esivumweni kholo esincane esithize, abanye benu maMethodisti, maBaptisti, noma maPentecostal, kumbe noma ungaba ngubani, obambelele entweni ethize ephambene naleloZwi, ngiyacela, bantu bami abathandekayo, phendukani kukho, namhlanje. Ningekwenze na? Phendukani kukho, futhi niphendukele kuYe. Ningavumeli nelilodwa iZwi ukuba like lize linibhidlize nisuke enhlanganyelweni kaKristu. Kwangathi uMoya waKhe ungapha lokhu.

378 Baba, Nkulunkulu, lababantu uhlale lapha isikhathi eside. Kungikhumbuza ngesinye isikhathi ukuthi uPawulu, eshumayela kulomugqa ofanayo, kwakuyiVangeli, bahlala ubusuku bonke gulukunqu futhi bamlalela, insizwa yawa isuka efasteleni futhi yafa. UPawulu wahamba wayesebeka umzimba wakhe phezulu phezu kwensizwa, futhi wathi, "Ukuphila sekubuyele kuyo." Manje, Baba, kunabagulayo nabahluphekile lapha, kunalabo abadinga umkhuleko wemizimba yabo. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu oThandekayo, kungesikho ukulinda kuze kube umhlangano. Abadingi kulinda mhlangano. IZwi njalo lilapha, lowo nguKristu. Ngikhulekela ukuthi Uzobaphilisa bonke. Makuthi bonke baphiliswe ngokuphelele, Nkulunkulu. Siphe khona. Babusise, imizamo yabo. Bebengeke bahlala lapha, Nkosi, bebengeke balalele Lokhu, ukuba bebengaKukholwanga. Manje, Nkosi, baphakamise izandla zabo, bayaKukholwa, manje kwangathi Kungemukela ezinhliziyweni zabo, bonke abefundisi, bonke abangamalunga nje. Isoni, kwangathi singemukela uKristu; umhlubuki abuye. Siphe khona, Baba. Lezizibusiso sizicela eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda,
Wafaka igama lami lapho, eminyakeni eminingi edlule.

. . . ng'thanda kuqala
Wangithengela insindiso
Emthini waseKalvari.

379 NiyaMthanda na? Manje sisacula lelo futhi, yelulekela ngale kwetafula nje bese uxhawulana nomunye, uthi, "Sihambi esithandekayo, ngiyajabula ukuhlala lapha kulokhu ukusa. Ngiyamkholwa uKristu. Awumkholwa wena na?" Into efana naleyo, uma sicula futhi. "Ngi . . ." [UMfowethu Branham uxhawulana nabanye—Umhl.]

Wangithengela insindiso
Emthini waseKalvari.

380 Manje, kusukela manje kuqhubeke, ngabe sesiqedile ngezwe na? Ngabe sesiqedile ngezimfashini zezwe na? Ne . . . konke okombhedo, nakho konke lokhu lapha ubukhazikhazi, nokuthatha iVangeli nokwenza into yokuhweba ngalo, futhi—futhi sesiqedile ngakho na? Asiqedile na? Nginike uJesu nje, yilokho kuphela engikufunayo. "UkuMazi kungukuPhila, ukuMazi." NgiyaMthanda. AniMthandi na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] O, siMthanda kangaka!

381 Manje ngizobuyisela inkonzo kuMfowethu Carl, angazi ukuthi yini enye azoyenza.

382 UNkulunkulu anibusise. Futhi ngethemba ukubuye nginibone ngeSonto elizayo, futhi uma ngingenibone . . . noma ngoMgqibelo ozayo. Uma nginganiboni ngaleyonkathi, nginibone ezansi eTucson. Uma kungesikho ngaleyonkathi, ngizonibona emuva lapha ziyishumi nesikhombisa. Uma kungesikho ngaleyonkathi, ngiyonibona eNkazimulweni. Amen.

383 UMfowethu Carl manje, angazi ukuthi ufuna ukwenzani ngaso lesisikhathi, Mfowethu Williams.

